# *Imibuzo NeZimpendulo*

Asibe silokhu simile umzuzwana nje senzele umkhuleko.

Nkulunkulu othandekayo, siyaKubonga kulobubusuku ngo, kuqala, ngoJesu Kristu, uMsindisi wethu. SiyaKubonga ngenxa yokuthi Yena unguye izolo, namuhla, naphakade. SiyaKubonga ngabantu abakukholwayo lokho. Sijabula kakhulu ukuthi sinoNkulunkulu, hhayi nje unkulunkulu oqanjiwe, isithixo esiqanjiwe, umoya oqanjiwe; ayikho into eqanjiwe ngakho—oqinisile noNkulunkulu ophilayo ohlala nathi nakithi nosebenza ngathi. Hhayi ukwenza isithombe esiqoshiwe kuNkulunkulu, kodwa thina siyimifanekiso ephilayo kaNkulunkulu. . . UMoya oNgcwele, hhayi ekhuluma ngesithombe esiqoshiwe, kodwa ekhuluma ngesitsha esihlengiwe—uNkulunkulu ubonakaliswa enyameni. SiKubonga kakhulu ngalokhu, iNsika yoMlilo enkulu isilandela, noma thina siYilandela, njalo, nangazo zonke izibonakaliso ezinkulu zoMoya ofanayo wenza umsebenzi ofanayo Okwenza njalo uma Ufika emhlabeni. Kusinikeza induduzo enkulu.

2 Sibuthene kulobubusuku, Nkosi, kungesikho okwenye inhloso kodwa ukwazi ukuthi kanjani nokuthi sifunde ukuthi kanjani, ngosizo lwaKho, ukuba sibe ngamaKristu angcono nokuthi izikhonzi ezifanele ezingcono ezifanele zalelihora esisondela kulo. Ungesisize yini, Nkosi; siyaKudinga. EGameni likaJesu. Amen. (Ningahlala phansi.)

3 Bekuneminye imibuzo engamashumi amathathu noma amashumi amane, a—angazi ukuthi ngizofinyelela kanjani kuyo. Ngizame kanzima kulentambama ukubona ukuthi bengingayehlisa yini ize ifike ngisho esilinganisweni esijwayelekile, kodwa angikwazanga ukukwenza. Kodwa ngifuna ukusho ukuthi ngizokwenza okwedlula konke impela engingakwenza uku—ukuphendula lemibuzo, ngoba iyimibuzo emihle, isuka ezinhliziyweni zamaKristu. Futhi ngi—ngifuna ngempela ukwenza yonke into engaziyo ukuthi iphendulwa kanjani ngokuphuse ngakho konke engaziyo ukuthi ngiyiphendule kanjani. Futhi ngi—ngifuna ukubonga iNkosi ngokuthi Isize kanjani kulokhu ukusa ekusisizeni ukuba—ukuba sithole lemibuzo noku—noku—izimpendulo Esinike zona.

4 Manje, nginayo yonke nje phakathi lapha ixubene, ngiqagele ikhulu namashumi amahlanu ngaphezulu. Futhi sinethi ayibe amashumi amabili, ngiqagele, kulokhu ukusa. Futhi—futhi ngakho manje, ngaphambi kokuba siqale, ngithanda nje ukuba ngisho ukuthi uma noma ubani ebefuna ukubona loludatshana ekutheni *Ibandla Lingqangqazela njengoba iziGubhu ziGinqgika,* umfundisi wePresbyterian lapha ehola

inhlangano yebandla lakhe ngomculo wokuzibinya, uhlelo lwe—lwesakramente . . . Ake ngibone nje umzuzu nje.

5 "Amalunga entsha ajikela kwijezi—jezi. Umdlalo wokubethelwa kukaJesu Kristu wokubethelwa u-b-u-n-y-o-n-i-n-c-o bolimi, umculo wokuzibinya." Umelusi lapha ehola yonke injejane ephezulu lapho futhi yedlula emdlalweni wokubethelwa kukaKristu, ukubethelwa kudlalwa ngomculo wokuzibinya nejezi. Awu . . . KuseMaryland. Manje, akusiyo into ethize lokho na?

6 Bese kuthi-ke, nasi isithombe salabo . . . Benginitshela kulokhu ukusa ngalabobaculi okuthiwa amaBhungane, *Ukubuya kwamaBhungane,* futhi nazo izindatshana; benifanele nikufunde nje kwiphephabhuku nazo zonke izinto ezehlukene. " . . . njengoba kwakunjalo, abesanda kuqamba inkolo entsha." Manje, imenenja yawo . . . Nginenothi ephepheni lapha. Aninaso isikhathi . . . Uma noma ubani efuna ukufunda lezi—noma ngingazibeka ebhodini lezaziso, khona-ke ningazifunda. Futhi ngifuna ukunikhombisa nje ukuthi ihora esiphila kulo liyashaqisa. Ningahle ningakuqondi, kodwa, bantu, zamani ukukuqonda, ukuthi—lezizinto ziyini! Ngicele uMfowethu Capps—unemfundo enhle futhi ukwazi ukufunda kangcono kunami—ngicele yena ukuba afunde loludatshana oluvela kwimenenja yamaBhungane. Ungakwenza, Mfowethu Capps, ngalesisikhathi na?

7 [UMfowethu Capps ufunda udatshana ngamaBhungane—Umhl.]

[Ulanda uthi:]

> [AmaBhungane ayamangala ngawo uqobo futhi awaphumi nazimpendulo. "Akukholakali, akukholakali uqobo!" kusho uDerek Taylor, isikhulu sephephandaba lamaBhungane, "Nampa lababafana abane abavela eLiverpool. Bayedelela; bayabhinqa; banenhlamba; futhi sebengamele izwe. Sekungathi sebeqambe inkolo entsha. Bangumphikikristu uqobo. Ngiqonde lokho, ngingumphikristu nami; kodwa bangumphikikristu kakhulu bayangethusa, okungesiyona into elula. Kodwa ngigcwele umqondo wabo. Akanjalo wonke umuntu na? Ngigcwele umqondo wabo nobuqotho babo, nabantu ababathanda kakhulu bangabantu abafanele badlovwe kakhulu."]
>
> ["EAustralia, isibonelo, njalo uma sifika esikhumulweni sezindiza, kwakuba sengathi kwehle udeGaulle, noma ngaphezulu nokho, uMesiya. Imigwaqo yayilayinwe yonke. Izishosha zalahla izinduku zazo. Abantu abagulayo baphuthuma enhla emotweni, sengathi ukuthinta okuvela komunye wababafana kwakuzobenza baphinde basinde. Izalukazi zama zibukela nabazukulu lapho sedlula.

> Ngangikubona ukubuka ebusweni babo. Kwakuba sengathi kufike omunye umsindisi nabo bonke lababantu babejabule futhi bekhululekile, sengathi izinto ngandlelathize zase zizoba ngcono manje." UTaylor wathi ukuthula kancane wayesehloma usikilidi emlonyeni wakhe, "Into kuphela esisalele amaBhungane," wathi, "ngukuya ohambweni lokuphilisa."]

8 Akusikho yini lokho Akusho na? "Abaningi bayakuza kiMi ngalolosuku futhi bathi, 'Nkosi angi . . .'" Niyabo? Manje, aniboni yini ukuthi ngeke nabeka ithemba lenu emikhankasweni yokuphilisa na? Ningeke nabeka ithemba lenu kunoma yiluphi uhlobo lwesibonakaliso esinjalo. Into kuphela ongabeka ithemba lakho kuyo kuku ISHO KANJE INKOSI ovela eBhayibhelini. Manje, Bandla, yilapho impela engizame ukunigcina nikhona, bantwana bami. Futhi uma kwenzeka noma yini kimi noNkulunkulu engisusa kulomhlaba, ningalokothi nehluleke. Nikukhumbule lokhu ngayo yonke inhliziyo yenu: hlalani naleloZwi! Ningalokothi nishiye leloZwi! Noma yini ephambene naLo, ishiyeni kanjalo, akunandaba ukuthi iyini. Khona-ke niyazi ukuthi Liqinisile. Niyabo?

9 Umkhankaso wokuphilisa manje! Indoda eyisoni eyethusa ngisho izimenenja zabo uqobo ngenhlamba yabo, nokungcola, namanyala; nabantu belahla izinduku zabo zokuqhugela futhi baphiliswe ngokubuka lababafana. Kunamanyala kakhulu, futhi kungcolile, nomphikikristu! Niyabo, nguSathane emkhankasweni wokubhinqa. Niyabo? Wenza noma yini uKristu angayenza, kodwa akakwazi ukuqinisa iZwi. Niyabo? Uyothatha ingxenye yaLo lapha nengxenye yaLo lapha, kodwa angeke aLithatha ngakho konke. Niyabo? Angeke aLithola kanyekanye. Ngakho niyabo, akumangalisi iBhayibheli lasho ukuthi lokho bekuyolutha nabaKhethiweyo uma kwakunokwenzeka—umoya womphikikristu.

10 Manje, ngisho nemenenja yabo uqobo yephephandaba lapha, osebenzela iphephandaba, ingakubo, iyakholelwa kubo, futhi yathi ingenwe yinto efanayo, ngoba bayizuzile.

11 Lezozinto ezimbi, lezo . . . Manje, aniboni, besifazane, ukuthi kungani ngizama ukunitshela ngalokhu ukugqoka izikhindi, ukugunda izinwele, ukuphungula, nezinto. Ngumoya. Ngumoya! Nakhu kukhona impela kumaphephabhuku ethu ahamba phambili nayo yonke into yalokho okukhonjiswayo—umculo wokuzibinya nezinto ebandleni. Ngani, kungokuqalelwe uSathane impela, futhi basalokhu bengamabandla namahlelo.

12 Buyelani eZwini, bantwana, ngokwazi kwenu; futhi ningalokothi niLishiye! Nihlale ngqo naleloZwi.

Niyabo, ukuthi ukanjani lowomoya womphikikristu, ungakhuluma ngezilimi, ungakhombisa izibonakaliso nezimangaliso; ungaphilisa abagulayo; ungenza zonke

lezizinto. Niyabo? Labobantu becabanga ukuthi basondela kuNkulunkulu, ukuthi labobafana bathunywe nguNkulunkulu, ngoba ibandla lenzele phansi iZwi.

13 Labobafana bangabebandla. UElvis Presley uyiPentecostal. UPat Boone uyiChurch of Christ. Bukani lababafo, amaPentecostal, iChurch of Christ, nabo bonke abalabo abanjalo naleyomimoya emibi ikubo. URed Foley, iphimbo legolide, iChurch of Christ, ucula amaculo enkolo sengathi akukho-muntu ongawacula nomculo wokuzibinya ngephimbo elilandelayo. Nibazi ngezithelo zabo. Bukani amabandla abasonta kuwo. UElvis Presley bangamalunga eAssemblies of God. Nakho lapho okhona, ngamunye wabo wayekufuna lokho, noSathane ubanika khona.

14 Aniboni yini, bangani, kanjani . . . Ningalahlekelwa yileloZwi. Niyabo, ngumoya othola ukuba kini.

15 Futhi ngitshela laba besifazane, nxa bezenza babukeke bekhanukisa kulezizingubo, ukuthi uNkulunkulu uzokwenza uphendule ngokuphinga. Uma ningikholwa ukuthi ngiyilokho enikushoyo, inceku kaNkulunkulu, umprofethi, lalelani enginitshela khona. Niyabo? Ningahle ningakwazi ukukuqonda, futhi uma ningekuqonde, khona-ke yenzani lokho nje enginitshela ukuba nikwenze. UNkulunkulu uyongethwesa icala ngalokho engikushoyo. Niyabo? Lalelisisani ngempela, futhi nikhumbule ukuthi lezozinto zingumoya.

16 Ngokwejwayelekile, mhlawumbe umuntu aka . . . Niyakhumbula, u*Nkulunkulu ombozwe ngesikhumba*, ngashumayela ngakho kungekudala (niyabo, niyabo?)—uNkulunkulu enesikhumba kukho na? Manje, khumbulani nje, abanye bethu bathunyelwa kulelizwe ukuba babhobokele kulamazinga ezindawo ukusitshela lezizinto. Niyabo? Kungukwaziphambili; nguNkulunkulu ekhuluma, ekhombisa. Uma wehlulela noma yini ngenyama, ngani, bamsulwa (bukani lapha), abantu abakahle, abaqotho, bebengenitshele amanga noma lutho. Nayo yonke into ngudeveli. Okholwayo, ngisho nokuqala umkhankaso wokuphilisa. Niyabo? Kwakhe impela nje umphikikristu. Niyabo? Futhi kunamaPresbyterian nawo onke. Niyawabona lawomahlelo, ukuthi enza kanjani—khona impela entweni efanayo na?

17 Ngani, lapha eLandani, eNgilandi, khona maduze nje babeneqembu lomculo wokuzibinya ukulingisa uKristu, noJuda, nakho konke lokho, ne . . . Babebiza uKristu ngo "Babayi-o" futhi bakhuluma onke lawomazwi akhulunywa ngabantwanyana. Niyabo? Abantwanyana abayinjejane sebephethe izwe. Manje, niyazi ukuthi iBhayibheli liyakubikezela lokho: Abangabongiyo, abangengcwele, abangenaluthando, abangenakuthuliswa, abahlebi, abangalaleli abazali (niyabo?), injejane isiphethe izwe, futhi kukwenzile.

18 Ngaya endaweni ngolunye usuku; babedlala lokhu—omunye walena emidala, imishini efakwa imali idlale umculo, konke okwalezozinto. Ngangingafuni ngisho nokuthatha umndeni wami. Ngathi kulelonenekazi, "Abiza malini lawomarekhode na?"

"Usheleni ingoma."

"Uzodlala ezingaki ngehora?" Langitshela. Ngathi, "Nansi imali; udoncule!"

"Awu," lathi, "Ngeke ngakwenza lokho. Labobantwanyana bangena lapha ukuba badlale lokho."

19 Ngakho angisebenzisanga-mali lapho; ngaya kwenye indawo. Niyabo? Awu, lezozinto zazingakwenza uguliswe yimizwa; wawuyodingeka wehle uyothenga inqwatshana yokuthulisa imizwa ukuba ukuphuze emva kokuzwa leyonto ehlanyayo. Lokho nje kuyamdina umKristu. Uma uthanda lolohlobo lwezinto, uyazi ukuthi yini engalungile kuwe na? Udinga ukuthola ukuthi usindiswe, ngoba lokho okukuwe kuzondla ngokuthile ngaphandle kweZwi. Kuzondla nge . . .

20 Wawungeke umcabange uJesu enza into enjengaleyo wawungamcabanga na? Wawungamcabanga oyedwa wabaprofethi enza into enjalo enjengaleyo na? Aniboni yini, bangani, yonke into yonke indawo ngudeveli. NeBhayibheli lasho ukuthi uyofika kanjani ngesimo senkolo futhi nje enze impela nje njengoKristu. Niyabo? Kodwa indlela kuphela oyoze ukwazi ngayo ukukusho, akusikho ukujoyina *leli*bandla, noma ujoyine *lelo*bandla, ngukuhlala neZwi; UyiZwi.

21 Manje, iNkosi inibusise ngamunye. Siya ngokuqonde ngqo emibuzweni. Futhi manje, cishe i—cishe ihora nemizuzu eyishumi nanhlanu . . . Angizukukwazi ukuqeda yonke lemibuzo. Kunezinqwaba nje zayo. Ngicabanga ukuthi iyimibuzo emihle. Mihle kakhulu. Ngizovele ngigobe nje bese ngikhipha owodwa lapha nalaphaya lapho ngiqhubeka. Futhi manje . . . wuphendule . . .

Nginga—ngicabange ukuthi kulobubusuku ngizokwehla nje, ngidedele omunye ayifunde, athi, "yebo" noma "qhabo," "yebo" noma "qhabo," ku . . . Lokho akusikho ukwenzela abantu ubulungiswa. Babuze leyomibuzo ukuba iphendulwe. Futhi ngeke nga—ngakwenza lokho, ngoba ngizothola lokho engingakuthola; nalokho engingekuthole, ngiyokuthola ngesinye isikhathi esikhona.

22 Futhi manje, ngi—ngi . . . Cishe ngeSonto elizayo, angazi. Ngiyanitshela; uma nizothola uBilly ngesinye isikhathi phakathi kwamanje nangoLwesithathu . . . Singahle sidingeke ukuba sihambe.

23 Manje, nansi into eyodwa. Ngisemuva le ezingxoxiswaneni. UBilly ungikhombise inqwaba yezingxoxiswano eziphakeme

*kangaka*, ebezilindile, ezinye zazo, sekuyizinyanga. Awu, ngisekhona, ngizofanele ngibambe ezinye zalezo, ngibambe omunye womhlangano, ngenze konke engingakwenza ukuthi ukukwenza kulingane. Ngizokhuleka kuleliviki ngisahambile futhi ngibuze iNkosi, "Uzofuna ngenzeni, ngiqede lena noma—noma ngithathe izingxoxiswano na?" Uma ngithatha izingxoxiswano, khona-ke ngizovele nje ngiphathe—ngize ekhaya ngeSonto bese ngiphatha izingxoxiswano ngiziqede ndawondawo, bese ngiqhubeka ngqo usuku lonke nezingxoxiswano. Futhi uma ngingakwenzi, ngani, ngizofanele ngibeke izingxoxiswano eceleni ngize ngibuye futhi. Uma ngingakwenzi, khona-ke ngizophendula . . . Ngizo . . . uBilly uzonithumelela ikhadi.

24 Futhi ngiyanitshela; kuhle, lababantwanyana abathandekayo, ukunitshela ukuthi bathandana kanjani, uthando abanalo lomunye nomunye. Omunye uzotshela omunye nomunye uzotshela . . . UBilly ubiza oyedwa nje ngamancozuncozu, cishe amamayela ayikhulu namashumi amahlanu, nabanye abasele uthola abanye abasele. Bayathandana. Abafuni ukugeja noma yini. Bane—bafuna ukuba lapha ngayoyonke imizuzu ukubona ukuthi kwenzekani; ngokuba uma iNkosi ingahle inikeze okuthize, bafuna ukuba lapha ukuba bakwemukele. Futhi ngiyabathakasela.

25 Manje khumbulani, bangane abathandekayo, kulokhu ukusa ngenze isitatimende kweminye yemibuzo. Futhi ngiqaphele eminye yale (ya!) nokho—ingene kulokhu ukusa, iphathelene kakhulu nabantu bethuthela eArizona. Niyabo? Bengicabanga ukuthi ngiyo—kungcono ngikucacise lokho, ukuze niqonde.

26 Manje, ninga—ningacabangi ukuthi ngizama ukutshela abantu ukuthi bangakha kuphi, nokuthi bangenzani, no . . . Manje, ngisho lokho, mfowethu othandekayo. Kunabantu abaqotho ofuna ukuthuthela e . . . Awu, noma yimuphi umuntu ofuna ukuthutha, ngizo—zojabula impela, inqobo nje uma ngilapho oku—kakhulu impela njengoba ngilapho . . . Ngilapha cishe ngokuphindwe kashumi kunoma ngilapho. Ngine . . . Phakathi kwamanje noKhisimuzi, nginezinsuku cishe ezine ukuba ngibe lapho. Bese-ke masinya emva kwalokho, ngiya phesheya kwezilwandle. Ngizoba lapha etabernakele mhlawumbe amaviki amabili noma amathathu ngaphambi kokuba ngiye phesheya kwezilwandle e—emvuselelweni, njengoba ngivamise ukukwenza ngalentwasahlobo. Bese-ke kusukela lapho, nginomhlangano owodwa kuphela kuyo yonke iArizona, nalokho kuphuma ngoJanuwari ePhoenix, ubusuku obubili neChristian Business Men. Niyabo? Angi . . . Uma abantu phandle lapho . . . Ungayiqhwabaza leyoteyipu na?

[UMfowethu Branham ucela ukuba iteyipu rekhode icishwe esakhuluma ebandleni. Akuqoshwangwa eteyipini—Umhl.]

27 Manje, njengoba siqala kulemibuzo kulobubusuku, ngizocosha owodwa lapha ne. . .Niyayijabulela na? Thanini, "Amen!" [Ibandla liyaphendula, "Amen!"—Umhl.] Ngibona ukuthi kunenzuzo kithi ngalesisikhathi. Futhi o, ngikholwa ukuthi kafishane e. . .Ngibuka kulokhu ukusa ngaphambi kokwehlela lapha kwezinye—zinye izindikimba nezinye izindawo eBhayibhelini, ngacabanga, "O, into eyisimanga kanje pho okungaba yiyo. . .Sisalinde ukufika kweNkosi, into eyisimanga kanje pho obekungaba yiyo ukubuyisela emuva kuzozonke lezozimilo zeTestamente eLidala, ngoJobe nangalokho, bese ngiphatha uhlu lwemihlangano ngazo (kungebe yisimangaliso leso na?), ukunikhombisa nje ukuthi zifanekisa kanjani ngqo osukwini (iZwi lonke libopha ndawonye), nakho konke ngezimbubhiso ze—nezikhathi zasendulo ukuthi zifanekiseka kanjani nenamhlanje; ukuthi yonke into eTestamenteni eLidala ikhuluma ngokufika kweNkosi uJesu."

**279.** Manje, umbuzo wokuqala engiwuhoshe lapha: **Mfowethu Branham, akulungile yini ukuba umKristu afake—afake izinwele zakhe ezinsongweni zophini bamakhelzi na? Futhi, ibe mide kangakanani imikhono yakhe na? Ngiyabonga. Udade.**

28 Manje, lokho—kusho lukhulu kulowo wesifazane. Manje, kwabanye bethu bafowethu singahle sicabange ukuthi, "O, owesifazane oyisithutha." Kodwa—kodwa akusibo ubuthutha kuye; ufuna ukwazi.

Manje, mayelana nokufaka izinwele kulokho okwakuyini, imisila yezingulube noma enye into na? Ngiyaxolisa. A—angizange. . .Ku. . .Ngiyaxolisa. Izinsonge zophini bamakhelzi. Ngiyaxolisa. Amasethi ophini—imisila yezingulube! Yilokho amantombazane ayevame ukukufaka eminyakeni eyedlula. Niyakhumbula, uhlobo. . .Kwakungenjalo lokho na? Babekubiza ngemisila yezingulube, uhlobo nje lwamakhelzi elenga ehla na? Qhabo, izinsonge zophini bamakhelzi, ngiyaxolisa, bangani.

29 "Ufanele agqoke okunemikhono emide kangakanani na?" Ngi—angicabangi ukuthi lokho kunento ethize ngalokho. Angazi. Niyabo? Engingenakukwesekela ngeBhayibheli, a—angifuni ukukhuluma kakhulu ngakho.

30 Manje, nginitshela nje lokhu ngokwami, ngoba anginamBhalo wokwesekela lokhu. Into kuphela enginayo yamanenekazi mayelana nezinwele zawo ngukuba angazigundi. Ukuthi afuna ukuzilungisa kanjani, lokho kukuwo. Futhi mayelana nezinsonge zophini bamakhelzi, empeleni, angazi ukuthi ziyini, ngaphandle uma kuyilezizinto ezifana nophini bezingubo zokugqoka azihloma ezinweleni zawo, kumayelana ne—into kuphela engiyaziyo. . .

31 Nobude bemikhono, ngicabanga ukuthi, ngokuba ngumKristu, uNkulunkulu uzokutshela ukuthi ufanele wenzenjani ngalezozinto. Niyabo? Ngikholwa ukuthi njengomuntu ongumKristu ubu—ubuzokwazi ukuthi kwenziwa kanjani lokho. Angikholwa ukuthi uNkulunkulu unquma ubude obuthize noma ngabe kuyini. Inqobo nje uma uqotho futhi ubukeka uhloniphekile futhi uhlanzekile, ngi—ngicabanga ukuthi lokho kulungile. Anicabangi nina na? Niyabo? Manje, lowo nje ngumbono wami. Manje, lona yimina, niyabo, ngoba ngeke ngasekela lutho ngomBhalo.

32 Ngikholwa ukuthi kulokhu ukusa umbuzo uvela mayelana nokupenda izinwele, niyazi, ngo—ngombala. Manje, ngi—ngi—ku—ngi—ngingesho lutho ngalokho. Angazi, kodwa a—a—a—anginamBhalo engingathi akunga—ukwenza umbala izinwele zakho. Manje, lokho yi—lokho yi . . .

Nina besifazane, niyathanda ukubukeka kahle, futhi nifanele nibukeke kahle. NoMfowethu Branham akamelene nani bantwana. Ningabantwana bami; ngi—ngi—ngiyanithanda, futhi a—angifuni ukunimpongolozela. Ngi—ngingekwenzele lutho; ngizama kuphela ukunisiza.

33 Kodwa manje, bukani, ake nginibuze . . . Ake ngisho lokhu ekuphenduleni kulowombuzo. Manje, senilungele na? Nakinina eniseteyipini, nakhu, bodadewethu: Uma kunombuzo kukho, ningakwenzi. Kodwa uma u—uma ugcwaliswe ngoMoya kaNkulunkulu futhi uholeleka ekuhambeni ukwenze, inqobo nje uma kungashayisani nomBhalo futhi kungashayisani nombuzo, weneliseke ngokuphelele ukuthi leyo yintando yeNkosi, khona-ke qhubeka futhi ukwenze (uyabo?), ngoba awukho umBhalo othi ukuthi "qhabo" (uyabo?) mayelana nakho. Angi . . . Akusho lutho ngalokho eBhayibhelini.

34 Ngiyamazi uIsaya 5, ngikholwa ukuthi nguye, kwakhuluma ngabesifazane, ukuthi bayozigqoka kanjani izingubo zemikhosi nakho konke kanjalo; kodwa lokho kwakungukuziqhenya nezinto, okokufakelwa. Uma wenza lokho ngokuqhenya, khona-ke akulungile. Uyabo? Hlola inhliziyo yakho phambi kukaNkulunkulu. Uma kungekho-mBhalo wakho, nendlela uMoya okuhola ngayo, qhubeka futhi ukwenze. Kodwa manje, uma sekufika ekutheni ungaba nazo yini izinwele ezinde noma ezimfishane, yiba nezinwele ezinde; lelo yiBhayibheli.

35 Lowo ngumbuzo lapha; ngi—ngingahle ngiwuphendule khona manje. Uphakathi lapha; ngiwubonile kulokhu ukusa noma ngesinye isikhathi. Uthe, "Uhlala ukhuluma njalo ngabesifazane, ukuthi abafanele kanjani ukuba balungise izinwele zabo, kodwa awusho lutho neze ngowesilisa."

36 Uma ngibone owesilisa engena lapha enezinwele ezinde zehle zalenga emhlane wakhe njengowesifazane, bengiyothi, "Mnumzane, awuyi ngani esitolo sokugunda

izinwele na? Ubukeka njengowesifazane." Niyabo? Kodwa owesilisa ngokwejwayelekile akakwenzi lokho. Niyabo? Hhayi njengowesilisa . . . Manje, kungenjengakho ukuthi angebe nasiphosiso owesilisa, banecala nje njengoba enjalo owesifazane.

Futhi empeleni, owesilisa oyoyeka umkakhe enze lokho, unecala ngokuphindwe kabili kwakho, ngoba ufanele kube nguye onezwi endlini. Nalowo wesilisa angebuse ngisho nendlu yakhe uqobo; ubengakwenza kanjani endlini kaNkulunkulu na? Niyabo?

37 Ngibonga kakhulu ngeqembu lethu labesifazane esinalo liza lapha. Ngikusho lokhu ngezinhlonipho nothando, futhi manje, uNkulunkulu uyalazi leliqiniso. Nga—ngangivame ukuba nomngani ongumshumayeli ezansi eNingizimu owayenelinye lalawamabandla abukeka ehlanzeke kunawo onke engake ngawabona. Lapho kufika kwabesifazane, abesifazane abahle kunabo bonke engake ngababona behlezi lapho ngobungcwele, ngokumesaba uNkulunkulu, benezinwele ezinde. Futhi ngangikwazisa njalo ukuya kulelobandla. NeNkosi uJesu ingiphe ibandla namhlanje lapha elikhanya ukwedlula lelo ngamamayela ayikhulu—abesifazane bami.

38 Anginithethisi ukuba nedeleleke; kuphela ngijabule kakhulu ngani. Ukuthi nje angifuni uSathane afake unyawo lwakhe kunoma yikuphi. Niyabo? Ngifuna nenyukele, ningahlehleli nyovane. Ningavumeli-muntu neze ukuba anidukise ngamanye amalumbo, noma enye into ethize enjengaleyo, noma enye into ithi, "O awu, aku . . . " Niyabo? Yileyondlela uSathane ahumusha ngayo iZwi kuEva. Niyabo? Kholwani nje lokho okushiwo yiZwi. Kulungile.

**280. Kuphuthuma kakhulu. Mfowethu Branham, ngokwazi ukuthi isikhathi siyaphela nephakade seliyangena, besingaba yini iseluleko sakho ngezithandani ezilungiselela umshado na?**

39 Qhubekani ngqo futhi nishade. Niyabo? Qhubeka ngqo sengathi nje ubuzophila eminye iminyaka eyikhulu lapha emhlabeni. Qhubeka nje ngqo; gcina inhliziyo yakho ibekwe kuKristu, hhayi izinhliziyo zenu kulezizinto zezwe, kodwa kuKristu. Niyabo? Qhubekani ngqo; nishade, bantwana. UNkulunkulu anibusise emshadweni wenu.

**281. Mfowethu Branham othandekayo, ngibhaphathizwe eGameni likaJesu. IZwi lithi niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngabe lokhu—ngabe lokhu kuchaza umbhaphathizo, uMoya oNgcwele, noma ngabe kuchaza ukuthi ngifanele ngemukele isiphiwo—esiqinisekayo—ngifanele ngemukele isehlo esiqinisekisayo ngombhaphathizo na? Ngishisekele ukuba—ukuba ngigcwaliswe ngo—ngoMoya. Ngiyacela xola ngenothi**

**elide njengoba bengifuna ukukubuza lombuzo isikhathi eside. Ngiyabonga.** Nomuntu basayine igama labo. Bangabantu abangaphandle kwedolobha.

40 Manje, kunombuzo omuhle. Manje, umbhaphathizo ngoMoya oNgcwele uyisehlo esiqinisekisayo umuntu afanele asemukele. Manje ake ngithi ukukucacisa lokho umzuzu nje. Niyabo? Manje, abantu abaningi bano—nomqondo wokuthi. . .ngikholwa ukuthi kusontekile. Futhi mhlawumbe khona lapha ebandleni nasebandleni elilalele, kungahle kube nombuzo. Manje, uma ngikhuluma ngokungakholelwa ebufakazini obubonakalayo bokuqala bokuba noMoya oNgcwele ngukukhuluma ngezilimi (a—angikwemukeli lokho) ngikholwa ngosizo lukaNkulunkulu ukuthi ngingakufakazisa eBhayibhelini ukuthi lokho akulungile (niyabo?), ngoba ukukhuluma ngezilimi kuyisiphiwo sikaMoya oNgcwele. Bangaki okwaziyo lokho na? Ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kuyisiphiwo sikaMoya oNgcwele, futhi nanka amaBhungane ayakwenza. Niyabo?

41 USathane angalingisa noma yisiphi salezoziphiwo. Abathakathikazi, abathakathi bangakhuluma ngezilimi futhi bakuhumushe. Amazwe anomeno, izikhathi eziningi abathakathi bayokhuluma ngezilimi, baphuze igazi elisogebhezini lomuntu, futhi bahumushe izilimi ezingaziwa.

42 Phandle eArizona ngenkathi benokusina komkhosi omdala wokusinela ummbila, amaNdiya azithandela ngalezizinyoka zezinkunzi uma ezama ukukhuleka kuNkulunkulu ukuba awathumelele imvula yommbila wawo. Akubiza ngokusinela ummbila. Athatha intshakaza yommbila, ayibeke ayithandele kuwo, bese enza ifu elincane, bese eyasina. Nenyangamthakathi iphume ifake izimpondo ekhanda layo, izimpondo zenyathi. Futhi asina nalezizinyoka zezinkunzi ezithandele ngazo, nabathakathi nabaningi bababhemi bezinqawe nezinto ngasendaweni. . .Abamvumeli umlungu abe ngapho ngalesosikhathi, kodwa ngiwabukile ngezipopolo ezibonisa kude, futhi nginabangani abangamaNdiya oyile ekusineni kwawo; lelo yilawo angesiwo amaKristu, kusobala. Futhi asina lokhu ukusinela ummbila ebambe lezizinyoka. Nomthakathi aphume, bese ezisika yena ngemimese, nayo yonke enye into, futhi ekugcineni bangena emoyeni, bese bekhuluma ngezilimi futhi bakuhumushe.

43 Ngi—nginganithatha ngqo phakathi kwamahora amathathu noma amane kusukela manje, lapho khona isangoma siyobeka ipensela etafuleni, bese siba nesiyezi nazo zonke izinhlobo zezinto, bese zivayizela ngezandla zazo; nalelopeni liyosukuma bese libhala ngezilimi ezingaziwa, nomthakathi uyoma bese ekutshela ukuthi kuthini.

44 Manje, lobo akusibo ubufakazi bokuba noMoya oNgcwele. Niyabo? Ungeke wethembela kulokho. Ungeke wethembela esithelweni sikaMoya, ngoba isithelo sokuqala sikaMoya luthando. NeSayense yamaKristu isebenzisa kakhulu oluningi uthando kunoma yimuphi umuntu engazi ngaye, futhi baphika ngisho noJesu Kristu engonobuNkulunkulu. Niyabo? Bunye kuphela ubufakazi bokuba noMoya oNgcwele engaziyo ngabo, nalokho ngukukholwa kwangokoqobo eZwini elithenjisiwe lehora!

45 Manje, lawomaJuda ayafika; ayeneningi inkolo kunoma abafundi babenayo. Ayeyindoda eqeqeshwe kangcono emiBhalweni kunoma abafundi wayenjalo, ngoba babengabadobi, abathelisi, kanjalonjalo. Futhi ayenokukholwa kwangempela nokukholwa kwangokoqobo kulokho ayekwenza. Manje, lalelisisani manje; ningakugeji lokhu! Niyabo? Uma sekufika ekubeni kube yizithelo zikaMoya, ukuba nomusa nokuba mnene, ngiqagele kwakungekho namunye walabo umpristi owayengakhanya ukwedlula uJesu Kristu kukho. Waya ethempelini, weluka izintambo, wababuka ngokuthukuthela, wayesegumbuqela amatafula abo, wayesebaxosha endaweni. Ngabe lokho kunjalo na? IBhayibheli lathi wababuka ngokuthukuthela. IBhayibheli lakusho lokho. Lokho kunjalo impela.

46 Ngakho niyabo, labo umpristi babenobubele, bemnene, indoda eqondayo. Uma sekuza ezithelweni zikaMoya, babekwazi ukubonisa eziningi izithelo zikaMoya kunoma uJesu ake akwenza. Uma sekufika kwisayense yezenkolo, babengazi—nesikole Ake aphuma kuso. "Uvelaphi lomuntu na? Wavelaphi na? Yiliphi ikhadi lenhlanganyelo Analo na? Ungowayiphi inhlangano na? Asazi lapho evela khona. Wayengumfo oyisilahlwa nje uqobo owazalwa ngokuzalwa komntwana wesihlahla. Ngani, besingamehlisela lapha emizuzwini embalwa bese nginikhombisa ngemithetho . . ." Babenelungelo lokwenza lokho abakwenza uma sekufika kulokho. Ngani na? Ngoba behluleka ukubona ukuthi WayeyileloZwi eliThenjisiweyo lehora. Indlela kuphela abakuqonda ngayo, ngenkathi uJesu enza iZwi ngokwazi ukubatshela ababenakho ezinhliziyweni zabo, ababekade bekwenza . . . WayengumProfethi ngokweZwi likaNkulunkulu. Akusho Kuyafezeka, lonke izwi, izwi ngezwi.

47 WayengumProfethi kaNkulunkulu, iNceku, uNkulunkulu umProfethi. Hhayi . . . Kwaku—kwa—kwakungaphambi kwalapho, umprofethi kaNkulunkulu, futhi lona nguNkulunkulu umProfethi, hhayi umprofethi kaNkulunkulu. Lowo kwakunguMalaki, uJeremiya, noIsaya, noElija, kanjalonjalo, kodwa lona kwakunguNkulunkulu umProfethi, hhayi umprofethi kaNkulunkulu. Seniyakuthola manje na?

Bonke abaprofethi ababefanekisa impilo yaKhe ngezingxenye, babamba iqhaza labo, kodwa kuYe

kwakungukuGcwala kwabo bonke abaprofethi. Abaprofethi, iZwi leNkosi leza kubo, abaprofethi, kodwa Leli kwakuyiZwi nomProfethi, uMuntu ofanayo. Niyabo?

48 Manje, manje, uma umuntu emukela uKristu ngendlela Akuyo, ungeke wakwemukela kuyi . . . Niyabo? Manje, abanye babo bathi, "Awu, ngiyiLuthela." Awu, akukho lutho oluphambene nalokho, kodwa iziNkozi azizondli ngalokho. Niyabo? Lokho kwakumayelana njengoba kwakunjalo; lokho-kudla okusekusha kwalolosuku.

"NgingokaWesley." Lokho kulungile, kodwa uphila kosekwedlule. Uyabo?

Manje, labobantu bathi, "Ngani, sinoAbrahama ongubaba wethu."

Lowomprofethi wathi, "UNkulunkulu angamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe." Niyabo?

"Sisonta ku*leli*. Sisonta *kulelo*."

Lokho kwakungahlangene . . . Wathi, "Nina nzalo yezinyoka, ubani onexwayise ukubalekela ulaka na? Ningaqali ukuba nithi, 'SinoAbrahama ongubaba wethu,' ngoba uNkulunkulu angamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe." Niyabo?

49 Ngakho ngokuba ngusosayense wezenkolo oqeqeshwe kahle wayengahlangene ngalutho nakho. Ngokuba mnene nokuba nobubele kwakungahlanganise lutho nakho. Yini eyaMenza wehluka na? WayeyiZwi elenziwe inyama, hhayi iZwi losuku lukaMose, uMose wayeyilolosuku—iZwi; hhayi iZwi lezinsuku zikaNowa, uNowa wayeyiZwi lalolosuku; hhayi usuku—iZwi losuku lukaElija, uElija wayeyileloZwi lalolosuku; kodwa WayeyiZwi lenkathi yamanje, futhi babephila emuva.

50 Into efanayo iyaphinda! Lobo ngubufakazi obubonakalayo bokuba noMoya oNgcwele, uma uNkulunkulu embula kuwe futhi ukubone, ISHO KANJE INKOSI futhi ukwemukele. Hhayi lokho oyikho, owawuyikho, noma lutho ngakho, kuyilokho okwenzelwe nguNkulunkulu manje. Nampo ubufakazi obubonakalayo.

51 UJesu wathi . . . Usinika ubufakazi obubonakalayo bokuba noMoya oNgcwele, uJohane 14. Wathi, "Nginokuningi ukuba nginitshele khona. Anginasikhathi sokukwenza, kodwa uma uMoya oNgcwele efika, Uzonitshela, anikhumbuze izinto eNginitshele ngazo, futhi ngizonikhombisa izinto ezizayo." Anikuboni na? Nampo ubufakazi obubonakalayo. Obusho kungakenzeki nokuba—ukuba nokuhunyushwa ngokukaNkulunkulu kweZwi elilotshiwe. Manje, lobo akusibo yini ubufakazi obubonakalayo bomprofethi na?

52 Umboni eBhayibhelini kwakungumuntu owayekwazi ukusho ngaphambili futhi kwakuba ngokupheleleyo, impela, hhayi umuntu othize owabeka izandla phezu kwakhe, leso

yisiphiwo. Umprofethi umiselwa ngaphambili futhi azalelwe ukuba abe ngumprofethi. Niyabo? Yonke impilo yonke kwakungumprofethi, leso yisikhundla. Yilapho abantu . . .

53 Eminingi yalemibuzo lapha ngokuthi: "Awu, ngabe uMlobokazi uyo . . .?" "Ngabe *lokhu* kuyo . . .?" "Ibandla ne . . ." Niyabo? U—ungeke wakucaza abayikho. UMlobokazi ungoKhethiweyo kaNkulunkulu. Ibandla lihamba ledlule . . . Yilabo Elithi, "Othandayo, makeze." Kodwa uMlobokazi ungoKhethiweyo kaNkulunkulu.

54 Kunezikhundla ezinhlanu ezikhethwe nguNkulunkulu. "Ngokuba uNkulunkulu umisile eBandleni abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abelusi, abavangeli." UNkulunkulu wakwenza lokho. Umuntu unabadikoni kanjalonjalo, nakho konke okunye, kodwa niyabo, kodwa uNkulunkulu umisile eBandleni ukuba kuphelelisiswe iBandla—ngeke walicaza.

55 Manje, uMoya oNgcwele, uma Efika, Ungufakazi kini (niyabo?) ukuthi leliZwi liqinisile, iZwi lanamuhla, hhayi iZwi likaLuther, iZwi, hhayi elikaMose. Siyafakaza ukuthi LiyiQiniso, kodwa ngolunye usuku.

56 Manje, ukuba-ke uJesu wayefike wayesethi, "Manje, njengoba uMose efika futhi enikhipha nonke eGibhithe, Ngifikile nginiyisa kwenye indawo ethize na"? Ukuba-ke Wayethe, "Asihambeni siyosebenza futhi sakhe umkhumbi. Ngi—ngiyiNkosi uNkulunkulu, ngi—ngizontantisa izwe lisuke manje. Ngizominzisa izwe, bonke na"? Ngani, Wayeyobe uphumile e . . . Niyabo, umBhalo awuzange uthi Wayezofika kanjalo. Niyabo? Wayengeke abe nguMesiya. Akunandaba ukuthi umkhumbi omkhulu kangakanani Ayeyowakha, noma kumbe yikuphi Ayekwenzile. Usalokhu enga—Wayengeke akufanele ukuba nguMesiya. Haleluya! Nakho lapho okhona! Ngukufaneleka! Yebo, mnumzane!

57 KwabaseKorinte bokuQala 13 kusho lokhu: "Nxa sekufikile okupheleleyo, lokho okuyinxenye kuyakukhawuka." Ngakho zonke lezizinto ezincane zokugxuma phansi-phezulu njengomntwanyana, ezama ukukhuluma ngezilimi, nazo zonke lezi ezinye izinto, nxa okupheleleyo . . . Futhi sinakho namhlanje, ngosizo lukaNkulunkulu, ukuhunyushwa okuphelele kweZwi nokuqinisekiswa kobuNkulunkulu! Khona-ke lokho okuyinxenye kuyakhawuka. "Lapho ngisengumntwana, ngakhulumisa okomntwana, ngaqondisa okomntwana; kepha kuthe sengiyindoda, ngayeka okobuntwana." Amen! Ngishumayela ngingabe ngisafika kulezizinto.

**282. Mfowethu Branham . . .** (Ngabe ngiwuqedile lowo na? Ngabe ngifikile ekukhulumeni ngombhaphathizo kaMoya . . . Yebo, lokho bekumayelana nawo, bekungesiwo na? Kulungile. Ngiyaxolisa, uma ngingawutholi, ngithetheleleni nje. Ngi . . . Lena yimibuzo emihle

impela nje. Ubungahla nje bonke ubusuku obubodwa embuzweni owodwa nje, mfowethu, futhi-ke singakuthinti ngisho.) **Ngiyakuthokozela njengenceku kaNkulunkulu, ukukholwa—futhi ngiyawukholwa uMlayezo weQiniso. Umkami akangizwa—usho noma yini—usho noma yini ngaloMlayezo, futhi akalaleli noma yiyiphi iteyipu. Ngisenkathazweni yokuguliswa yimizwa emsebenzini wami futhi. Ngifuna umkami ukuba akholwe naye futhi ukhulekele abantwana bami. Mfowethu Branham, ngifuna ukuba ngumngani kokaNkulunkulu—ngifuna ukufunyanwa ngisentandweni kaNkulunkulu ngempilo yami. Ngifuna ukuba yinceku yaKhe.** (Nomuntu usayine **"ngaphezulu."** Awume kancane.) **Ngenkathi ngisemncane, ngangitshela wonke umuntu ukuthi ngangifuna ukuba ngumshumayeli. Angazi ukuthi uNkulunkulu ufuna ngenzeni. Ngiyavuma ukuyenzela noma yini iNkosi. Owakho eNkosini.**

58 Manje, umbuzo omuhle. Nendoda iqotho. Umkayo, isithandwa sakhe esiyingxenye yayo. . . Ngingenezela okuthize lapha kulokho na? Bazalwane bami, ngikusho lokhu eGameni leNkosi. Ngolunye lwalezizinsuku, iNkosi ithanda, ngicabanga ukuthi ngizoqhubeka nje futhi ngenze leyoteyipu ngokuthi *uMshado neSahlukaniso* (niyabo?), ngikulethe khona lapha etabernakele. Uma kwehlukanisa, kuyofanele kwehlukanise nje. Kodwa sizofakazisa ukuthi yiZwi leNkosi.

59 Bukani, bazalwane bami. Lalelani lokhu. Niyazi yini ukuthi izikhathi eziningi uthola umngani ongumata ongalungile lapha emhlabeni na? Athize amahle ayipheya ansundu, noma al'hlaza'sibhakabhaka, noma amehlo ansundu akuyengela endaweni o—obungafanele ulalele. Amaningi indoda iyakuqonda lokho.

60 Indoda eganwayo ifanele kuqala isondele kukho ngokukhuleka. Anifanele nikhethe abesifazane ngokuba bahle ngaphandle, kodwa babebahle ngaphakathi, lo oyoba ngumama kubantwana bakho.

61 Ngiyazi lokhu kuzozwakala kabi kakhulu kumfundisi ukuba asho lokhu epulpiti. Kodwa ngangivamise ukuhamba na—nabathengi bezinkomo ngenkathi ngiseNtshonalanga. Sasithenga izinkomo zomzalanisi, futhi babefuna ukuqala umhlambi. Futhi ngafunda inqwaba lapho ukuthi—ngenkathi ngisaqaphela labobadayisi endaweni yokubhida nezinto ababezenza, labobathengi. Ngangivamise ukuhamba nomfo omdala, uza lapha ebandleni nami, futhi ngamholela kuKristu, umphikinkolo ophelele kwasekuqaleni nje, uMnu. Jeverez. Abaningi benu bayamkhumbula, umfuyi phandle kwaseColorado. Sasihamba, futhi babefika—enkomazini.

Ngibone inkonyane encane yomzalanisi ngolunye usuku ithengisa ngamadola ayizinkulungwane eziyishumi nanye, inkonyane encane nje; yayingakaze ize ikhwelwe. Ngase ngithi—noJeff wathi, "Ukuba benginemali, bengiyoyifaka kuleyonkonyane."

Ngase ngicabanga, "Manje, nangu umfuyi; uyaliqonda ibhizinisi lakhe." Ngathi, "Jeff, kungani ubunga . . . Yini eyimfanelo na? Iwuhlobo lweHereford. Lolu olusanda kuthengiswa esikhashaneni esedlule ngamadola angamakhulu amathathu, kimi, ibibukeka iyinkonyane enkulu ngokuthe xaxa nayo yonke into."

62 Wathi, "Buka, Billy, iyodwa into ongayiqondi ekuthengeni izinkomo." Wathi, "Ngicabanga ukuthi ufanele ubambelele emgwaqeni wakho ushumayela." Kodwa wathi, "Awuziqondi izinkomo." Wathi, "Manje, buka leyonkonyane ezansi lapho." Sahamba sehlela lapho. Wathi, "Uyakubona lokho kugqolozela kokuba ngumdlwembe emehlweni ayo na?"

Ngathi, "Yebo."

Wathi, "Abantwana bayo, nabazukulu bayo, nabazukulwane bayo, babazukulwane, babazukulu bayobe besalokhu benalokho kugqolozela kokuba ngumdlwembe." Wayesethi, "Bayozenza babe ngababi. Abasoze babe ngumama emankonyaneni abo." Wayesethi, "Ubungeke neze wawakhuluphalisa; awasoze enze inyama yenkomo." Wathi, "Buka lenkonyane encane lapha ethengisiwe. Buka ukuthi ibukeka inobubele kanjani. Buka lokho kubukeka kokuba nokuthula ebusweni bayo, lokho kubuka okunomusa, akukho kugqolozela emehlweni ayo." Wathi, "Iyoba ngumama wangempela enkonyaneni yayo; nenkonyane yenkonyane yayo, nenkonyane yenkonyane iyoqhubeka nokuba ngaleyondlela." Wayesethi, "Onke ayoba ngomama, uma engathola uhlobo olufanele lwenkunzi yomzalanisi kuleyonkonyane (uyabo?), eyokwenza abantwana bayo. Kodwa lokho kubuka kokugqolozela ebusweni kuyohlala njalo kwenza umhlambi wezinkomo omubi, uma umuntu ezama ukuthenga izinkomo."

Ngathi, "Yebo, mnumzane! Ngiyabonga."

63 Nento efanayo isebenza ngabesifazane. Uthatha oyedwa walobobuso obupendiwe namehlo abukeka enokugqolozela, abukeka efana nohlobo oluthize lwesilwane, ezama ukuzona yena uqobo ekubeni yisidalwa esingumuntu, akasoze enza noma yini. Uyogijima ngaso sonke isikhathi. NobuKristu abusibo ubuhle obungaphandle, bungaphakathi: bokuthula, ukuzithulela, bazihlobise ngonokuthula, umoya onokuthula, okuyinani elikhulu phambi kweNkosi. Yilokho esifuna ukukubheka kwabesifazane, nakowesilisa, futhi noma ngabe ubani. Manje . . .

**283. Mfowethu Branham: Imibuzo: Ufanele yini owesifazane ongumKristu ukuba afake ubucwebe obuphansi nje, njengemigexo noma amaparele na?**

64 Awu, Dadewethu, ngiyazi lokhu kusho lukhulu kuwe, futhi kusho lukhulu ngami ngawe ukuba ubeke ithemba lakho ekutheni ngizokutshela iqiniso. Manje khumbulani, iBhayibheli lathi, "Uma uhloba, ungahlobi ngo—ngobucwebe obubizayo, namaparele, nazo zonke izinhlobo zokufaka ubucwebe, kodwa lokho makube ngukuhloba koxolo, nokuthula, nomoya omnene (engisanda kukucaphuna nje), okuyinani elikhulu phambi kweNkosi."

65 Manje, angiqondile ngalokho, Dadewethu, ukuthi ukuba ubunopini. . .Manje, lona yimina akusiyo iNkosi. Ukuba ubunopini obufuna ukuwufaka, noma umgexo omncane umyeni wakho akupha wona, noma mhlawumbe okwakho—into efana naleyo oyifakile, manje, kimina, angicabangi ukuthi lokho kubi. Manje, lowo yimi nje. Manje khumbula, ngizenza ngicace; lowo ngumbono wami. Kodwa ngicabanga ukuthi kungukusondela kukho; yindlela okwenza ngayo. Uyabo? Yinjongo emva kwakho. Futhi uma ubona ukuthi kuyakubamba, khona iyeke kanjalo into. Kodwa ngicabanga ukuthi uma ufake indandatho yakho yomshado. . .

66 Manje, ngiyanazi nina bantu bamaNazaretha, kwakuvame ukuthi naningambhaphathizi ngisho nowesifazane efake indandatho yomshado. Niyabo? A—angikholwa, ukuthi lokho kungokunesidingo. EBhayibhelini babefaka izindandatho, kuphela kwakuba ngamasongo babezibiza kanjalo, zizungeze ikhanda labo, izinhlamvu eziyisishiyagalolunye zohlamvu kulo. Kodwa ngi. . .ukukhombisa ukuthi babeshadile. Manje, ngicabanga ukuthi lokho kulungile.

67 Uma abesifazane befuna ukugqoka futhi—futhi bazenze babukeke behloniphekile, behlanzekile, befana namanenekazi, ngani, ngicabanga ukuthi akukho-nto kulokho, kimi. Kodwa uma uzobeka leyonto ekukwenzeni kube ukuziqhenya okuncane, khona-ke unephutha. Yisimo sakho.

68 Nina besifazane niyakhumbula lapha kungekudala babenalokho ababekubiza ngokuthi "iziketi iscandal esiveza isiketi sangaphansi"? Ngicabanga ukuthi seziyaphuma futhi, noma sezizimbi kakhulu. Iba. . .Ya, ziya, "shaqisa" manje, esikhundleni sika, "scandal." Kodwa babevame ukuba nomdlalo emuva kungekudala. . .Babenamantombazane, izintombi. . . Futhi kusobala, abadala bayakwenza nabo, ngoba ba—bonke bafuna ukuba basha. Angiqondile nina bodadewethu, ngiqonde abesifazane basezweni. Futhi banquma iziketi zabo—zabo phezulu kuphakame, cishe ziphakame ngefidi ngaso sonke isikhathi, bese begqoka olunye uhlobo lwengubo yangaphansi babukeke kahle. Futhi kwakuthi uma bethatha isinyathelo,

yayiveza lengubo engaphansi enoleyisi, namafrili, kumbe noma ngabe kwakuyini kuyo. Okungukuthi, niyazi . . .

69 Kwakukhona i—intombazane efika kimi, okwakuyintombazane yaseDunkard, yayisanda kwemukela uMoya oNgcwele nje. Yayisonta kwiAssemblies of God, futhi lokho kwakuseFort Wayne, eIndiana, lapho engashadelwa khona. Futhi ifika kimi, elihle inenekazi elincane, lase lithi, "Mfowethu Branham, ngifuna ukukubuza umbuzo."

Ngathi, "Kulungile, Dadewethu, kuyini na?"

Lathi, "Ucabanga ukuthi akulungile yini ukuba intombazane i—intombazane engumKristu igqoke i 'siketi iscandal' na?"

Ngathi, "Dadewethu, leyo yinto e—engingayiqondi nje. Yini 'isiketi iscandal' na?" Futhi langitshela ukuthi siyini. Nga . . .

Lathi, "Siveza ipitikoti."

70 Ngathi, "Yini—yini ekwabesifazane engamenza afune ukuveza izingubo zakhe zangaphansi komunye wesilisa na? Yini ebingaba . . . Inamsebenzi muni—muni intombazane engumKristu inokwenza into enjengaleyo na? Ungathini nje umKristu na?"

71 Manje, buka, owesilisa, akukho okuningi kuye uma sekuza emzimbeni. Futhi yena, uma ehambe wanqunu uhhafu, bekunga—bekungebebikho-kuveza ipitikoti kukho. Kungesikho ukubambela owesilisa, kodwa ba . . . Niyazi ukuthi—nhloboni yowesifazane ebingalingwa ngowesilisa ekhumule isiketi sakhe egqoke nezikhindi kumbe noma ngabe yini abenayo na? Into ebukeka iyisidlakela esikhulu esidala, ibukeka iyizimbaxambaxa futhi ixhwalile, ngi—kubi kabi. Bonani laba isilisa phandle lapha . . . Awu, ngicabanga ukuthi bekungenza owesifazane ahlanze ukubuka into enjengaleyo. Uma ebene . . . Kodwa manje, thatha owesifazane bese umbeka kanjalo, lelo yithempeli elehlukile. Niyaqonda na? Kulungile.

72 Kodwa ngicabanga ukuthi mayelana nomgexo, noma . . . Manje, uma uhamba uzenyusa wena sengathi uye esitolo sezinto zothen sente ezansi lapha uphethe umazibuthe, ngi—ngicabanga ukuthi . . . Ngiyaxolisa ngalokho, bengingaqondile ukusho lokho kanjalo, kodwa lokho—lokho akulungile.

73 Uma noma yini ingijikisile okokuqala iphambene nokwami—yangenza ngaba namahloni ngeMelika, kwaku . . . NgangiseSwitzerland ngolunye usuku, noMfowethu Arganbright nami sasithole indawo enhle ezansi le ngaseLausanne lapho esasikwazi khona ukuthola esikhulu, isiteki esihle, esithi asibe yindilinga engaka, sisinda cishe amakota amathathu ephawondi, ngiyacabanga, lapha kuteti sente ngokwemali yaseMelika. O, sasiphilisa okwamakhosi! Njalo sasehlela lapho. Futhi bonke lapho baphuza iwayini,

niyazi; amanzi abo awalungile. Futhi ngangingenakuliphuza lelowayini, ngakho ngazithengela ujeke omncane e—ekhemese owawunamanzi athonsiselwe. Ngase ngiwuphatha lowojeke noma ngiyaphi. Ngicabanga ukuthi wonke umuntu wacabanga, "Lowomfana uphethe olwakhe uqobo uhlobo." Ngakho nganginawo esandleni sami. Sehlela lapho kulendawo lapho khona zonke izi—bethengisa leziziteki, futhi ngolunye usuku u*Nkosazana Melika* washayela wenyuka. Cishe iChevy ka '28, wayenenja eyisimaku ihlezi emathangeni wayeseyingenisa leyo lapho, futhi wayenokwanele. . . Labo besifazane ababili babenobucwebe obenele basesitolo sezinto zothen sente, ezinkulukazi, izinto ezinde, namacici, futhi elenge ayofika ezansi, nopende; futhi bobabili beneminyaka engamashumi amahlanu ubudala, bebadala ngangami. Futhi wawungacabanga ukuthi babefuna ukuba neshumi nanhlanu. Kodwa bazama ukwenzani na? Bazama ukushayela umgwaqo wempilo bebuka ngesibuko esibukisa ngemuva, bebuka ngesibuko kulokho ababevame ukuba yikho.

74 Manje, umKristu akakwenzi lokho. UmKristu akazami ukuba yilokho ayevame ukuba yikho; akabuki lapho ake abakhona, ubuka lapho eya khona. Niyabo, niyabo? Ungakunaki owawuyikho ngaleyonkathi; usuvele ukuphilile lokho. Awusoze wabuyela kukho; lokho kukokwedlule. Futhi noma yimuphi owesilisa oshayela umgwaqo wempilo ebuka ngesibuko esibukisa ngemuva uyosakazeka; futhi uzoba kanjalo nawe kulomgwaqo wamaKristu. Ungabuki emuva kulokho owawuyikho, buka kulokho ozoba yikho. UPawulu wathi, "Ngikhohlwa osekwedlule, ngijonge emgomeni emklomelweni wokubizwa okukhulu kwaphezulu."

75 Manje, kodwa kukwenze waba namahloni. Baletha lena encane, inja endala enukayo phakathi lapho base beyihlalisa phezu kwetafula! Manje, lokho kungenza noma ubani ahlanze! Futhi ukuzilulaza ngaleyonja khona lapho, beyibeka khona lapho phezulu ngezandla zabo, bese-ke behamba beyodla ngazo lezozandla ezifanayo! Noweta ufika laphaya, wayeqeketha okuthize. UDkt. Guggenbuhl wayenami; waqala ukuhleka, wayesephendula ikhanda lakhe.

Ngase ngithi, "Yini i—uthini?"

Ngathi, "Uweta wathi, 'Kususe lokho!'"

Bathi, "Qhabo, ungowaseMelika; myeke." Ngamany'amazwi, "Akakwazi okungcono." Niyabo?

76 Ngenkathi ngifika eSaint Angelo eRoma (manje, kucabangeni lokhu), eVatican eRoma, eItali, babenesayini phezulu eSaint Angelo: "KwabesifazaneabangabaseMelika: Ngaphambi kokuba ningene kulemgede okwakulahlwa kuwo izidumbu, sizani nigqoke izingubo ukuba nihloniphe abafile"—ibandla eliKatoika. Niyabo?

**284.** Umbuzo: **Mfowethu Branham, uyoba kuphi uMlobokazi lapho umhlaba uqhuma futhi usha ulanguka na? Ngabe Liyoba sendaweni njengoba abantwana bakwaIsrayeli babeseGosheni ngenkathi kwehla izinhlupheko na? Ngabe uMlobokazi uyoba semhlabeni ngenkathi lokhu kwenzeka na? Uma kunjalo, kuphi? Futhi ngabe uMlobokazi wonke uyoba sendaweni eyodwa ngesikhathi sohlwitho na?**

77 UMlobokazi, lapho umhlaba uqhuma . . . Isikhathi sohlwitho kuyoba ngukuphaphama kwabafileyo nokuhlangana ndawonye kwabaphilayo, ko—nabaphilayo, ukuba kwenzeke uhlwitho. Manje, kodwa uMlobokazi . . . Manje, niyabo, okunye kwakho wuhlwitho emuva lapha ngaphambi kwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Futhi lapho umhlaba usha ulanguka kusemuva lapha emva kwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane nangasemva kokwahlulela kwesiHlalo sobukhosi esiMhlophe. Niyabo? AbaNgcwele bayokanekiswa phezu kobubanzi bomhlaba lapho uSathane enyuka ekaka uMuzi othandekayo noNkulunkulu unisa umlilo nesibabule kuvela eZulwini futhi kubabhubhise. Kulungile. Manje, lowo ngumBhalo.

**285. Futhi, Mfowethu Branham, ngiyakholwa ukuthi owesifazane ufanele athobele indoda yakhe. Kodwa uma owesifazane ongumKristu enendoda eyisoni enga ngisho nakweyodwa yezinkonzo zakho—ngezi kweyodwa yezinkonzo zakho futhi ingeke—futhi ifuna umkayo ukuba enze izinto, agunde izinwele zakhe, agqoke izikhindi, futhi aye ezindaweni zokungamesabi uNkulunkulu, ngabe lona wesifazane ufanele yini athobele lendoda ngalendlela na? Ngicela uchaze lokhu ngokucace kakhulu, njengoba lona ngumbuzo obuzwa njalo.**

78 Qhabo, Dadewethu, awumthobeli umuntu onjengalowo. Lutho nhlobo. Ngalesisizathu uyakushiya yonke into futhi unamathele kuNkulunkulu. Manje, into . . . Uma ufuna—leyondoda ifuna ukuhlala nawe, futhi u—hlala ungumKristu . . . Kodwa uma izokwenza ugqoke izikhindi, ugunde izinwele zakho, futhi wenze zonke lezi ezinye izinto, nezindawo zokungamesabi uNkulunkulu, ufuna kuqala uMbuso kaNkulunkulu nokulunga kwaKhe. Awuboshelwe kumuntu onjalo onjengalowo. "Kodwa inqobo," iBhayibheli lithi, "njengoba owesifazane ethokozile nowesilisa ethokozile ukuba bahlale ndawonye (niyakukhumbula lokho na?), maba . . . "

Futhi manje, lena, angiyibhalanga imiBhalo phansi, ngoba ngivele ngayicosha nje (niyabo?) emizuzwini embalwa edlule. Ngicosha owodwa manje bese kuthi-ke lowo engingenasikhathi . . .

79 Kodwa uPawulu wathi inqobo nje uma be—indoda engakholwayo inongakholwayo—noma umfazi okholwayo noma kanjalonjalo, umfazi okholwayo makahlale nendoda ekholwayo,

inqobo nje uma kungaphambene kuNkulunkulu. Uma ithokozile ukuhlala naye. . . "Qhubeka, S'thandwa, uma ufuna ukuya ebandleni, lokho kulungile; kodwa angiyi. Angikholelwa kulo; angihlangene ngalutho nalo. Kodwa wena qhubeka; lokho kulungile." Kodwa uma ithi, "Ungeke wakwenza," manje kunento ehlukile. Awuboshelwe-ke kulokho; yehlukanisela uNkulunkulu yonke into.

**286. Mfowethu Branham, ngabe ku** (Ake sibone.). . .**kumuntu one—onophilayo, umngani ongumata ohlukanisile ophinde ashade ngaphambi kokuza eMlayezweni ukuzokhonzisa na?**

80 Awu, kuThimothewu 3:2, uma nifuna ukubhala lokho phansi, noThithu 1 kuya kwe 6 (ngibhale lowo phansi), ngifuna nifunde lokho okwalombuzo. Niyabo? Uma indoda—uma indoda ifisa isikhundla sokuba ngumbonisi noma umshumayeli (enye into ethize ebandleni), izofanele ibe nomfazi oyedwa nje. Kunjalo! Umfundisi. Manje, lowo nguThimothewu wokuQala 3:2, noThithu 1 kuya kwe 6. Manje, uThithu 1 kuya kwe 6, ya! Kulungile. Manje, qaphelani ukuthi iBhayibheli lasho ukuthi leyondoda engumfundisi endlini kaNkulunkulu iyoba nomfazi oyedwa. Manje.

**287. Mfowethu Branham othandekayo, cishe iminyaka eyishumi edlule uNkulunkulu wahlangana nami manje futhi waphilisa lokho isiphiwo sothando—noma wembula ukuthi isiphiwo sothando sasiyini, nokufanayo-ke umkhuleko wami ungowe—ukuthi ngizobuya. Ngabe ngizosemukela ngaphambi kokuba ngife na? Ngabe umyeni wami uzolizwa iZwi, nokuthi ngizokwenzani na?**

81 Lokho kuthi akwedlule umbuzo. Manje, uthe. . .Manje, okuyikho lapha, noma—uthe, "Umyeni wami," ngikholelwa ekutheni kungaba ngowesifazane osho lokhu. Manje, walahlekelwa uthando lwakhe lokuqala. Niyabo? Wa—wabanda eMoyeni. Manje, Dadewethu, mhlawumbe ngoba useza ebandleni futhi wenze lokho okufaneleyo, awukayilahli insindiso yakho, kodwa ulahle ukuthokoza kwensindiso yakho. UDavide wakhala eNkosini ngesinye isikhathi, "Nkosi, buyisela kimi ukuthokoza kwensindiso yami." Usenguye umKristu, kodwa ngi—ofuna ukukwenza, Dadewethu, ngukudedela yonke enye into okwaziyo ukuthi kanjani, futhi ufune uNkulunkulu, futhi ukhuleke.

82 "Ngabe umyeni wami uyolizwa iZwi, futhi ngizokwenzenjani na?" Njengoba ngishilo kulokhu ukusa, yiba nobusawoti nje: "Nina ningusawoti womhlaba." Umyeni wakho uyoyibhekisisa impilo yakho emsulwa, nomyeni ongakholwayo uyongcweliswa eNkosini ngomfazi okholwayo. Funa iNkosi nje, hlala uthobile, futhi ukhuleke ngaso sonke isikhathi, unika

uNkulunkulu udumo, futhi ungonomusa kumyeni wakho inqobo nje uma evuma ukuhlala nawe ngaleyondlela.

**288. Okwezinkonzo zangeSonto: Uma owesifazane enza okungafanele no. . .** (Manje, awume kancane; kungcono ngizifundele kuqala lona. Niyabo? " . . . nendoda eshadile, ephenduka futhi ekulungisa ngokwe. . . ngabe udinga uku. . . mfazi nendoda ephathekayo, ngisho noma lomfazi engazi lutho. . . " Kulungile. Lokhu kulungile.) **Uma owesifazane enza okungafanele ne—nendoda eganiwe, aphenduke bese ekulungisa nomyeni wakhe ngokwemiBhalo, ngabe udinga ukuya kumfazi wendoda ephathekayo, ngisho noma lomfazi engazi lutho ngakho; noma ngabe lona ngumsebenzi wendoda ukumtshela kuqala; noma ngabe udinga ukulinyazwa nhlobo na? Singahamba sigcinephi nalokhu ukubuyelana uma sekuphelile futhi sekwenziwe, nalapho ubungani buphatheka na?**

83 Awu, Dadewethu othandekayo, yinye kuphela into oyenzile elungileyo. Ubuphatheka, ngiqagele, noma omunye omaziyo ophathekayo, esenzweni esingafanele, ukuthi uthathe isithandwa somunye wesifazane futhi naba nesenzo sobudlelwano. Futhi ngenkathi usenza, wawa lapho emseni wakho. Wase uyaphenduka, futhi ubungeke uphenduke uze ubuyele kulendoda futhi ukuhlambuluke. Ufanele uthathe umyeni wakho bese uya kuleyondoda, owakwenza. Futhi kwakuyileyonto owawufanele uyenze; lowo ngumBhalo—ubufanele ukwenze.

84 Inenekazi lifika kimi kungekudala lakhona lapha eLouisville, ukuthi lona, liyinenekazi eliselincane, ligijima nendoda futhi—futhi-ke li. . . Lalazi ukuthi lalenza okungalungile. Lase lishiya idolobha, lase liya kwelinye idolobha kude le, lase lishinstha igama lalo, lakha nabanye abantu. Nalendoda yalilandela futhi yalitshela ngenkathi ifika laphaya, yayinezimpahla kulo. Lalisalokhu lizofanele lihlale lingumfazi ngokomthetho wesintu ongabhalwe-ndawo kuyo kungenjalo yayizosho. (Futhi ngenkathi lilaphaya, lashada nendoda engumKristu enomoya omuhle.) Futhi yathi uma lingakwenzanga, yayizoyiqhumisa yonke into—ilesabisa; ngakho-ke, ladingeka lihlale nendoda omabili, okungukuthi lenza okungafanele, esikhundleni sokuveza ubunjalo balo ekuqaleni. Futhi lalinengane, futhi manje, intombazane isithi ayibe neminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala futhi ayazi ukuthi nguyena muphi ngempela onguyise. Manje, isingena esikhathini, futhi sekuyayibamba. Manje, ingenzenjani na? Ngathi, "Yinye kuphela . . . "

Lathi, "Uma ngitshela umyeni wami, uzongishiya; futhi uma ngi—indodakazi yami ikwazi, izozibulala."

85 Ngase ngithi, "Uma ukugodla enhliziyweni yakho, uzoya esihogweni. Manje, zibonele wena." Yinye kuphela into yokuba uyenze, ngukungabi nacala. Kunjalo impela. Yiba qotho.

86 Niyazi, izikhathi eziningi emibonweni, ukuthi abantu bafika kanjani, abesifazane nesilisa; uMoya oNgcwele uvumbulula lezozinto abazenzile phansi empilweni futhi (nizwile ngakho futhi nikubonile, niyazi. Niyabo?)—futhi ubatshele izinto ukuthi bafanele bakwenze.

Bathi, "Awu, sengi—ngivele ngikulungisile neNkosi." Kodwa uyakukweleta kumyeni wakho noma kumkakho ukuba uhambe uyobatshela. Kunjalo. Ufanele ukuvume lokho.

87 Manje, lomuntu, uma enguye onecala, ukwenzile; uye kumyeni wakhe. Manje, usuzihlambululile, Dadewethu, ngoba phakathi kwe . . . Wa—waphinga kumyeni wakho. Waya kumyeni wakho wase uzihlambulula kumyeni wakho, wase-ke uya endodeni nomyeni wase uzihlambulula lapho. Usuhlambulukile. Uma umyeni wakho eqhubeka noku—kufuna ukuhlala nawe, lokho kukuye. Akadingi ukuba akwenze manje, kodwa u—kodwa uma efuna ukuhlala nawe futhi akuthethelele, khona-ke yiba yinenekazi ngokwenele ukuba ungaphinde ube necala lento enjengaleyo futhi. Kodwa uma engakuthetheleli, khona-ke leyo ngeyakhe—leyo yindaba yakhe uqobo. Angakulahla. Kunjalo impela.

88 Kodwa manje, indoda owaba nesenzo nayo, manje, yiyo efanele iye kumkayo futhi ithathe umkayo bese ibuyela kuwe. Usukwenzile okuqondene nawe, manje sekuyisikhathi sayo ukwenza okuqondene nayo. Niyabo? Ingxenye yesibili . . .

89 Lona wesifazane waba nesenzo nalendoda, wayesethatha umyeni wakhe, wakuvuma, wayeseya kwenye indoda wayesekuvuma, wayesekulungisa. Manje, indoda elandelayo yayiyindoda eganiwe nayo; manje, izofanele iye kumkayo bese ithatha umfazi bese ibuyela kulomfazi. Khona-ke sekulungile. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Sekwenziwe-ke. Kodwa ngaphandle kwalokho, usalokhu unecala, futhi phansi enhliziyweni yakho uyolahlwa ngecala.

90 Nganginowesifazane kungekudala enhla lapho owayekade enalokho selokhu kwaba ngeMpi yoMhlaba yokuQala. Wayesethi, "O, Mfowethu Branham." Wayechitha amakhulu amadola kwizazi zezifo zengqondo nayo yonke into. Ngangihlezi lapho ngimbhekisisa kulelogumbi. UMeda wamletha wamenyusela lapho. Wayehlezi lapho ezungelezisa iduku ezandleni zakhe kanjalo, wathi, "Ngizwa sengathi izwe lizosakazeka, futhi ngi . . . " konke kanje.

Ngaqhubeka nje nokuhlala lapho. Ngathi, "Manje, kukhona okumayelana ne . . . Unento ethize empilweni yakho ndawondawo na?"

"Qhabo, nginguthisha kaSonto sikole."

Ngathi, “Kulungile.” Ngahlala lapho kancanyana ngase ngibhekisisa. Ngathi, “Ngibona imoto encane el’hlaza’tshani, futhi unendoda enekhanda elimhloshana, nesitimela sicishe impela ukushayisa imoto.”

. . . ? . . . Wathi, “Ungakutsheli’muntu lokho!”

Ngathi, “Umyeni wakho wayesempini ngalesosikhathi.”

Waqala ukukhala, wagxuma waya phezulu, “Ungakusho kumuntu lokho.” Niyabo? Lokho kwakuphansi le ekuzweni okuncane kukanembeza wakhe. Wathi, “Ngikuvumile lokho kuNkulunkulu kudala.”

91 Ngathi, “Kodwa awume kancane. Awuzange wenze okungalungile kuNkulunkulu. Wenze okungalungile esifungweni sakho somshado. Ufanele ubuyele kumyeni wakho futhi ukulungise lokho kuqala.”

Wathi, “Uzongishiya.”

Ngathi, “UNkulunkulu usekushiyile empeleni. Ngakho manje, yimuphi ofuna akushiye na?” Ngathi, “Yana kuye.”

Wayesethi, “O, ngi—ngi . . . Uzokwenza *lokhu*, futhi nginabantwana ababili.”

Ngathi, “Awu, yilokho kuphela engingakutshela khona. Isazi sezifo zengqondo azizange zikukhiphe lokho kuwe, kodwa uMoya oNgcwele ukwembulile; futhi angikaze ngikubone empilweni yami.”

Wathi, “Kunjalo impela!” Wathi, “Awu, nge—ngeke nje ngamtshela.”

Ngathi, “Awu, ngi . . . Ngiyajabula ukuthi ngibonane nawe.” Ngaqhubekela kwelinye ikamelo, futhi ubuyela phakathi lapho.

UMeda wathi, “Ukufuna phakathi lapho futhi.”

Ngaya lapho; ngase ngithi, “Ufunani na?”

Wayesethi, “Mfowethu Branham, ngeke lokho ngakutshela umyeni wami!”

Ngathi, “Umyeni wakho uyindoda enekhanda elimnyama.”

“Ya!”

Ngathi, “Unento efanayo afanele ayivume kuwe.”

Wathi, “O, hhayi umyeni wami!”

Ngathi, “Kungcono uhambe umlande bese niza lapha.” Ngathi, “Uyamazi owesifazane *othize,* ogqoka ingubo ephinki, osebenza eofisi lohlobo *oluthize* lwenkampani yezimoto na?”

Wathi, “Impela!”

Ngathi, “Abambizi ngegama *elithize* na?”

“Ya!”

Ngathi, “Emavikini amabili edlule bahlala ngaphansi kwesihlahla ibhishi ne—behlezi emotweni eyiChevrolet

encane ensundu enelayisense namba ewu*kuthi-nokuthi,* futhi wayesesenzweni esifanayo."

Wathi, "Hhayi umyeni wami!"

Ngathi, "Kulungile, hamba umlande bese niza lapha."

Wasuka. Imizuzu embalwa, nampa bebuya. Wathi owesilisa, "Yiqiniso!"

Ngathi—ngathi, "Uyabo? Manje hamba utshele uNkulunkulu!"

92 Kodwa kuqala, uma uza ealtare futhi ukhumbule kufanele kubekhona, hamba kuqala ukulungise lokho. Futhi uma inqobo nje lona omunye umshadikazi lapha enecala lokungamtsheli umkakhe . . . Lomfazi usezihlambululile. Manje, sekukuye nomyeni wakhe. Kodwa lena enye indoda nomfazi wayo uzofanele eze ahlambuluke kukho. Futhi ungeke . . . Akunandaba ukuthi wenzani, kuyokuhambela inqobo nje uma usaphila uze ukugeze kuhlanzeke.Yinye kuphela indlela yokukwenza: Kuvume. Uma kukuyobula isikhumba, kwenze noma kanjani. Khuluma iqiniso, khona-ke usunakho kukahle. Amen!

93 Sengizwa inqwaba eteyipini ithi, "Lelo yiphutha." Kodwa kuzame nje kanye bese ubona ukuthi akunjalo yini. Kulungile.

**289. Umbuzo wangeSonto ekuseni:** (Ngiyaxolisa yilesisikhathi, kodwa . . .) E**kwamukeleni khona manje uMoya oNgcwele, noma umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngabe ukhona yini umehluko na? Ngabe umuntu ukhuluma ngezilimi na? Uma kungesikho njalo, yikuphi ukubonakaliswa okwaziwayo na?**

94 Awu, ungathini nje umama ezala ingane futhi engakwazi na? Ubengaba ngoqulekile ukuba angakwazi. Kanjalo ungawemukela uMoya oNgcwele ungazi. Kukhona okwenzekayo kuwe. Uyabo? Ikhona into ekuguqulayo. Wonke umgudu wakho, wonke umgudu wakho wokomoya sewenziwe wamusha futhi, futhi uba yisidalwa esisha kuKristu, njengoba iBhayibheli likubeka, *okusha okudaliweyo* kuKristu. Uyakwazi.

95 Manje, wena uthi, "Mfowethu Branham, ngakho-ke awukholwa ukuthi umuntu ufanele akhulume ngezilimi ukuba emukele uMoya oNgcwele." Akusikho ukufakazisa ukuthi unoMoya oNgcwele.

96 Ngingathanda ukuthi nga ilunga ngalinye lebandla lami likhulume ngezilimi. Ngingathanda ukuthi akwenze lokho, futhi uma—ngikholwa ukuthi uma ucela uNkulunkulu, uNkulunkulu uzokupha khona. Kodwa ake nginitshele; ngazi inqwaba yabantu ekhuluma ngezilimi futhi engenawo uMoya oNgcwele. Futhi akukho-mfundisi oneqiniso ngaye nanenhlangano yebandla lakhe ongeyitshele inhlangano yebandla lakhe okufanayo. Udeveli angakulingisa lokho.

97 UPawulu wathi, "Noma ngikhuluma ngolimi lwabantu nolwezingelosi, noma nginikela ngomzimba wami ukuba ushiswe njengomhlatshelo, noma ngiqonda zonke izimfihlakalo zeZwi, noma nginikela ngayo yonke impahla yami kwabampofu, nazo zonke lezizinto, futhi ngingenalo uthando, ngisalokhu ngingento yalutho. Nginokukholwa ngangokuthi ngingagudluza izintaba nokunye nokunye; ngisalokhu ngingento yalutho." Wayesethi-ke, "Lokho okuyinxenye kuyakukhawuka nxa sekufikile okupheleleyo," noma, "okupheleleyo sekwenziwe kwaziwa."

Manje, nginombuzo kulokho. Ngithemba ukuthi ngifika kukho kulobubusuku, ngokuthi kwenzekani ngenkathi iziMpawu zivulwa. Futhi ngicabanga ukuthi mhlawumbe lokho kuzofika kahle kini ngalombuzo.

**290.** Umbuzo: **Mfowethu Branham, sizokwenzenjani na? Into ethize ihlale phezu kwami engingakwazi ukuyigqashula. Ngekwindla edlule, ngaphupha ngangilahlekile esihlabathini esimhlophe. Kwakuhwalala; angiyitholanga indlela yami. Leliphupho selihlale nami selokhu kwaba sekwindla edlule. Manje, nginjengalowo odukuza ebumnyameni. Indodana yami (uE-r-v-. . .), uErvin, nonkosikazi babebandakanyiwe ephusheni lami. Manje, nabo basebumnyameni. Sisekushisekeleni—sisentshisekelweni. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uzokubonisa ukuthi yini i—ukuthi yini esezinhliziyweni zethu manje.** (Nkk . . . O, kulungile.) **Uma sinephutha noma izindawo ezonayo, sitshele. Sifuna ukuhamba ngeqiniso.**

98 Angilazi inenekazi, kodwa ngiyezwa nje uma ulapha, nenekazi, ukuthi nansi inkathazo yakho. Udedele into ethize yenzeka kuwe ekwenze waguliswa yimizwa, ngoba ngokuba se "zihlabathini ezimhlophe" kumele ubumsulwa nokulunga. Futhi nje udedela uSathane abeke okukodwa phezu kwakho. Iphupho lakho lifakazisile ukuthi akukho okungalungile. Kuphela uguliswa yimizwa, futhi ngokwenza lokhu nokucabanga lokhu, wenza wonke umndeni wakho uguliswe yimizwa. Yekela ukukwenza; biza amalungelo akho owanikwe nguNkulunkulu. Iphupho lakho liyafakazisa ngokuhunyushwa ukuthi u*se*zihlabathini ezimhlophe. Yonke into ikahle. Nguwe, qobo lwakho, oguliswa yimizwa.

99 Futhi wayeka ilunga elilodwa lomndeni liguliswe yimizwa, kuya elungeni elilandelayo, nelunga elilandela, nento yokuqala nonke niyaqophisana futhi niqhubeka. Nelunga elilodwa lomndeni lithi ukuphathwa kabi yinto ethize, kuphatha kabi elinye, nelinye, nelinye, into yokuqala uyazi wonke umndeni uphatheka kabi. NguSathane. Bese kuthi uma ilunga elilodwa lomndeni lithokoza, onke amanye mawathokoze nalo. Ngakho wonke owomndeni uzama ukwenza lokho.

100 Zamani, ngamunye wenu bantwana, ukuba usize ubaba wakho, umama. Umama, u. . . Baba, zama ukusiza abantwana. Ungawuvumeli lowo ohwaqabele, umoya wokungakholwa ube ngakuwe. NingamaKristu. Nizalwa nguMoya kaNkulunkulu. Nina ningusawoti womhlaba. Ninamalungelo eniwanikwe nguNkulunkulu. NeBhayibheli lathi, "Uma kukhona okuhle okubongekayo, uma kukhona okuhle, zindlani ngalezizinto." Ningazindli okungalungile.

Futhi Dadewethu, ngicabanga ukuthi yileyo inkathazo yakho, Dadewethu othandekayo.

Bengingahlala kulokho isikhathi eside, kodwa ngalokho engikwethembisile, imizuzu engama shumi amabili nje. . . Futhi ngithanda nje ukuthola emininingi impela yalena . . . uma ingekho, ngiyibuyisele edeskini futhi ngizobuye ngiyithole.

**291. Abanye bathi uMfowethu Branham uyiNdodana uqobo yomuntu. Ngangicabanga ukuthi iNsika yoMlilo yayiyiNdodana uqobo yomuntu. Ngiyaphazama na?**

101 Awu, lowo ngumbuzo omuhle, omuhle kakhulu. Kodwa angisiyo iNdodana uqobo yomuntu, kodwa ngiyindodana yomuntu. Kunomehluko impela. UJesu Kristu wayeyiNdodana uqobo yomuntu, iNdodana kaNkulunkulu, iNdodana yomuntu, iNdodana uqobo kaDavide.

102 Manje, isizathu sokuba lowombuzo mhlampe ubuzwe yilomuntu noma oshiwo, ngoba abantu bangithatha ngokuthi ngingumboni, engingakaze. . . Nginombuzo phakathi lapha nje ongiqhumisayo ngalokho. Niyabo? Kodwa ngi—ngi—ngi—u—u. . . Uma ngifunda lemibuzo nizobona ukuthi kungani ngiphendula izinto ngendlela engenza ngayo. Ngize ngiholeleke ngokuyikho du ukuba ngenze okuthize (niyabo?), khona-ke ngizo—ngizosho engifanele ngikusho. Kodwa lelohora alikafiki.

103 Ngakho angisiyo i—i—iNdodana uqobo egcotshiweyo. Angizisho ukuthi ngingumprofethi waYo. Izikhathi eziningi ngikusho lapho engangingacabangi ukuthi ngikushilo, ngizibambe eteyipini. Kodwa ngiyakusho lokho ngesiny'is'khathi, ngoba uma ufuna ukukunika amagama, *umprofethi* usegameni lesiNgisi elingukuthi nje "umshumayeli." Noma ubani uyakwazi lokho; thola isichazamazwi. Uyabo? *Umprofethi* ngu "mshumayeli" phansi kwesichazamazwi sesiNgisi. Kodwa phansi kwesiHeberu noma isiGreki, *umprofethi* ngu "mboni, lowo obona izinto zingakenzeki futhi asho izinto zingakenzeki." Kodwa phansi kokuhumusha kwesiNgisi, *umprofethi* ngu "mboni."

104 Ngakho angifuni ukuzibiza ngalutho kodwa ngomfowenu. Ngingumfowenu, futhi ningithatha ngokuthi nginguMfowethu Bill, noma uMfowethu Branham, kumbe noma ngabe yini ofuna ukuyenza ngalokho. Lokho—lokho—lokho kuhle, lokho ku—

lokho kuhle kakhulu. Okukholwayo, kugcine lokho kuwe uqobo. Uyabo?

105 Futhi manje, ubuthini lowo omunye umbuzo na? Ngithatheka kakhulu kulena, ngiyakhohlwa ukuthi izinto beziyini. Omunye wayo ubuthi, "Ngabe ngangiyiNdodana uqobo yomuntu na?" futhi . . . Nakhu engikukholwayo. ". . . iNdodana uqobo yomuntu noma ngabe iNsika yoMlilo yayiyiNdodana uqobo yomuntu na?" Qhabo! INsika yoMlilo iluGcobo.

106 INsika yoMlilo . . . Manje, lokhu kungahle kuthi ukujula kancane ngaphandle uma kungabanye benu bosiyazi bezenkolo, uDkt. Vayle, mhlawumbe uMfowethu lapha, nabanye balababefundisi lapha abavela eArkansas, nabangani bami abalungileyo, mhlawumbe bazokwazi.

107 Manje, leyoNsika yoMlilo yi*Zwi-mcabango* elaphuma kuNkulunkulu. I*Zwi-mcabango*, empeleni eliyingxenye engehlukaniseki yokuGcwala kukaNkulunkulu. Lapho uNkulunkulu eba ngongena esimweni lapho Elalingabonwa khona, Lalilugcobo loMoya omkhulu owaphumayo, ukuzehlisa kwaLo, liza lehla, uNkulunkulu, uYise, i*Zwi-mcabango* elaliphezulu phezu kukaIsrayeli, ela . . . Wayengcwele, engenakusithwala isono. Kwadingeka kube nomnikelo wegazi khona impela e-Edene. Kwase kuthi-ke lelo*Zwi-mcabango* liba yinyama futhi lakha phakathi kwethu; futhi lapho leli*Zwi-mcabango* lakha khona emzimbeni womuntu, okwakungumhlatshelo . . .

108 Ngenkathi umuntu enziwa ngomfanekiso kaNkulunkulu . . . Wayese-ke uNkulunkulu ehla ngomfanekiso womuntu ukuhlenga umuntu; lokho kwaletha umuntu noNkulunkulu babandawonye. Amazulu nomhlaba kwasingathana futhi kwangana; uNkulunkulu nomuntu bagonana njengobuBaba nobudodana ngenkathi i*Zwi-mcabango* liba yinyama futhi lakha phakathi kwethu.

109 UJesu wathi, "Ngavela kuNkulunkulu, futhi ngiya kuNkulunkulu." Kunjalo na? Emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, ukuvuka, nokwenyuka, ngenkathi umzimba uyiswa phezulu ukuba uyohlala ngakwesokunene sikaNkulunkulu . . . Manje, angiqondile ukuthi uNkulunkulu unesandla sokunene, uNkulunkulu ungumoya. Kodwa *ngakwesokunene* kuchaza ukuthi "emandleni negunya likaNkulunkulu." Ukuthi ngaleloGama yonke into eseZulwini yethiwe ngaLo futhi iyaLithobela. Yonke into esemhlabeni yethiwe ngaLo futhi iyaLithobela, iGama eliphezu kwamagama onke, uJesu Kristu.

110 Manje, leli*Zwi-mcabango* elalikuYe, okwakunguMoya kaNkulunkulu, uGcobo, ngomusa ongcwelisayo weGazi, laletha amaningi amadodana kuNkulunkulu, egcotshwe ngaleli*Zwi-mcabango* elifanayo.

111 Manje, ngosuku lwePhentekoste Lehla, leyoNsika yoMlilo, futhi yacazeka kanjalo, nezilimi zomlilo zahlala phezu kwalowo nalowo wabo, hhayi izilimi zabo, kodwa izilimi zomlilo zahlala phezu kwalowo nalowo wabo, elikhethiweyo, iqembu eliqokiweyo, likhonjwe yileNsika yoMlilo, ikhombisa ukuthi uNkulunkulu wayezehlukanise Yena uqobo wangena kumuntu. Niyakuthola na? UNkulunkulu, i*Zwi-mcabango*, ezehlukanisa Yena uqobo engena kumuntu! UNkulunkulu, hhayi kumuntu oyedwa, UseBandleni laKhe umhlaba wonke. Yingaleso sizathu uJesu athi, "Imisebenzi eNgiyenzayo mina niyakuba njalo nani, eminingi." Manje, ngiyazi iKing James ithi, "emikhulu kuna," kodwa ukuhunyushwa okuyikho lapho ngukuthi "*eminingi* kunalo niyakuyenza." UNkulunkulu wayezifake njengasebhodleleni futhi wazivalela kuMuntu oyedwa, uJesu Kristu. Kodwa manje Usezifake njengasebhodleleni futhi wazivalela kulo lonke iBandla lomhlaba wonke likaNkulunkulu oPhilayo.

112 Khona manje, uNkulunkulu eselapha ekhuluma nathi ezinhliziyweni zethu, UseAfrika, UseEshiya, UseYuropu, UseNgilandi. Nomaphi lapho amakholwa ebuthene khona ndawonye, Ulapho phakathi kwabo.

113 Manje, emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokwenyuka, nokufika kukaMoya oNgcwele, uPawulu esendleleni ezansi—owayenguSawulu—eya eDamaseku, washaywa phansi yiNsika yoMlilo, i*Zwi-mcabango*. Futhi leloJuda lalingebize leyoNsika yoMlilo, "Nkosi," ngaphandle uma laLilazile ukuthi kwakuyi*Zwi-mcabango* abantu balo abalilandela ehlane. Niyabo? Manje, leyo kwakungesiyo iNdodana qobo yomuntu, kwakuyi *Zwi-mcabango*.

114 Manje, sikusho lokhu ngenhlonipho, nothando, nokuhlonipha. Niyabo? NjengoJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade, nanokuthi futhi ngezinsuku zokugcina, njengoba kwenzeka ngaphambi kwesikhathi sikaLoti, noma ngesikhathi sikaLoti eSodoma, kuyoba njalo ngosuku iNdodana uqobo yomuntu Ezembula ngalo futhi, Izembula. Manje, ngalolu izinsuku zokugcina *iZwi-mcabango* elaliphezu kukaJesu—Asesuke kulokho wabuyela eNsikeni yoMlilo futhi wayesehlela phansi emhlabeni waya e (bengizosho okuthize, kodwa ngibhekisisa iteyipu. Bebengeke bakukholwe lokho uma ubatshelile. Bekungenze mehluko. Ba. . . Abantu bebengeke bakukholwe, kodwa ngizokweqa lokho)—kodwa yehlele lokho, njengokwehlulela okuhlolayo okuqhubekayo.

115 Futhi manje, leNsika yoMlilo enkulu ekhonjwe ngokoqobo ngisho nangemishini yokuthwebula izithombe yesayense, lokho kulapha emhlabeni namuhla. . . Naso isithombe saYo silenga lapho. Ngikholwa ukuthi siselapho, lokho akunjalo na? Silapho na? Sifakazelwe yisayense ngedlula yonke esinayo. UGeorge J. Lacy, inhloko yezobunhloli iFBI yemisalela

yeminwe nezincwadi, wathi, "Ngangikubiza ngenjulamqondo qobo lwami, Mfundisi ohloniphekile Branham, kodwa," wathi, "ukukhanya kwashaya ilenzi ingilazi eqoqa imisebe yokukhanya. Ngasibeka phansi kobungako bokukhanya kwemisebe futhi wayenokuhlola lapha izinsuku ezine noma ezinhlanu. Nokukhanya kwashaya ingilazi eqoqa imisebe yokukhanya. Nalengilazi eqoqa imisebe yokukhanya ingeke iyithathe injulamqondo!" Manje, lokho kukhonjiwe.

116 Manje-ke bhekisisani imisebenzi yaYo. Yona, phakathi kwethu, ifakazisa ukuthi uJesu ofanayo owake waphila ePalastine, uMoya ofanayo owawuphezu kwaKhe ufikele phezu koMzimba Usuze ubuyela ebuNhlokweni futhi, okungukuthi Uyeza masinyane ukubiza uMzimba. Amen! INhloko iza eMzimbeni. Niyakuthola na? Leyo kuyoba yiNdodana uqobo kaNkulunkulu, iNdodana uqobo yomuntu, iNdodana uqobo kaDavide, uNGIKHONA, iNtebe yaseSharoni, uMnduze wesiGodi, iNkanyezi yoKusa.

117 AngisiYo; ngiyinceku yaYo. NeNsika yoMlilo ayisiYo; Isesimweni sikaMoya (niyabo?) owawuphezu kweNdodana uqobo yomuntu futhi ifikile manje ukugcoba amadodana omuntu, ukubuyisa inkonzo njengoba Yasho impela nje ukuthi kuyoba njalo, ukuze iNhloko nawo wonke uMzimba ukuwuxhuma ndawonye.

118 Njenge—njengesivivane nje njengoba uEnoke asakha. Futhi siyathola kulesosivivane, abazange balithole itshe eliyinhloko phezu kwaso. Ngani na? Itshe eliyiNhloko lisazokuza. Izinyathelo eziyisikhombisa e—esivivaneni . . . Siyokwedlula kulokho ngolunye usuku, futhi ngizothanda nje ukunikhombisa ukuthi ngempela iphelele kanjani ngomBhalo.

119 Futhi manje, uma niqaphela emalini yenu eyidola yaseMelika, lelotshe elikhulu eliyinhloko, iso, kuthi, "UPhawu oluKhulu." Liyofika.

Futhi qaphelani lawomatshe . . . Ngabe wayekhona lapha owake waba sezivivaneni zaseGibhithe na? Awu, uma niqaphela . . . Ya, lapha, kunezandla lapho esiphezulu emuva lapho. Kulungile. Lawomatshe abekwe lapho ngokuphelele kakhulu, nalesosiqongo, lapho isiqongo esincane njengasesiqongweni saso, uma sekufika lawomatshe, siyofana nedayimane elikhulu lenela phansi ngqo phakathi lapho siphelele nje nalo.

120 Manje, lelotshe lalingenakwenela kahle phansi lapho kulesosisekelo esiphansi ekugcineni, kanjalo aliyikwenela esisekelweni sesibili noma isisekelo sesithathu. Liyokwenela kuphela esisekelweni esisesiqongweni, lapho isakhiwo sonke sesenele etsheni. NoJesu angefike kuze kube iBandla, uMzimba wamakholwa nenkonzo Ake ayishiya iyofanele ifane ngaleyonkathi njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi e . . .

Bese kuthi-ke, lokho kuletha... "Bona ngaphandle kwethu akaphelelisiwe," kwasho uPawulu, amaHeberu 11. "Ngaphandle kwethu bangephelelisiwe." Bafanele babe nalenkonzo ukuvusa iLuthela, amaWeseli, nabo bonke phansi kusukela eminyakeni yabo. Uma sekufika lokho, uma leyongxenye ye—lapho izinkozi zibuthene khona... "Njengoba nje isidumbu sinjalo izinkozi ziyobuthana," imibuzo ubunjalo. O, kuphelele nje. Ngithemba ukuthi lokho kuphendula umbuzo.

**292. Mfowethu Branham, uSathane angasisebenzisa yini isiphiwo sezilimi noma isiprofetho kumuntu onoMoya oNgcwele na?**

121 Lowo ngomuhle akusiwo na? Yebo, mnumzane! Uma... Sifanele sibhekisiswe kakhulu, kakhulu impela. Uma nizoqaphela kwabaseKorinte bokuQala 14:29, wena ofuna ukukubhala phansi...Niyabo? U—umuntu obhale lokhu abazange basayine igama labo; bavele bathi nje, "UNkulunkulu akubusise." Niyabo? KwabaseKorinte bokuQala 14:29 sithola ukuthi noma yisiphi isiphiwo ebandleni sifanele sihlolwe kuqala. Niyabo? Ufanele ubhekisise, ngoba imimoya emibi ingena ngesinyelela. Ngoba khumbulani, imvula ina phezu kwabalungile nabangalungile. Imvula efanayo eyathunyelwa ukuzovuthwisa ukolo ivuthwisa nokhula, amanzi afanayo. Bangaki owazi lokho na? Manje, lokho bekufanele kuyicacise inzalo yenyoka enobuqili kinina-ke, ukuthi lendodana ifika kanjani. Ngizama ukuwukhipha lapha ukuba ngiwuthole ngaphambi kokuba isikhathi sami siphele, kodwa angiwutholi: ngakho, ukuthi leyondodana yayinjani mayelana nenzalo yenyoka enobuqili. Niyabo?

122 UNkulunkulu unomthetho. Manje, kulokhu, kulomthetho woMoya wokuPhila ufanele ubhekisise, ngoba uSathane ungena ngesinyelela.

123 NoPawulu, uma into ethize yayembulwa komunye, kwakufanele kube okungenani nababili noma abathathu abakuhlolayo ngaphambi kokuba kutshelwe phambi kwebandla.

124 Manje, futhi lapha ngingahle ngikhiphe lokhu. Ngibona eyami...Angicabangi ukuthi uMfowethu ulapha kulobubusuku, kodwa omunye umuntu uhlekise ngomunye umuntu eshiya itabernakele wayesehlela kwaMfowethu Junior Jackson eyofuna ibandla. Wathi, "Behlela phakathi kwe 'zinyoni ezifile.'" Awunamahloni ukwenza ukuphawula okunjalo na? Noma ngabe ungubani, uma ungumntwanyana wami lapha kuKristu, nginamahloni ngawe. Ungayenzi into enjengaleyo. UJunior Jackson ngumfowethu. UDon Ruddell ngumfowethu.

125 Awu, isizathu sakho, ngoba uma ngibeka ibandla lapha enqubweni ethize, uma ngibuya, ukubona ukuthi ngingakuthola yini ukubonakaliswa kweziphiwo, uhhafu wabo wahosheka

kuyo. Ngoba uma uzoqala ukukhuluma, noma ukushumayela, noma into ethize, kumele. . . Kwase kufika endaweni nje okwase kul'khuni khona ukuba ushumayele engekho okhulume ngezilimi, omunye ehumusha, omunye enikeza ukuhumusha; nohhafu wakho kungafezeki ngisho.

126 Manje, ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi. Ngiyakholelwa ekuhunyushweni, kodwa kufanele kube yinto ethize eya ebandleni ngqo, hhayi ukuthi, "INkosi iyeza masinyane," noma into ethize—okungukuthi kulungile. Kodwa, "Ningathemelezi," njengoba uJesu athi, "abezizwe bayakwenza."

127 Kufanele kube yinto ethize. "Hamba utshele uMfowethu u*S'bani-bani* into ethize ayenzile no—nokuthola. . . " "Ngani, hamba utshele uMfowethu, uDadewethu u*S'bani-bani,* ngenkathi enza into ethize ezansi lapho ngeliny'ilanga, wephula imithetho yomyeni wakhe—isifungo kumyeni wakhe. Ngaphandle uma ekulungisa—lungisa, uMoya oNgcwele uzomnquma." Lapho uno ISHO KANJE INKOSI!

128 Bese-ke kungeniswa lesosono. Yilapho-ke uma sinebandla elinjengoba lalinjalo ngenkathi uAnaniya noSafira bengena. Khona-ke sinebandla elimi liqinile.

"O," wena uthi, "Mfowethu Branham. . . " Umfo oyedwa, ngamtshela lokho; wathi, "Awu, nisibeka kakhulu endawaneni."

129 Ngathi, "Ngabe angikho yini endawaneni phezulu lapho ezihambini engingakaze ngizibone empilweni yami na? Kodwa nginokukholwa nokumethemba uNkulunkulu wami owangithuma ukuba ngizokwenza lokhu, futhi akukaze nakanye kube nephutha akusoze kwaba nalo inqobo nje uma kunguNkulunkulu." Kunjalo.

130 Akusikho ukukhuluma ngezilimi nezinto ezinjalo. . . Ngikholwa ukuthi lezozilimi nabantu abanalezoziphiwo, uma bengamaKristu angempela angokoqobo futhi besikhathalele, bayohlangana bona ndawonye, ngoba—futhi banikeze izilimi zabo nezihumusho futhi babone ukuthi bangenzani ukuqhubekisela phambili uMbuso kaNkulunkulu. Banenkonzo engeyabo, kodwa ayisiyo eyalapha phakathi nezethameli lapho khona i—izoni kubhekwana nazo kanjalo njalo. IBhayibheli lathi, "Bayothi awufundile."

131 Ngezinye izikhathi baba ngabangahloniphi kakhulu ngakho no—nokunye nokunye. . . Akusikho ukuthi igenge yethu eyayingenakho, kodwa ngibadedele baqhubeka isikhashana. Ngathi, "Kubhekisiseni."

132 Manje, ngabatshela abazalwane (kunofakazi lapha abakwaziyo lokhu), ngathi, "Kuyekeni kanjalo. Emva kwesikhashana ngizo—sizothola ukuthi ngabe uNkulunkulu noma qha. Uma kungenakukumela ukujeziswa, khona-ke ngumntwana wesihlahla." Yilokho impela iBhayibheli

elakushoyo. Futhi uma kufika ukujeziswa, kwenzekani na? Ngabe nginitshelile lokho kudala na? Niyabo? Buzani umelusi lapha.

Wathi, "Uthini nga*lokhu* na*lokho* na?"

133 Ngathi, "Kuyeke kanjalo nje! Bayizingane. Singeke sakwehlulela, kodwa bhekisisani ngempela uma sekufika ekuqhaselweni phansi eZwini."

134 Manje, uMfowethu Junior Jackson wayenelungelo lokungavumelani nalokho. Ufuna ibandla lakhe . . . Abantu bonke bafuna ukukhuluma ngezilimi nezinto ezethamelini. Leyo yinkathazo kaMfowethu Junior; lokho ku—lokho kukuye. Kodwa uJunior Jackson ukholwa yiloMlayezo ngokufanayo njengoba i—noma yimuphi wethu sonke enza. Ungomunye wethu. Futhi akusiyo i "nyoni efile" ukuya lapho. UJunior Jackson uyindoda kaNkulunkulu engiyithanda ngenhliziyo yami yonke. Futhi akekho lapha kulobubusuku, ngakho ngingakuthulula ngendlela engikufuna ngayo.

135 Futhi—futhi uDon Ruddell . . . Angicabangi ukuthi uDon ukhona kulobubusuku, ngoba banebandla okungelabo. Kodwa uma ngibone wonke umuntu eza kulelitabernakele, aphume ahambe futhi aye kuDon Ruddell, noma—noma uMfowethu J. T. Parnell, noma uMfowethu—noma yimuphi walababafowethu lapha ongabafowethu lapha nezakhamizi esikanye nazo zoMbuso, bengingajabula kakhulu bengingeke ngazi ukuthi ngenzenjani. Bengiyothi, "Nkosi, gcwalisa lo abuye ame futhi. Masikuthulule bese sigcwalisa omunye." Bengingakuthanda. Bengingakuthanda ukubona labobafana . . . Bangabantwana bami—bami.

136 Manje, uJ.T. noma—noma yimuphi wabo bonke akadingi ukuba akholwe njengoba ngenza nje; abadingi ukuba benze lokho. Njengoba nginitshelile kulokhu ukusa, angivumelani ngisho nanomkami, noma akavumelani nami. Ukuba-ke bengiye etafuleni noJunior wathenga uphaya we apula nami ngathenga uphaya wamasheri. Mfowethu, sobabili sidla uphaya, sizovumelana lapho, kodwa . . . Futhi sobabili sishumayela iVangeli elifanayo. Ukuqondiswa kwebandla lakhe izigwegwe . . .

137 Niyazi, uPetru noPawulu babenemehluko, hhayi ezimfundisweni zabo, kodwa indlela uPetru ayeziphatha ngayo. Babenomehluko o—omncane kuyo, kodwa ayizange ibehlukanise. Babengabazalwane. Ngani, impela sizoba nemehluko, hhayi imehluko . . . angivumelani neAssemblies of God. Angivumelani nezinqubo zabo, kodwa iningi indoda eyiAssembly of God engumfowethu oligugu. Angivumelani nemfundiso kamunye, kodwa kunamaningi alawomadoda ayindoda eligugu.

138 Ngiyavumelana—ngivumelani namaBaptisti, namaPresbyterian nezinqubo zawo, kodwa phakathi lapho, kunamaKristu angokoqobo.

139 Ngandlela-thize noma enye kulentambama ngicoshe itelegramu. Ingilahlekele. Umfowethu, umshumayeli oyiBaptisti, uthe ubeyo—kade efuna isikhathi esiningi ukuba eze endaweni—noma afike endaweni lapho umuntu ayemhlonipha khona uNkulunkulu e—esikhundleni sokuhloniphana bodwa.

140 Nomfowethu oligugu ufika kulelibandla wathi, "Ngizokuyisa endaweni ethize thizeni." Wayekulangazelele ukufinyelela lapha, umBaptisti. Niyabo, bahlakazeke ndawo zonke. Ngangingavumelani nenqubo yabo, kodwa ngempela ngiyabathanda abashadikazi. Ngakho ungakusho lokho ngabazalwane.

141 Manje phakathi lapha, leziziphiwo zi—zifanele zibhekisiswe. Akukho siphiwo . . . Sifanele sibhekisiswe. USathane angalingisa noma yisiphi isiphiwo. Bukani lamaBhungane manje eyolingisa ukuphilisa ngokukaNkulunkulu—angamanyala, angcolile, abolile, azalwe esihogweni. Niyabo? Kulungile.

**293. Ngabe uDanyeli wayeyindoda yesine yini esithandweni somlilo ngoba wayengumprofethi ngalowonyaka na?**

142 Qhabo, kwakunguJesu. INdoda yesine yayi—ifana neNdodana uqobo kaNkulunkulu. Angicabangi ukuthi kwakungumprofethi, ngoba wayesemphandwini wezingonyama; kodwa ngi—ngeke ngakholwa ukuthi uDanyeli wayesesithandweni somlilo. Ngi—ngingeke nga . . . Manje, lapho ungahle ukuba uqinisile, kodwa-ke lowo ngumbono wami nje.

**294. Mfowethu Branham, kuGenesisi 6 nevesi 12, uNkulunkulu washo ukuthi yonke inyama yayonakalisile indlela yayo. Ngabe lokhu kunenkomba yesahlukaniso nomshado na? Uma kunjalo, uJesu wayengenayo yini inkomba entweni efanayo ngenkathi Esho ukuthi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo nxa iNdodana uqobo yomuntu iyokwembulwa" kuMathewu 24, ivesi 38 nelama 39 na?**

**295. Mfowethu Branham, bayoba khona yini abantwana abazalwayo ngesikhathi seminyaka eyiNkulungwane—iminyaka eyinkulungwane—isikhathi seminyaka eyiNkulungwane, ukubusa iminyaka eyinkulungwane kukaKristu lapha emhlabeni na? Noma siyobakhona yini isibonakaliso emhlabeni—isono** (ngiyaxolisa) **emhlabeni ngaleso sikhathi; futhi ngabe bayobakhona abantu emhlabeni emizimbeni yangempela ngalesosikhathi na?**

143 Ngizozama ukuba nje ngedlule kuyo masinya impela. Manje, kuGenesisi isahluko 6, ivesi 12, uNkulunkulu wathi yonke inyama yayonakalisile . . . Ya, lowo kwakungumshado,

isehlukaniso, nayo yonke enye into. IBhayibheli lathi, “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, ukuthi babeganana kanjani, futhi bendiswa,” nokunye nokunye kanjalo. Leso esinye sezibonakaliso zokuphela kwesikhathi, esinye nje sezibonakaliso.

144 Manje, uma lokho kuyikhona konke izwe elalikwenza, bengingekubize ngobufakazi obubonakalayo besikhathi sokuphela, njengoba ngingekubize ukukhuluma ngezilimi ngokuthi kungubufakazi obubonakalayo bokuba noMoya oNgcwele. Kuyiqiniso ukuthi kufanele kufike isikhathi lapho umshado nesahlukaniso kufana nje njengoba kwakunjalo emihleni kaNowa, kodwa ziningi kakhulu ezinye izinto ehambisana nakho; kungesinye nje sezibonakaliso.

145 Nokukhuluma ngezilimi kungokunye kwezibonakaliso zikaMoya oNgcwele, kodwa hhayi isibonakaliso esingenakuphosisa sikaMoya oNgcwele, akungaphezulu nje kwabesifazane nowesilisa beganana futhi behlukanisa bephinde baganwe futhi. Leso bekungebe yisona sibonakaliso kuphela. Uma leso kuyisona kuphela esikhona, bengingesibize ngalokho. Niyabo? Ezinye izinto ifanele ihambisane nokukhuluma ngezilimi kumbe noma yisiphi esinye isiphiwo ukukwenza kube nguNkulunkulu.

146 Manje, “Abantwana bayozalwa yini ngesikhathi sokubusa kweminyaka eyinkulungwane kwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane na?” Lowo ngumbuzo engqondweni yami, enganitshela wona ngolunye usuku. Angazi. Kubukeka kakhulu impela sengathi kungaba njalo; kubukeka kakhulu impela sengathi kungebe njalo. Ngizobaqotho kini ngakho konke engaziyo ukuthi kubiwa qotho kanjani. Angazi kuze kube yilesisikhathi. Uma uNkulunkulu kwenzeka ekwembula, ngiyonitshela. Kodwa lindani; kufanele kuvele kuNkulunkulu. Ningabantwana bami. Ngingenitshele. Angazi noma bayoba khona noma kumbe abayikubabikho. Ngeke ngasho.

147 “Noma siyobakhona yini isono emhlabeni ngalesosikhathi na?” Qhabo! Akuyikubakho sono emhlabeni. USathane uyaboshwa.

148 “Futhi bayobakhona yini abantu emhlabeni emizimbeni yangempela ngalesosikhathi na?” Yebo, mnumzane! Siyoba nomzimba wethu okhazimulisiweyo khona lapha emhlabeni, sidla, siphuza, sakha izindlu, futhi—futhi—futhi siphila njengoba senza nje manje iminyaka eyinkulungwane. Yi—yiholide labasandakushada loMlobokazi noMyeni.

**296. Mfowethu Branham, wayechaza ukuthini uJesu kuMathewu 12, ivesi 32, lapho khona uJesu athi, “Okhuluma izwi elimelene noMoya oNgcwele, akayikuthethelelwa khona, kulelizwe, nasezweni elizayo**

**na"? Ngicela ungichazele lamavesi omBhalo. Ngiyabonga.** Futhi unegama lendoda; ungumfundisi. Kulungile.

149 Mfowethu, ngi—ungusiyazi wezenkolo, angisuye. Kodwa ngithanda ukusho lokhu, ukuthi uJesu wathi, "Okhuluma amelane noMoya oNgcwele akayikuthethelelwa khona." Ngamany'amazwi, ukukubeka kanye nawo wonke omunye umBhalo, "Lonke uhlobo lwesono umuntu uyakuthethelelwa lona, kodwa ukuhlanjalazwa kukaMoya oNgcwele akuyikuthethelelwa kubantu." Ukuhlanjalazwa kukaMoya oNgcwele ngukuhlekisa ngawo, kukhulunywe ngawo, ujivazwe, wenze into enjengaleyo kulapho unqamula umugqa phakathi kokuyikho nokungesikho.

150 Manje, uma ubona uMoya oNgcwele. . .Isibonelo nje, ukuba-ke uMoya oNgcwele ubungeza wehlele lapha futhi ubone okufihlakeleyo njengoba Wenza, futhi ukuba-ke lowo bekungaba nguMoya oNgcwele, futhi ungakholwa ukuthi bekuyiWo, wase wena uyaphuma wase uhlekisa ngaWo futhi wakhuluma ngaWo; angikhathali ukuthi uke wenzeni, usuphelile. Futhi ungeke wakwenza. Lokho kufakaza khona lapho ukuthi wena awusuye okaNkulunkulu, ngoba iMbewu kaNkulunkulu ihlala kumuntu futhi akanakona. Futhi yini isono na? Ukungakholwa. Uma ebona iZwi libonakaliswa, uyoLikholwa. Futhi kuphela anga . . .

151 Niyabo, sinye kuphela isono, sinye kuphela isono. Bangaki okwaziyo lokho na? Lokho ngukungakholwa. Kunjalo. Ukuphinga akusiso isono. Ukubhema osikilidi, ukukhuluma amanga, ukuthuka, lokho akusiso isono. Lokho yimiphumela yokungakholwa. Uyakwenza, ngoba awusilo ikholwa. Kunjalo. Ngakho, uyabo, sinye kuphela isono, nalokho ngukungakholwa. "Ongakholwa uselahliwe vele." Akunandaba ukuthi wenzani noma lutho, ulahliwe ukuqala nje. Kulungile.

**297. Mfowethu Branham, akulungile yini ukuba omncane ongakashadi—ngakashadi** (akashongo ukuthi ini) **ukuba agunde ezakhe—izinwele zabo na?** Ngicabangela ekutheni ngowesifazane.

152 Yebo! Yebo, ku—akulungile ukuba noma yimuphi wesifazane agunde izinwele zakhe.

Lowo ngumbuzo omfishane nje omncane. Seni—seniyozela na? Awu, sizo—sizoshesha nje masinyane ngakho konke esingakwenza. Bengizama ukuthola leyonzalo yenyoka enobuqili kabi kabi.

**Khulekela indodana yethu e . . .**

Leso yisicelo somkhuleko. Ngivele ngacosha lena nje ngase ngigijima, nje . . .

**298. Mfowethu Branham, abesifazane bavunyelwe yini ukusebenza ezindabeni zomphakathi uma benomyeni**

**ophila kahle nabantwana na? Ngiwubuzela omunye lombuzo.**

153 Awu, a—a—a—angazi ngalokho. Ngeke ngasho. Kodwa ngi—nginalomuzwa nje. Ake ngisho lokhu: Ngiyakholwa, ukuba bengingowe—wesifazane futhi ngazi ukuthi umyeni wami ubephila kahle futhi enomsebenzi omuhle, esebenza, ngikholwa ukuthi bekungaba yi—yintokozo enkulu kimi ukuhlala ekhaya, nginakekele abantwana bami futhi ngenze i . . . futhi—futhi—futhi nginakekele abantwana bami futhi ngibakhulise, nokuthanda iNkosi. Futhi uma bengingaba naso isikhathi ekuwasheni kwami nezinto ebengizozenza, ngicabanga ukuthi bengingafundisa abantwana bami ukuthi bayikhonze kanjani iNkosi.

154 Manje, uma une—nesikweletu noma into ethize ozama ukusiza umyeni wakho ukuba ayikhokhele, noma into ethize ozofanele uyenze e . . . Awu, ngicabanga ukuthi lokho kuhle uma uzozama ukumsiza. Futhi—futhi uhlale uyinenekazi. Futhi ngi—ngicabanga ukuthi kul'khuni. Akukho-ndoda enokuqonda okuhle efuna umkayo angene esigejaneni, lapho okukhona isigejane senenhlamba, indoda engcolile nezinto ezinjalo. Kodwa uma owesifazane ezongena kulokho, ngicabanga ukuthi ufanele a—umyeni wakhe ufanele azi ukuthi ungumKristu wangokoqobo ongethenjwa, owesifazane onokwethenjwa.

155 Kodwa manje, ekutheni akafanele asebenze, a—angazi. Niyabo, akukho-mBhalo wokwesekela lokho. Nje ngi—ngidlulisa nje lowombono. Kodwa ngicabanga ukuthi uma owesifazane efuna ukusebenza futhi efuna ukusebenza . . .

156 Manje, ngimelene ngempela nabesifazane abasebenza kulama ofisi lapho bonke labosomabhizinisi . . . Bayaqhubeka, baxoxe lawomahlaya angcolile. Nokahle, owesifazane ohlanzekile ehlezi lapho, nazo zonke lezizinto ezinenhlamba zishiwo khona lapho kanjalo, ngi—ngimelene nalokho. Ngicabanga ukuthi ufanele uphume phakathi kwezinto ezinjalo ezinjengalokho.

157 Kodwa manje, uma owesifazane engazibamba njenge—njengenenekazi langempela futhi ezama ukusiza umyeni wakhe enze into ethize ukuhlangabezana—ezinye izingubo zabantwanyana ukuba baye esikoleni, noma—noma akhokhele isikweletu, noma into efana naleyo, futhi ufuna ukusebenza kuze kuphele lokho . . . Manje, lena akusiyo iNkosi, ngoba anginamBhalo walokhu. Ngiyasho nje ukuthi lokho bekungaba ngumbono wami; kodwa kungenjalo, bengingecabange ukuthi ngoba nje ufuna ukusebenza ukuba nje ehle enyuka futhi abe ne—noma—imali eningi ukuba ayisebenzise, ehle enyuka, futhi agijimele emabhareni, noma aphuze, abheme, futhi aqhubeke; angicabangi ukuthi ufanele akwenze. Ngicabanga ukuthi

ufanele ahlale ekhaya, azame ukuba yinenekazi, futhi anakekele indlu yakhe.

**299. Uma uJesu ngomzuzwana...**(Qhabo!) **Uma uJesu—uma wena emshadweni wesibili lapho abashadikazi bobabili befakwe isehlukaniso khona...i—ku (p-h-e-n-...) ukuphenduka ukuphenduka kwenele yini, noma ufanele uqede—noma ufanele uqede ubudlelwane bomshado wakho ukuze ube kahle na?**

"Uma—uma usemshadweni wesibili lapho abashadikazi bobabili befakwe isehlukaniso..." Ngicabanga ukuthi sengivele ngiwuphendulile lowo. Niyabo? Yebo, sengivele ngiwuphendulile. Lapho bobabili abashadikazi be—be... ngivele nje...

158 Ngi—ngifisa sengathi besingadingekanga ukuba sedlule kulezizinto, bantu. Nginabangani behlezi khona lapha, ngaphandle kulezizethameli lapha engizaziyo...Kucishe kungibulale nje ukusho lokho, kodwa ngi—ngifanele ngikusho. Niyabo? Nezwe lisesimweni sokonakala ngempela.

159 Omunye ozihluphekelayo, omncane, owesifazane omdala wenza iphutha futhi ashade omunye ohlulwa wuphuzo futhi—futhi baphenduka leyondlela, noma omunye wesilisa ozihluphekelayo ashade nesinye iseqamgwaqo futhi engakwazi, bese-ke eboshelwa kulowo wesifazane noma owesilisa inqobo nje uma besaphila. Leyo yinto embi kabi. Umshado uyinto engcwele.

Izikhathi eziningi abantwanyana abayizoni bagijima bangene futhi benze lezozinto, bese-ke bemangala ukuthi kumayelana nani konke. Ngi—Ku...ngiyakholwa, uma iNkosi izongivumela ukuba ngichaze lomshado nesahlukaniso indlela okufanele kube ngayo, ngikholwa ukuthi kuzocacisa yonke inqwaba yalokho. Konke...[Ukuphela kwecala lokuqala leteyipu; icala lesibili liqala ngombuzo ongaphelele—Umhl.]

**300. Sibona...Asizithengisi ngani izindlu zethu na? Ngiyabonga. Si...P.S. Sikhulekile futhi sazila ukudla—futhi—ukuba siyithengise, nokho akukho miphumela.**

160 Awu manje, Mfowethu noma Dadewethu (abalisayini igama labo), kodwa noma ubani, manje, uma uzama ukuthengisa impahla yakho futhi ukwenzile o...Ufuna ukuyithengisa futhi mhlawumbe wenzela ukuthenga enye futhi kumbe noma ufuna ukwenzani, angazi. Uma impokophelo yakho ikahle, uzama ukuthenga ikhaya...Uma unabantwana noma into efana naleyo, ufuna ukubatholela ikhaya elingcono noma into ethize...Angazi ukuthi konke kumayelana nani, kodwa bengingasho lokhu: Uma uzama ukuyithengisa, futhi uzila ukudla futhi uzama ukuyithengisa, bese-ke ukunikela eNkosini bese ukhohlwa yikho. Uyabo? Ngoba kungahle kube ngukuthi

uNkulunkulu... Ungahle uthuthele kwenye indawo, futhi kungahle kungabi kuhle. Uyabo?

161 Uma ungumKristu futhi wethembela eNkosini, ngoba impela unjalo kungenjalo ubungeke uzile ukudla futhi ukhuleka. Uyabo? Ngakho bengingavele nje ngikunikele eNkosini. Ngithi, "Manje, Nkosi, uma sekuyisikhathi saKho ukuba siyithengise, Uzothumela umthengi." Manje-ke sekunikelwe eNkosini, susa izandla zakho kukho bese uqhubeka. Ngikholwa ukuthi kuzosebenza. Ngithi ukujaha lapha, ngoba nje ngiphelelwa yisikhathi.

**301. Mfowethu Branham, akulungile yini kowesifazane ukuba azenze izinsonge amakhelzi izinwele zakhe na?**

162 Sengedlulile kulokho. Impela, anginandaba, nje zigcine zizinde. Niyabo? Angi... Ngiyazi ni... Angikusho lokho ukuba ngibe ngo "namahlaya" ngani mantombazane. Niyabo? Lokho kuqotho. U—u—ufuna ukwazi, futhi uyangibuza. Unokungethemba kungenjalo ubungeke ungibuze lokho. Manje, nginokukwethemba, Dadewethu, ukuthi engingakutshela khona, ngikholwa ukuthi ungakwenza.

163 Ngeke ngakwesekela lokho ngomBhalo. Uma ufuna... Uma ungenazo ezinhle, izinwele eziyizinsonge ezingamakhelzi futhi ungowesifazane, ufuna ukubukeka umuhle kumyeni wakho, esokeni lakho, noma into efana naleyo, ngi—ngingeke ngakutshela ngokwenza izinwele zakho izinsonge ezingamakhelzi noma—noma babekubiza ngokuthini, ukuzenza umbadlana noma into ethize na? Angi—anginalutho engingalusho ngalokho; lokho kukuwe. Uyabo? Ngi—ngi... Uvele nje, phakathi... Buza iNkosi ukuthi wenzenjani, I—Izokutshela lokho, ngoba ngi—ngizama ukuchaza izinto ngomBhalo. Niyabo?

**302. Ngicela uchaze abaseKorinte bokuQala 13:8-12. Manje ukuthi iZwi eliphelele libuyiselwa eBandleni ngabe—ngabe lamavesi asegcwalisekile na?**

164 Manje, ngicabanga ukuthi ngedlulile kulokho, angedlulanga na? "Futhi nxa sekufikile okupheleleyo, okuyinxenye kuyakukhawuka." UPawulu wathi, "Noma ngikhuluma ngolimi lomuntu nolwezingelosi, futhi ngenza zonke lezizinto lapha... Kepha nxa sekufikile okupheleleyo..." Manje, ikhona yini into ephelele ngaphandle kukaNkulunkulu na? Qhabo, mnumzane! UNkulunkulu uphelele na? *Ekuqaleni wayekhona* [Ibandla liyaphendula, "uLizwi."—Umhl.] *uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu.* IZwi lisalokhu linguNkulunkulu. Niyabo? Kulungile. Nxa sekufikile okupheleleyo, okuyinxenye kuyakhawuka.

**303. Mfowethu Branham, akulungile yini ukuba nezinwele ezigundwe zaba flethi phezulu na?**

165 Ngikholelwa—ngikholelwa ekutheni lona ngowesilisa; ngi—ngithemba ukuthi nguye. Awu manje, abanye besifazane bayakwenza lokho. Impela. Ngangenyuka ngebhasi ngesinye isikhathi ngenkathi ngisengumqaphi wezinyamazane kahulumeni lapha. Ngenyuka lapha. . . Ngangihlezi lapho, nendoda yayikhuluma kanjalo, yayifake isigqoko somshiseli, futhi ngangikhuluma nayo nje. Futhi yayiqhubeka ibhema usikilidi, inezibuko zomshiseli ziphushwe zabheka phezulu kanjalo. Yayiphezulu ngqo lapha ngaseSellersburg. Futhi ngangihlezi lapho ngikhuluma nalowomfo. Washo into ethize lapho, futhi sonke sahleka; ngayishaya emlenzeni; ngathi, "Mfana, lokho—lokho kuthatha ikhekhe ngempela, akulithathi na?"

Futhi ngangihlezi lapho kanjalo, ne—khona manjalo omunye—owesifazane ehlezi ngapheseya lapho wathi, "Awusho, Ruth, uzo. . . ?"

166 Efake iovaloli, emkhulukazi, eyisidlakela njengendoda nje, ehlezi lapho ebhema usikilidi futhi ewuphafuza ekhaleni lakhe, ngangicabanga ukuthi kwakuyindoda. Into ethize mayelana nokuwisa ithoshi elisebenza ngegesi futhi enza into ethize, eshaya ekhanda lomuny'umuntu wayeseshaya *lokho enikubiza ngokuthi* okuphuma kukho, wayeseqala ukuhleka. Ngahleka nami ngaze ngamshaya ngempama khona emlenzeni, ngicabanga ukuthi kwakuyindoda. Ngangingawazi umehluko. Ungeke wabatshela. NeBhayibheli lathi, "Noma yimuphi owesifazane ogqoka ingubo engeyowesilisa, kuyisinengiso." Nakho lapho esikhona.

167 Qhabo, Mfowethu, uma ufuna ukuba nezinwele ezigundwe zaba flethi phezulu, ngizokutshela: linda nje uze ucishe ube ngangami, uzoba nazo. Ngakho. . . Lokho kulungile. Bengingakuqondile lokho kanjalo, bhuti. Ayibusiswe inhliziyo yakho uma ukholwa ukuthi uMfowethu Branham ukutshela iqiniso. Angicabangi ukuthi uNkulunkulu usho noma yini ngendoda, eyayo—isembozo sayo singukuthi nje inqobo uma izigunda izinwele zayo. Uma iyekela izinwele zayo zikhule zehle zibe zinde njengowesifazane, iBhayibheli lithi kuyihlazo ukuba indoda yenze lokho.

168 Kodwa manje, uma u—inqobo nje uma unezinwele zakho futhi ungumfana omncane. . . Futhi ngiyazi ngisho yonke inqwaba ngakho: "Nani, boRicky, nalokho kugunda izinwele zibe flethi phezulu," nabo bonke kanjalo, nezinto ezinjalo, kodwa ngi—ngiyakusho nje lokho. Niyabo?

169 Angi—angicabangi ukuthi uNkulunkulu unendaba ukuthi indoda izigunda kanjani izinwele zayo, inqobo nje uma izigunda, ngoba inhloko yayo nguNkulunkulu. Kodwa inhloko yowesifazane yindoda; ngakho-ke, ufanele. . . Futhi uma egunda izinwele zakhe, uhlazisa ikhanda lakhe. Ngakho-ke owesifazane

ohlazisayo ufanele afakwe isehlukaniso futhi asuswe. Kunjalo na? Ngakho uma owesifazane egunda izinwele zakhe, une—umyeni wakhe unelungelo leBhayibheli ngokoqobo ukuba amlahle ngokuphila okungafanele—umuntu ohlazisayo. Bangaki owaziyo ukuthi lokho yiQiniso na? Kuyilokho okwashiwo yiBhayibheli, ngokuba uhlazisa ikhanda lakhe. Akekho owesifazane ohlazisayo okufanele kuhlalwe naye.

**304. Mfowethu Branham, ngenkathi uIsaya ekhuluma kumadodakazi aseZiyoni** (noma ekhuluma ku, ngiqonde lokho, ngiqagele bebeqonde ukuthi "ekhuluma nga")**—amadodakazi aseZiyoni mayelana nezikhonkwane zezinwele, izinwele ezenziwe amakhelzi, nasesikhundleni sezinwele ezilungisiweyo, impandla; esikhundleni se... Ngabe lokho kuyosebenza kokwanamhlanje noma ngabe iBhayibheli elidala alinampumelelo njengoba abanye besho na?**

170 IBhayibheli elidala njalo lisempumelelweni, nalo lonke izwi uNkulunkulu alishoyo lisempumelelweni. Yebo, mnumzane! Into kuphela eliyenzayo kusukela eBhayibhelini elisha kuya eBhayibhelini elidala, landisa nje. UJesu wathi, "Nibezwile bethi, 'Ungaphingi' (wawuze ube sesenzweni); kepha Mina ngithi kini, obuka owesifazane amkhanuke usephingile naye vele enhliziyweni yakhe." Lezizinto zigqame kakhulu kangaka pho!

Manje, ngifanele ngivale, bangani. Sekuthi ukuba leyithi kakhudlwana impela. Manje, lowo mude kakhulu. Ake sibone ukuthi ikhona yini enye into engingayithola. Ake sibone.

**305. Mfowethu Branham, abesifazane bafanele** (o, he!) **bazilungise kanjani izinwele zabo na?**

171 Futhi, noma ngayiphi nje indlela oyifunayo. UThimothewu wokuQala 2:9. Niyabo? "Abesifazane abahlobe ngezingubo ezifaneleyo." **Ngifuna uku—ngifuna ukulungisa ezami zithokozisa kuNkulunkulu.** (UNkulunkulu akubusise, Dadewethu othandekayo.) **Ngiyabonga. UNkulunkulu makakubusise. Sikhulekele.** Nomuntu usayina igama lakhe.

172 Sharon, impela, Sisi! UNkulunkulu akubusise. Zilungise zibe zinde nje njengoba zizinde, Dadewethu. Yintombazanyana. UNkulunkulu akubusise, S'thandwa. Kulungile, Qhubekela phambili ngqo.

**306. Emva kokuba uMlobokazi esehlwithiwe iyoba khona yini noma yiyiphi yentombi eyisiwula esindiswayo noma ziyolahlwa zonke na?**

173 Qhabo! Niyabo, yonke into iyoqedwa eyebandla labeZizwe lapho uMlobokazi esesuswa emhlabeni. UMoya kaNkulunkulu ushiya umhlaba: "Ongcolile ungcolile njalo; olungile ulungile njalo; ongcwele ungcwele njalo." Ngamany'amazwi indawo engcwele iba ngenentuthu, lapho u—uMmeli ema khona ukuba aphendulele ecaleni. UKristu uyasuka endaweni engcwele;

usuku lwaKhe lokulamulela seluphelile. Kufika uhlwitho; Uyasuka endaweni engcwele, uyaphuma futhi uthatha iNcwadi yokuHlengwa, futhi uyibiza ngeyakhe yonke into Ayihlenga. Awusekho umsebenzi wokulamulela. Bangaki okuqondayo lokho na? Nginakho kolunye lweziMpawu—noma olunye lwe . . . Ya, iziMpawu, ngikholwa ukuthi kwakuyikho, ukuthi uKristu uyaphuma ukuba abize umsebenzi waKhe wokulamulela.

174 Manje, umzuzu nje. "Ngabe intombi eyisiwula iyosindiswa na?" Qhabo! Noma ngabe yini enyenzekayo i—yenzeka manje. Emva kwalesosikhathi isesimweni . . . Manje, iyofanele iyokwedlula esikhathini sokuhlupheka. Nesizathu sakho ngukuthi, yingoba yenqabe ukuBuyisana ekugcwaleni kwaKho. Iyikholwa, ikholwa elizishoyo, kodwa iyodingeka yedlule kuso isikhathi sokuhlupheka. IBhayibheli lathi, "Nabaseleyo babo, udrako wakhwifa amathe emlonyeni wakhe ukuba ahambe futhi enze impi . . . " Nokuthi hora lini lelo. I . . .

175 Asikaze sibekhona isikhathi emlandwini lapho khona amabandla ngegama selilambe kakhulu ukuba lithole umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Ngi—ngikhulumela iChristian Business Men. Njalonjalo, yiPresbyterian, neLuthela, iKatolika, nawo onke, amaBaptisti ngamakhulu, iChurch of Christ, amaNazaretha, iPilgrim Holiness, iSeventh Day Adventist, onke ebuthela wena ekuzameni uku—ukuthola . . . Niyabo?

176 Manje, lena yinto ethusayo. Ngiyacela ningakuthathi njengemfundiso, kodwa niyaqonda yini ukuthi yathi imiBhalo kuyokwenzekani ngenkathi lokho kwenza na? Isikhathi sasesiphelile. Ngokuba bukani, kwakunezintombi eziyisikhombisa—noma izintombi eziyishumi zaphuma ukuyohlangabeza uMyeni, nohhafu wazo wawunamafutha esibanini sazo, uhhafu wazo wawungenawo. Leyo yingxenye yoMzimba efile nengxenye ephilayo. Ezinhlanu ihlakaniphile, ngenkathi zi—kufika ukumemeza, "Bhekani uMyeni . . . " zonke zalungisa—zavuka zase zilungisa izibani zazo ukuba ziyongena esidlweni sakusihlwa somshado. Kodwa ngenkathi intombi eyisiwula ithi, "Sipheni amafutha kwawenu, izibani zethu ziyacima. (Niyabo?) Sipheni amafutha kwawenu." Zathi, "Qha, sinanele thina nje. Hambani niyowathenga." Futhi kwathi zisayowathenga, uMyeni wafika.

177 Ngenkathi kuphuma isaziso, isimemezelo, "UMyeni uyeza," wonke umuntu wayefuna ukuba abe kahle, masinya impela. Akusilo yini ihora lelo nxa isandla esilobayo sisodongeni na?

178 "O, sifuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele." "Sifuna *lokhu, lokho* noma *okunye*!" Kodwa kwathi zisayoWathenga, uMyeni wafika. Ezihlakaniphileyo zangena, futhi zashiywa ngaphandle lapho okuyoba khona ukukhala, ukulila, nokugedla kwamazinyo.

179 Nginemibuzo nje emihle phakathi lapha ukuba ihambisane nalokho: "Wayengubani umuntu ombethe ingubo ongenayo, owayengayembethe ingubo yomshado na?" Nayo yonke leyomibuzo ebophela ngqo kulokho.

**307. Umuntu ufanele athele izishumi kumuntu ngamunye yini, noma umKristu asebenze na?**

180 Impela ufanele. Unguyena muntu oyosebenza, ngumKristu.

181 "Athele izishumi kumuntu ngamunye na?" Kuya ngokuthi ubani umuntu ngamunye. Niyabo? Kunjalo. KumaHeberu 7, okokuqala ukuba ukuthela izishumi kukhulunywe ngakho e—ekumeni esi. . .Awume kancane, ngikholwa ukuthi, umbuzo ongowesibili. Qhabo! Hhe-e. Qhabo! OkaMfowethu. . .Uthe, "Imibuzo emibili kaMfowethu Branham."

182 Ngenkathi. . .KumaHeberu isahluko 7, ngenkathi uAbrahama, ebuya ekubulaleni amakhosi, wahlangana noMelkisedeki, waMthelela okweshumi. Lowo kwakunguMelkisedeki, iNkosi yaseSalema, eyiNkosi yokuThula, neNkosi yokuLunga, okwakungekho omunye kodwa uNkulunkulu uqobo lwaKhe. Niyabo?

183 Kodwa uma uthela okwezishumi. . .Ngempela, lapho okweleta khona okwezishumi yilapho othola khona ukudla kwakho. "Ngenisani konke okwezishumi zenu enqolobaneni yaMi, isho iNkosi. (Kunjalo na?) Futhi niNgivivinye usho uNkulunkulu, ukuthi aNgiyikuvula yini amafastela aseZulwini bese ngithulula isibusiso eningayikuba nayo indawo eyaneleyo ukusemukela." Ngiphosela inselelo noma yimuphi owesilisa noma owesifazane ongesuye umtheli wokweshumi ukuba akuvume lokho.

184 Bengingama lapha kuze kuse, nginitshela ukuthi nje kwenzekani ngenkathi sengibone lokho, nokuthi simo sini engangikuso. Kodwa ngokukhulu nje ukwethembeka engake ngaba nakho, ngathela izishumi. Futhi ngenkathi ngithatha imali yami uqobo ebandleni lapha noma emikhankasweni, ngangithatha eningi—nginikele okweshumi. Bese-ke ngikunika abefundisi, bese nginika abefundisi okusele. Bese kuthi-ke, uma ngingenakukwenza lokho, bese kuthi-ke into engangiyenza, ngangigcina amaphesente ayishumi bese nginika uNkulunkulu amashumi ayisishiyagalolunye. Kwase kuthi-ke, ngenkathi umthetho ungitshela ukuthi ngangingenakukwenza lokho, ngangizodingeka ngithathe. . .Futhi uma ngikwenzile, konke kwakuzokhokhwa kukho, khona-ke kwakufanele ngithathe futhi ngikwedlulisele ezimishini zakwamanye amazwe kanjalo njalo, bese-ke ngikhipha iholo lamadola ayikhulu ngeviki; bese ngithela izishumi zami kuleyo.

185 Yebo, mnumzane! Ngiyakholelwa ekutheleni izishumi. Kungesinye sezibusiso zikaNkulunkulu okufakazelwe ukuthi

kuyisibusiso. Wena uthi, "Lokho okweTestamente eLidala." KungokweTestamente eLisha futhi! Yebo, mnumzane!

**308. Mfowethu Branham othandekayo, uma ingane izalwa nga—ngaphandle komendo, lomntwana angake aze asindiswe yini noma aye ohlwithweni na?**

186 Asindiswe na? Ngani impela, ngikholwa ukuthi umntwana ubenga . . . Umntwana akukho angakwenza ngalokho okwenziwe. Yiqiniso lelo. Kodwa ngi . . . Mayelana nokuyongena ohlwithweni . . . Usindisiwe, ngingathi, "Yebo." Kodwa ohlwithweni yinzalo emiselwe ngaphambili engena ohlwithweni. Futhi ngingekholwe ukuthi ukuphinga kwakuyinzalo emiselwe ngaphambili. Niyaqonda na? Niyabo? Ngikholwa ukuthi abantu banga—ingane ingasindiswa; ayina—namalungelo angokwayo. Yisenzo esesabekayo nezinto.

187 Kodwa manje, eTestamenteni eLidala uma kuzalwa ingane umntwana wesihlahla, yayingenakungena ngisho nasenhlanganweni yebandla leNkosi izizukulwane eziyishumi, iminyaka engamakhulu amane nento, lesosiqalekiso sasisibi kakhulu. Cabanga ngalokho nje. Ingane engenacala, abazukulwane bayo, babazukulwane, babazukulwane, babazukulwane, babazukulwane, babazukulwane, babazukulwane, babazukulwane, babazukulwane, cabanga nje, abazukulwane bengane, babazukulwane, babazukulwane, abazukulwane abayishumi babengena kungena ngisho nasenhlanganweni yebandla likaNkulunkulu. Kunjalo.

188 Kodwa niyabo, kwakungekho lutho lapho olunamandla ngokwenele ukuthethelela lesosono. Igazi leTestamente eLidala alizithethelelanga izono; lazisibekela izono. Kodwa iGazi likaJesu Kristu lisifaka isehlukaniso. Lokho kwehlukile manje. Uma iGazi likaJesu Kristu lingena, kwehlukile.

**309. Mfowethu Branham, sifuna ukuba sibe seduzane koMlayezo wakho ngokunokwenzeka. Singathutha siye eArizona noma eJeffersonville na?**

189 Zibonele wena, okunye kwakho. Nginithanda ngempela, anginandaba ukuthi niya kuphi, ukuthi nenzani. Kodwa manje, njengeseluleko, ngikholwa ukuthi bengingeza eJeffersonville. Uma nizothutha noma kanjani, bengingeza e Jeff. ngikholwa ukuthi ngikhona kakhulu kunoma ngiseArizona. Lokho kuhle.

**310. Mfowethu Branham, se—sekuleyithi kakhulu yini ukuba sibe sisashumayela ezonini na?**

190 Qhabo! Qhabo! Ungakufaki lokho engqondweni yakho, mfowethu. Qhubeka wakhe endlini. Qhubeka wenza konke ongakwenza. Qhubeka nje uhambe uze ubizwe. Niyabo?

**311. Umbuzo namba thu. Abasindisiweyo bafanele bazehlukanise yini nezoni ekukhonzeni na? Abasindisiwe bafanele behlukane yini nezoni kukho ukukhonza na?**

191 Angazi ngempela ukuthi uqonde ukuthini ngalokho. Uma uqonde izoni njengaphandle e. . . Ukhonza uNkulunkulu nomaphi. Kodwa ngicabanga ukuthi uma senzile, sizoba kanjani nebandla, ngoba izoni ziza ngqo ebandleni bese zihlala phansi eceleni komKristu. Ungazehlukanisi nanoma yini kodwa isono, hhayi isoni. Thola isoni uma ungaphumelela, kodwa ningabi ngabathathi besono saso.

**312. Owesifazane osindisiweyo ufanele yini enqabe ngaye kumyeni wakhe uma eyisoni na?**

192 Qhabo, mnumzane! Qhabo, mnumzane! Lowo ngumyeni wakho. Uyomxosha aye aqhele kude kuNkulunkulu kunakuqala ngokwenza lokho. Niyabo? Kunjalo, Mfowethu, Dadewethu. Wamgana; ungowakho, nawe ungowakhe.

**313. Mfowethu Branham, kusho ukuthini ukuthi ukuchitha umshado na? Abantu bakhululekile yini ukuba bashade noma ngabe leli ngelinye nje igama lesahlukaniso? Ngithanda ukuba nolunye ulwazi ngalokhu.**

193 Impela bashadile. Inqobo nje uma bethatha lesosifungo, bashadile. Njengomfana nje, uma umfana ethembisa intombazane ukuyishada phansi kokwethembeka, ubophezelekile kuleyontombazane. Ufana nokuthi useyishadile nje. Into kuphela umthetho oyenzayo, ngukuninika u—umthetho wamalungelo ukuba nihlale ndawonye ukunivimbela ningabi yindoda nomfazi ngokomthetho wesintu ongabhalwe ndawo. Kodwa uma owesilisa etshela owesifazane, "Ngizokushada, S'thandwa; ngizokuthatha ube ngumkami. Uzothatha. . . ?" ushadile.

194 Isifungo sakho singcwele; yilokho okukushadisayo empeleni. Akukho-mshumayeli onganishadisa, akukho mantshi, noma lutho olunye; isifungo sakho uqobo kuNkulunkulu nakulona wesilisa. Uma wethembisa, usushadile.

195 Buka. Wena uthi, "Mfowethu Branham, ngabe lokho. . . ? Wena uthi. . . Uthe uyokuphendula lokho kuphela ngeBhayibheli." Ubufuna iBhayibheli ngakho na? Phakamisa izandla zakho uma ulifuna. Manje, sinemizuzu cishe eyisithupha noma eyisishiyagalombili. Kulungile.

196 "UJosefa, indoda yakhe, engumuntu olungileyo (indoda yakhe ayimiselweyo, esevele embiza ngendoda yakhe). . . UJosefa, indoda yakhe, engumuntu olungileyo, waye 'funa' ukumlahla ngasese ngalokhu; kepha bengakahlangani, wafunyanwa ekhuleliswe nguMoya oNgcwele. (Niyabo?) NeNgelosi yeNkosi yabonakala kuye ngephupho futhi ithi, 'Josefa, ndodana kaDavide, ungesabi ukumthatha, uMariya, umkakho.'" Esevele eshadile, wayesevele emthembisile.

197 Futhi nge. . . Futhi nenekazi elincane, uma wethembise ukushada nalowomfana, ubophezekile ukuba ukwenza. Uma ushada nomunye emva kwalesosibophezelo, uyo—kusukela

manje kuqhubeke empeleni—uyobe uhlala ngokuphinga. Futhi qaphela, into efanayo kumfana ethembisa ukushada owesifazane . . .

198 Ungenzi sifungo sakho kunoma ubani ngaphandle uma uqonde ukunamathelana naso. Khumbula, nanto iBhayibheli lakho. UJosefa wethembisa ukushada noMariya. Futhi uNkulunkulu washo ukuthi lokho kwakuyi . . .

199 Funda imithetho yeTestamente eLidala kulokho. Niyabo? Umthetho weTestamente eLidala, uma wawethembise ukushada nowesifazane, wase ushada nomunye, wawuphinga; futhi kwakuntshinga ngaphandle kwekamu. Yebo, mnumzane! Ufanele uzigcine izifungo zakho uma wethembisa owesifazane lokho. Uyisitsha esincane esingcwele, naleso sizoletha umntwana ezweni futhi. Ngakho uma umethembisa, ufanele ushade naye.

**314. Sekuleyithi kakhulu yini ngezinkonzo zasejele nomsebenzi onjengalowo wobufakazi ukuzama ukusindisa imiphefumulo na? Futhi ufanele yini umuntu athengise ngakho konke abanakho manje, iNkosi iza masinyane kakhulu na?**

200 Awu, u—ukanjani . . . ngethemba ukuthi angishongo lutho obelungakubangela ukuba ukholwe yinto enjengaleyo. Ngabe ngikubangele na? Uma ngikubangele, ngithethelele! Angiqondile . . . Uyabo? Ungavele nje uzicabangele lezozinto. Qhubeka njalo uhamba, ushumayela, unezinkonzo zasejele, unika wonk'umuntu, futhi unga . . .

201 Bukani lapha. ISeventh Day Adventisti lapha kungekudala, cishe eminyakeni engamashumi amahlanu noma amashumi ayisithupha edlule, ngikubone ephepheni i *Courier Journal* (nginalo ndawo ndawo etrankini), esikhulukazi isiqephu sephepha i*Courier-Journal*, lapho baphosa khona amaphiko amadala, ngenkathi besabizwa ngama Millerites ngaphambi kokuba babe ngama Seventh Day Adventisti. Futhi babenalo lonke ishidi elikhulu ephepheni i *Courier* enhla lapha eFranklin, eKentucky, ngenkathi bonke bedayisa impahla yabo futhi bathola . . . Bamisa usuku oluthize, balufakazisa ngomBhalo—uJesu wayeza ngalolosuku—base benyukela lapho base bethola amahabhu nezinto, base behlala esiqongweni segquma. Ngokusa okulandelayo bayehla, amazolo ayesehlise zonke izimpaphe, futhi behla sebebohlile. Niyabo? Yizinkoloze nezinto.

202 Ungakukholwa lokho. UJesu angahle angafiki iminyaka eyikhulu namanje. Angazi ukuthi Uzofika nini. Akukho-muntu owaziyo ukuthi Uzofika nini! Kodwa ngizozama ukuqhubeka ngishumayela futhi ngenza konke engingakwenza aze Afike. Uma Engekho lapha namhlanje, ngizobe ngiMbheke kusasa. Uma Engekho lapha ku—kuleliviki, ngizobe ngiMbheke ngeviki elizayo. Uma Engekho lapha eminyakeni eyishumi ezayo,

futhi ngiphila, ngiyobe ngiMbheke eminyakeni engamashumi amathathu ezayo. Niyabo? Ngiyobe ngisalokho ngibhekile. Angazi ukuthi Uzofika nini, kodwa ngifuna ukuphila ngokwethembeka eZwini laKhe futhi ngethembeke kubantu baKhe, futhi ngiphile njengomKristu, futhi ngilindele ukufika kwaKhe. Niyabo?

203 Qhubeka ushumayela izinkonzo zasejele, uthola wonke umuntu asindiswe ongamthola. Angazi ukuthi Uzofika nini; akekho owaziyo. Kodwa ngizosho lento eyodwa. Lokhu yilokho engizama ukunitshela khona, futhi ngethemba ukuthi anizami ukubeka okwenu ukuhumusha...Kungesikho ukubhavumulela lomuntu lapha. UNkulunkulu akubusise Mfowethu, Dadewethu, noma ngabe ungubani. Kubukeka sengathi bekungumuntu wangaphandle kwedolobha, ngoba ubuse—seposkhadini, ngiyacabanga, elivela eDenver, eColorado, na...Ya, e Pike's Peak, eColorado. Ngakho ngahle ukuba bekungumuntu owuthumele ngeposi, kodwa lokho—lokho kukahle ngokuphelele. Bangahle bathole iteyipu.

204 Kodwa asikhumbule, ningashintshi lutho, kuphela izindlela zenu zisuka esonweni ziya ekulungeni. Yiba nje ulokhu uqhubekile emsebenzini wakho, uhamba uqhubeka njengokufanayo. Wonke lowo okuqonda ngokucacile lokho akathi, "Amen!" [Ibandla liyaphendula "Amen!"—Umhl.] Niyabo? Yenzani lokho manje!

**315. Mfowethu Branham, kuMathewu 12:40, kuthi, "Njengalokho uJona wayese—izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu esiswini somkhomo; kanjalo-ke neNdodana yomuntu iyakubasebuthunjini bomhlaba izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu." Kungaba kanjani ukuthi usuku abathi—namhlanje ukuthi bathi Wafakwa kulelothuna ngoLwesihlanu kusihlwa futhi wavuka ngeSonto ekuseni, kwenza kuphela kube ubusuku obubili nosuku olulodwa na?**

205 Manje, uma niqaphela, kwathi, "Njengoba kwenzeka" (niyabo?) ngezinsuku ngenkathi uJona wayesesiswini izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu. Kuphakathi kwezinsuku ezintathu nobusuku obuthathu, phakathi kwalezozinsuku ezintathu nobusuku obuthathu, ngoba ungeke wenza umBhalo uqambe amanga. Umprofethi wathi, "Angiyikuvuma ukuba Ongcwele wami abone ukubola, angiyikushiya umphefumulo waKhe ehayidese." Nokubola kungena emzimbeni womuntu emahoreni angamashumi ayisikhombisa-nambili, okuyizinsuku ezintathu nobusuku obuthathu. Ngesinye isikhathi phakathi kwalezozinsuku ezintathu nobusuku obuthathu obu—Ufanele aphume ethuneni.

206 Ngakho ngokuba yizinsuku ezintathu nobusuku obuthathu, akusho ukuthi kuzofanele kube njalo ncamashi; ngesinye

isikhathi kuba phakathi kwalolo izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu. Wayefanele aphume, ngoba isiprofetho singephulwe, ukuthi i. . . Wayengenakubona ukubola futhi kwakuyowubolisa ukuba Wayehlale ncamashi lesosikhathi.

**316. Mfowethu Branham, uma owesilisa kade eshadile wayesehlukanisa** (Akukubi yini kabi lokho (niyabo?), baningi kakhulu? Manje, angisho lutho olumelene nabantu; nje lokho okusengqondweni yabantu. Impela, bakhathazekile. Uhlwitho, abantu babevamise ukucabanga kakhulu kangako ngalokho; kwakungekukhulu kangako. Kodwa manje, sekunameke izwe. Nabantu bafunda lezizinto emBhalweni. Nabantu, abakhethiweyo, phandle lapho uyangena ukukubuka. Futhi bayakubona, futhi baqotho. Bafuna ukwazi. Yingalesosizathu ngifuna ukuwuphendula ngokukhulu okuphusile kuwo enginganinika yona.)**—kade eshadile wayesehlukanisa wase-ke ephinde eshada owesifazane naye okade eshadile wayesehlukanisa wase-ke eshada yena, nalaba ababili banga—nga—ngashadiswa ebusweni bukaNkulunkulu—bashadile yini ebusweni bukaNkulunkulu na? Kungenzeka kanjani ukuthi bobabili noma omunye wabo abe sohlwithweni na?**

207 Kanjani? Angazi. Bengingeke ngakutshela. Umbuzo uthi, "Bangabakhona yini ohlwithweni na?" Behlukanisile, ngamunye wabo behlukanisile, ngamunye wabo unesithandwa esisaphila, base bephinda beshada futhi, bobabili bashada futhi. Futhi manje, lo o. . . Lona wesifazane unomyeni ophilayo; lendoda inomfazi ophilayo. Futhi manje, banabantwana kanjalonjalo futhi bafuna ukuza kuNkulunkulu. Bangahamba bayongena ohlwithweni na? Lokho kuyoba kuBaba waseZulwini. Bengingeke ngakuphendula lokho. Niyabo?

208 Nga—ngabona into eyodwa. IBhayibheli lathi bayobizwa ngesiphingi. NeBhayibheli lasho futhi, "Isiphingi asiyikungena eMbusweni weZulu." Yilokho kuphela engingakusho. Ngi—ngiyazi, lokho nje kuyangibulala ukusho lokho, kodwa ngeke ngasho kodwa lokho okushiwo yiZwi. Ngifanele ngihlale nalokho. Ngethemba ukuthi konke lokho akufanele. Kunezindawo eBhayibhelini . . .

209 Angineluleki. Ngiyacela, ake ngininike umBhalo omncane. Ngiyacela, ngiyacela ninga—ninga—ninga . . . Uma uhlala ngokujabula nomyeni wakho, uhlala ngokujabula nomkakho, ngiyacela hlalani ngaleyondlela. Nizohlala na? Nje—nje nge, ngoba nginitshelile lokho, ninga—ningabashiyi labobantwana abancane bengenakhaya nezinto ezinjalo. UNkulunkulu wenze ukubuyelana ezindaweni zabantu a—a—abenze izinto ngokungalungile. Niyakhumbula, uJesu washo ngoDavide ngenkathi elambile, wangena ethempelini likaNkulunkulu wayesedla izinkwa zokubukwa, okungokomthetho kuphela

kumpristi, futhi ufunyanwa emsulwa. Nompristi futhi uhlambalaza iSabatha ngosuku lweSabatha futhi bafunyanwa bemsulwa, futhi kwakukhona omkhulu kuneSabatha. Niyabo? Lapho . . . Ngi . . . Asi—asikushiye kuNkulunkulu nje, futhi siqhubeke, futhi nje niphile ngendlela eni . . . Nje—nje niphilele uKristu manje.

210 Ake sibone, kungahle kube nethuba lenu ukuba ningene. Ningenzi . . . Okungalungile okubili akusoze kwalungisa okukodwa. Qhubekani nje niphile ngendlela eniyiyo uma ni—uma nijabule ndawonye. Ungahle ube nesithandwa esingafanele. Ngizosho lento eyodwa: uma unesithandwa esingafanele kulomfazi—kulempilo, awusoze waba nayo kwesinye. Konke okungalungile kuyolungiswa.

**317. Ngabe onke amakholwa azelwe ngokusha ayongena ekuhlwithweni na?**

211 Qhabo, insali nje, insali nje, akusiwo onke amakholwa azelwe ngokusha. IBhayibheli lathi, "Nabafileyo ababesele kabaphila iminyaka eyinkulungwane," base-ke bevuswa base behlukaniswa, izimvu ezimbuzini. Akusiwo onke amakholwa azelwe ngokusha ayongena e . . . ngokomBhalo.

**318. Yibuphi ubufakazi obubonakalayo bokuthi umuntu ngempela ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele na?**

212 UJohane 14:26: Uyo . . . "Nxa esefikile uMoya oNgcwele (niyabo?), Uyakunibonisa okuzayo." Niyabo? Uyoba yi . . . Uyokuphelelisa; "okwenziwe ngumuntu" akayikukwenza; futhi UyiZwi. Nxa esefikile Yena uMoya oNgcwele, Uyozikhomba Yena kuwe ngomBhalo. Naleso yisibonakaliso seqiniso ukuthi uMoya oNgcwele ukuwe, ngoba UyiZwi.

213 Manje bukani! Ukuba-ke ubukhulume ngezilimi na? Ngifuna nje ukunibuza lokho. UJesu wathi nxa esefikile uMoya oNgcwele ukuthi Uyokwenzani. Futhi ukuba-ke ubukhulume ngezilimi, wagxuma phansi-phezulu, wamemeza, nayo yonke enye into, bese-ke uza eZwini; futhi ngikutshele ngombhaphathizo ka—ukufakazisa kuwe ngomBhalo njengoba ngenzile, ukuthi umbhaphathizo usebenzisa isiqu sikaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele kungukungaqondi uqobo emBhalweni—akukho-muntu owake wabhaphathizwa kanjalo—bese wena uqhubeka bese ulenga nakho noma kanjani na? Ubungangitshela ukuthi uMoya oNgcwele kuwe ubungenza into enjalo na? Ungaliphika kanjani iZwi laWo uqobo na?

214 Uma nginikhombisa ukuthi yini efanele yenzeke kulolusuku, ukuthi iNdodana uqobo yomuntu izoZembula kanjani, nokuthi Izokwenzani, nayo yonke lemiBhalo obumanje, bese-ke siYibona yehla ngqo futhi ikukhombisa, futhi nilenga ngqo ehlelweni futhi nithi nizelwe ngokusha na? Ubungenza into enomqondo kulokho na?

215 Bengingamtshela umkami ukuthi ngiyamthanda, futhi—futhi ngibe nosuku lokubonana nomunye wesifazane, bese ngehla ngenyuka, bese-ke ngimtshela ngokuvela enhliziyweni yami ukuthi ngiyamthanda na? Nicabanga ukuthi lolo bekungaba wuthando lweqiniso na? Ubengangitshela ukuthi uyangithanda, futhi kuthi ngingekho, yena ehla enyuka nenye indoda ethize na?

216 Yilokho impela uIsrayeli akwenzile ku . . . Niyazi iBhayibheli lapho, ukuthi Washo kanjani, khuluma . . . uIsrayeli, wathi, "Uhlekeze zonke izitho zakho futhi wafaka yonke indoda efikayo, futhi wathatha indawo yobufebe ngaMi; futhi Ngizokulahla ngesahlukaniso." Impela! Yini leyo na? Uphinga ngomzimba wakho uqobo. Futhi uma owesifazane ephuma futhi ahlale nenye indoda, noma indoda nomunye wesifazane, uma beshade kubo, bona inyama yabo uqobo. Futhi uma umuntu ethi ungumKristu bese ngokoqobo ephika umBhalo ukuthi ungoqinisileyo, uyaphinga eMzimbeni azisho ukuthi ukuwo. Niyabo? Ngakho wuphawu lomphikikristu, kakhulu ngangokuthi lokho bekungadukisa abaKhethiweyo uma kungenzeka.

**319. Mfowethu Branham, kulungile yini ku—kumntwana omncane ukuba agqoke amabhulukwe amasleksi nezikhindi na?**

217 Mncane kangakanani na? Akube nguwe nje umehluleli walokho; uma ungumKristu. Intombazanyana noma yimuphi umntwanyana omncinyane, ngiyacabangela, angazi, ngi . . . Into kuphela engiyaziyo, iBhayibheli lithi kuyisinengiso ukuba owesifazane agqoke ingubo e—engeyowesilisa. Niyabo? "Owesifazane," alishongo ukuthi, "umntwana." Kodwa manje, nje ngi . . . Zibonele wena nje ngalokho, ngi . . . Ngokwengxenye yami, angiboni lutho ngomntwanyana omncinyane, intombazanyana encinyane eneminyaka emine noma emihlanu ubudala ine . . . Uma besengabafo abancane, niyazi ukuthi ngiqonde ukuthi kanjani, behla benyuka phandle lapho egcekeni. Uma igqoke, lokho enikubiza ngamasleksi kumbe noma yini, ngumntwanyana omncinyane, a—angiboni lutho oluyiphutha ngakho. Mhlawumbe . . .

218 Niyabo, nginitshela nje ukuthi iZwi lithini. Kuyisinengiso kowesifazane ukugqoka ingubo engeyendoda.

**320. Sizobuthelanaphi ndawonye na? Futhi wathi nibuthanele emaCilongweni.**

219 Ngikholwa ukuthi, s'hlobo, Dadewethu, noma ngabe ubani, u—unephutha lapho. Angizange ngisho ukuthi nibuthanele emaCilongweni. Ngathi uIsrayeli wabuthana emaCilongweni, hhayi uMlobokazi wabeZizwe. Qhabo. Qhabo! AmaCilongo, ukukhala kwamaCilongo ayisiKhombisa ayezobutha uIsrayeli (bangaki abakwaziyo lokho na?) abavela kuyo yonke i . . .

Ya, hhayi i...Qhabo, qhabo! Hhe-e! Qhabo, hhayi—hhayi—hhayi uIsrayeli. Ngakho, akusikho lokho...Asibuthaneli emaCilongweni ne—e—uMlobokazi akabuthaneli. AmaCilongo afika emva koMkhosi wePhentekoste. Niyabo? Nohlwitho luyafika...Nalokho...hhayi lombuzo manje.

**321. Mfowethu Branham, uma unesikhathi ngicela uchaze uMathewu 10:41. Ngithanda ukwazi ukuthi yini umvuzo womprofethi na?**

220 Awu manje, uJesu wathi, "Omukela umprofethi ngegama lomprofethi, wemukela umvuzo womprofethi." Umvuzo womprofethi ngukuba ngumngani nomprofethi. Omukela olungileyo ngegama lolungileyo, wemukela umvuzo wolungileyo. Kunjalo na? Futhi uma befuna ukwazi ukuthi yini umvuzo womprofethi, ngukuba ngumngani kumprofethi. Niyabo? Yilowo umvuzo. Ungumngani wakho.

221 Njengowesifazane waseShunemi, kungahle kufike njengento esizayo ngesinye isikhathi. Niyabo? Kwenza ngaye. Niyabo? Bhekisisani izinceku zikaNkulunkulu.

O, he! Manje, si...ngi—ngifanele ngivale nje futhi, mngani, ngi—ngiyakuzonda ukukwenza, kodwa nje bukani lapha, bukani nje ukuthi ini, amakhulu. [UMfowethu Branham uncengwa yibandla ukuba aphendule eminye futhi—Umhl.] Qhabo! Kodwa—ngiyazi, kodwa niyabo, ngi—ngiyanithanda ngokusho lokho, kodwa ngicabangela lababantu bandla beshayela amakhulu amamayela nokho kulobubusuku. He, labo nje ba—miningi kakhulu ephakathi lapho, ngi...

**322. Mfowethu Branham, ngithanda ukwazi ngesikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Sisemva kweSidlo sakusihlwa soMshado yini, noma—noma sisemhlabeni yini, konke ngaso. Ngi—angiqondi ngaso.**

222 Awu, Mfowethu noma Dadewethu, kul'khuni kimi ukusiqonda, qobo lwami. Kodwa into kuphela engingayisho yile: ukuthi iSidlo sakusihlwa soMshado sifika ngaphambi kwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane.

223 Manje, niyabo, omuny'umuntu, ngiyazi ndawo ndawo phakathi lapha unombuzo kulokho, othe, "Mfowethu Branham, u—unephutha emasontweni angamashumi ayisikhombisa kaDanyeli. Ayobe esekhona amasonto angamashumi ayisikhombisa." Qhabo, uMesiya wayezofika bese eprofetha, futhi phakathi kwamasonto angamashumi ayisikhombisa, amasonto angamashumi ayisikhombisa, okuyiminyaka eyisikhombisa, Wayezo—Wayezonqunywa phakathi kwabaphilayo futhi enze umhlatshelo. Bangaki okukhumbulayo lokho na? Kulungile. Mingaki-ke iminyaka uJesu ayishumayelayo, uMesiya na? Mithathu nengxenye. Ngakho-ke kusekhona emithathu nengxenye enqunyelwe.

224 Futhi eSambulweni isahluko 11, lababaprofethi ababili, baprofetha izinsuku eziyinkulungwane namakhulu amabili namashumi ayisithupha. Iminyaka emithathu nengxenye isalokhu ithenjiswe kuIsrayeli ngenkathi uMlobokazi wabeZizwe esehambile. Bangaki okuqondayo lokho manje na? Niyabo? Kulungile, kulungile.

**323. Lena yi...Nginekhawunta yelantshi futhi ngiphakela abantwana basesikoleni esiphakeme ingxenye enkulu impela. Selokhu ngingene ekuKhanyeni, ngikhiphe umshini iphinibholi ne** (ijukboksi umshini ofakwa imali udlale ingoma; abanawo) **j-boks. Abantu abasha bayabhema futhi bafuna umculo wokuzibinya e—emsakazweni. Ngivula kuphela amahora amane ngosuku. Angi—angikuvumeli ukubhema nokuphuza, kodwa ngikhathazekile ngokuphatha indawo.**

225 Uyazi, leyo yinkinga. Uyabo? Into yakho ngukuthi, ukuthi u—u—mhlawumbe ufanele uziphilise. Kodwa uyazi ukuthi lokho bekungangenzelani mina na? Lokho bekungangigulisa imizwa kakhulu benginge...ngi—ngi—lokho...Ungahle ukwazi ukukubekezelela, kodwa lesosigejane esincane so “Ricky” phakathi lapho siqhubeka kanjalo, no “Ricketta,” benginga—benginga—bekungangihlanyisa. Niyabo?

226 Futhi ngiyakutshela; ngi—ngi...Ukuba ubungaba ngowami, ngiyazi ukuthi bengingenzani. Bengizothi, “Kuyekeni lokho noma niphume lapha.” Niyabo? Bengingaba nohlobo olukahle lwendawo noma ngingabi nalo nhlobo. Kodwa wena, uma uzokwenzela ukuziphilisa, angifuni ukukubukela phansi, Mfowethu noma Dadewethu. Ngi—ngiyazi ukuthi kul’khuni ukusho lezizinto; kodwa lokho—lokho nje...Akulungile (uyabo?), ngoba kubukeke sengathi kuthi uku...

227 Njengomunye uthe kulokhu ukusa mayelana nabesifazane bakithi begqoka izingubo zabo zibe mfishane kakhulu, abesifazane bakithi asebebadala, kwakuyisibonelo esibi kumanenekazi amancane. Ngicabanga ukuthi lokho kuqinisile futhi. Niyabo?

228 Futhi ngicabanga leyonto efanayo. Uma bekubona phakathi lapho konke lokhu ukubhema nokuqhubeka kukhona, futhi wazi ubufakazi bakho, nakho konke lokhu ukuqalekisa no—nokuhamb’ubuthanisa labobantwana abancane kanjalo, nabo beqhubeka kanjalo, nawe ungasho lutho ngakho, kuyinto embi ebufakazini bakho. Yenza lokho iNkosi ekuholela kukho. Ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzokuholela endleleni efanele.

**324. Uma** (i-s-i-h-l-a-b-a-t-h-i-...) **ukuma emgqeni ukuba ngingene ebandleni kuzoba yisikhumbuzo kuphela, kuzokwenzekani uma singezukwedlula khona**

**ekuhluphekeni na? Ngabe sizoba—sibonwe—fanayo—ukuhlupheka okuthize na?** Uma singezukubona . . .

Niyabo? Ngi . . . Lombuzo mhlawumbe uyilokhu. Ngizama ukusheshisa; a—a—angifanele ukwenza lokhu. Ngifanele ngibeke lena emuva, ngoba kunendawo obungahlala kuyo ihora (niyabo?) futhi ku—nje kudilizwe. Ngizo—ngizoma.

229 Bukani. Abantu bafuna ukusho lokho, becabanga ukuthi ba—iBandla lizozithela ekuhluphekeni. Niyabo? Lingeke; Lingeke (niyabo?), ngoba seLivele lihlengiwe.

230 Manje, ibandla, a—amakholwa ngegama nje njengoLoti, uzokwedlula khona esikhathini sokuhlupheka (niyabo?) futhi lisindiswe sengathi kwakungomlilo. UNowa wedlula khona esikhathini sokuhlupheka, wathwalwa waba ngaphezu kwakho, uphuma noHami owonakalisa umhlaba futhi. Niyabo? ULoti waphuma, amadodakazi akhe uqobo alala naye, futhi waba nabantwana ngamadodakazi akhe uqobo. Niyabo? Kodwa uAbrahama wazala iNzalo yobuKhosi, wazala iNzalo yesithembiso. UEnoke waya enkazimulweni ohlwithweni, wathi ukuhambahamba nje wayeseya ekhaya. Akazange edlule khona esikhathini sokuhlupheka. Niyabo?

231 Nakho lapho okhona. Niyabo? Aledluli khona, iBhayibheli lingeke ngomfanekiso . . . Nemifanekiso ingeke yehluleka. Niyabo? Alibikezeli ukuthi uMlobokazi . . . Manje, ibandla liyokwedlula khona esikhathini sokuhlupheka.

232 Manje, abantu bathi, "Kuthiwani ngabangcwele basekuqaleni na?" Lokho kwakungukuguquka kwezimiselo zezikhathi. Lokho kwakuphansi kokuhlushwa, okungukuthi ukuba ubulapha ukuzwa le*miNyaka yeBandla,* nokubona ukuthi baphumela kanjani kulobobumnyana futhi badingeka bakwenze lokho, manje-ke lokho kukhombisa ukuthi babezokuyisaphi lokho kuhlushwa, ngoba ngamunye weminyaka yebandla nayo yonke into iqala ukukhombisa ukuthi baya ngokuba mnyama ngokuba mnyama, baze bathi ekugcineni baya endaweni ephelele lapho abaphika khona iGama laKhe base becosha elinye igama ababethi bayaphila futhi babefile, iSardesi. Wase-ke uyaphuma, iThiyathira neSardesi, wase-ke uyaphuma—wase-ke uqala ukuphumela eFiladelfiya kanjalonjalo, bese ufika esikhathini sokubizelwa ngaphandle koMlobokazi owayezophunyuka kukho konke ukulahlwa. Othiwa ufanele ukuphunyuka konke lokhu ukulahlwa nolaka oluzayo phezu komhlaba, ukuze nithiwe nifanele ukuphunyuka kukho, ningedluli kukho, niphunyuke kukho. Niyabo? Seniyaqonda manje, wonke umuntu na? Niyabo?

233 Ibandla, elisivivi, noma yini engaphandle koMlobokazi okhethiweyo iyokwedlula khona esikhathini sokuhlupheka. Abayikuvuka ekuvukeni kokuqala: "Abafileyo ababesele kabaphilanga iminyaka eyinkulungwane," abaziwa-phakade

nje, abamiselwa ngaphambili, uMlobokazi okhethiwe, izinketho zikaNkulunkulu uqobo. "Ubani, Mfowethu Branham na?" Angazi. Ngeke nganitshela ukuthi ubani, kodwa ngiyazi ukuthi kuzoba khona, ngoba iNkosi yathi bayoba khona. Niyabo? Bayilabo abayokwenyuka bevela ekuhluphekeni, kodwa abasele babo bayokwedlula khona ekuhluphekeni, behle, futhi yonke into iyobulawa ngaphambi kwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Bese kuthi a—abalungileyo bayophuma esikhathini seminyaka eyiNkulungwane futhi baphile iminyaka eyinkulungwane.

234 Futhi emva kweminyaka eyinkulungwane, khona-ke ukwahlulela kwesiHlalo esiMhlophe esikhulu kufike, bese kuthi-ke abafileyo, bobabili abaqinisileyo nabangaqinisile uyavuswa. Nezincwadi ziyavulwa, neNcwadi yokuPhila yavulwa; nabangcwele, iNkosikazi noMyeni, bahlala base behlulela izwe. Futhi nakho kufezeka isisho: "Futhi Uyakwahlulela izizwe zonke ngentonga yensimbi." Zonke izizwe ziyakuma phambi kwaKhe lapho, futhi Uyozahlulela ngentonga yensimbi. Uyohlukanisa imvu ezimbuzini bese ethi ezimbuzini, "Sukani," nezimvu, "Wozanini, nina babusisiweyo nguBaba waMi."

235 Manje bese-ke, kuyoba nomhlangano wasekamu labangcwele phezu kobubanzi bomhlaba. NoSathane uyakhululwa etilongweni lakhe futhi uyahamba uyolwa nabangcwele futhi, khona impela akwenzile eNkazimulweni kwasekuqaleni nje. Bese kuthi-ke uNkulunkulu unisa umlilo nesibabule siphuma emazulwini, nomhlaba wonke uyagudluzwa njenge . . . Usha uyangqongqa nje futhi uyabhujiswa. Nolwandle alusekho, akusekho-manzi, akusekho-lutho olusele emhlabeni. Okwezintabamlilo kuyochela futhi kusakazeke futhi kuqhume, nayo yonke into . . .

236 "Ngase ngibona amaZulu amaSha noMhlaba omuSha: ngokuba amazulu okuqala nomhlaba wokuqala kudlulile; nolwandle lwalungasekho. Mina, Johane, ngabona uMuzi oNgcwele wehla uvela kuNkulunkulu uphuma eZulwini njengoMlobokazi ehlotshiselwe umyeni wakhe." Niyakukhumbula na? Futhi kuloMlobokazi . . . "Bhekani iTabernakele likaNkulunkulu likubantu," noNkulunkulu uyakuhlala nabo phezu kwaloMuzi omisise okwesivivane amamayela-sikwele angamakhulu ayishumi nesihlanu. Nasesiqongweni soMuzi kuyobakhona ukuKhanya. Amen!

O, lowomuzi oseNtabeni iZiyoni,
Njengesihambi, nokho ngisalokhu ngiwuthanda.
Ngiyohlangana nawe kuleyominyakanyaka,
Nxa ngifika kulowomuzi osegqumeni.

237 Esiqongweni seNtaba iZiyoni kuyohlala iWundlu. NoMuzi awuyikudinga-kukhanya, ngokuba iWundlu lingukuKhanya kuwo. Futhi ngaphezu kweWundlu kuyoba nguBaba, okuyi*Zwimcabango*, uNkulunkulu, ukuKhanya okukhulu, ukuKhanya okuPhakade okuyokhanya nje ngaphezu kwesiHlalo sobukhosi. NoJesu akayikuba sesiHlalweni sobukhosi sikaBaba waKhe, Uyoba sesiHlalweni saKhe sobukhosi. NoBaba uyokwengama phezu kweNdodana, okungukuthi uBaba neNdodana bayoba-Munye. "Futhi kothi besakhuluma, Ngiyakuphendula. Bengakacabangi, Ngiyabacabangela." Kunjalo.

238 NoJesu uyonikela ophelele, unyaka ophelele kwi—uNkulunkulu ophilayo ophelele, ukuthi Uhlengile futhi wanikela kuBaba. Kunjalo na? Uyophendukela kuNkulunkulu uBaba okunguMoya, hhayi umuntu, uMoya. Yonke imvelo yokuhle yabuthana ndawonye, lowo nguNkulunkulu. Futhi ebuhleni . . . Manje, noma yini ephendukezelwe isuka kokuhle ingububi; lowo ngumbuso kaSathane. Konke okuhle kungokukaNkulunkulu. Bonke ububi bungobuka . . .

239 Kwase kuthi-ke uNkulunkulu waba ngophathekayo kuMuntu othiwa nguJesu Kristu owayeyiNdodana yaKhe. LeNdodana yanikela ngokuPhila kwaYo ukuze Ilethe amanye amadodana, ukuze uNkulunkulu abe ngobambekayo, esebenza kukho konke kukho konke. "Ngalolosuku niyakukwazi ukuthi ngikuBaba, uBaba ukiMi, Ngikini nani nikiMi."

240 O, mfowethu, lolo luyoba lusuku lwangempela. Awuyikudingeka ukuba ushayele uwele usuka eBirmingham ukuzozwa uMlayezo; uMlayezo uyoba nathi ngqo ngaleyonkathi awuyikuba njalo na? O, kuyoba nge—kuyoba ngesimnandi, isikhathi esimnandi. Sibheke lolosuku; Nkulunkulu lusheshise ukuba lufike.

241 LowoMuzi omkhulu uhlezi lapho (manje, niyabo?), awuyikuba . . . Niyacabanga, "Amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu ukuphakama na?" Yilokho iBhayibheli elakusho. Manje, awuyikuba ngamamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu aqonde ngqo kanjalo. Niyabo? Sinesilinganiso sangokomumo wezwe ukuthi zonke izinhlangothi ziyalingana; leso yisivivane. Niyabo?

242 NoMuzi uyoqala mhlawumbe cishe ngezinga eliyibanga elingamashumi ayisithupha. Futhi uma uqala, amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu alokho, cabangani nje ukuthi lokho kuyophakama kanjani, kodwa ukuthi kuyothatha isikhathi esingakanani ukuba lapho. Kuyoba l'khuni ukuthi wazi ukuthi uhamba wenyuka igquma. Amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu ukuphakama ezingeni eliyibanga elingamashumi ayisithupha, usuthi nje awube *ngaka*. Niyabo? NoMuzi wonke ukulentaba. Futhi uphakeme nje njengoba umude; mude nje njengoba ubanzi. Ubude, ngokujula,

ngobubanzi, u—uyalingana; zonke izingange ziyalingana. Isivivane sinezingange ezine, nalezizingange ezine ziyoba . . .

243 Manje, izingange ukuzungeza uMuzi ziyoba—ba ngamafidi angamakhulu amabili neshumi nesithupha ubude bokuya phezulu, izingalo eziyikhulu namashumi amane nane, ngalunye lwazo yitshe. Cabangani nje ngalowoMuzi, bangani. O, he! Sihlaleleni—ni lapha kulendawo eshisayo na? Sizenzani lezizinto na? Kungani sishayela kanjalo na? Kungani si—kungani sishikashikeka na? Kunokusizakala ma intshi onke endlela.

> O, imishikashika yomgwaqo iyobonakala ingelutho,
> Uma sengifika ekupheleni kwendlela.

Kunjalo. Futhi, o, leso kuyoba yisikhathi esinjani pho.

244 Nalapho uJesu uyohlala esiHlalweni saKhe sobukhosi. Futhi okuphuma esiHlalweni sobukhosi kuyogeleza umfula wokuPhila, ugeleza wehla kancane ngalezizingange ezine uyongena ezinkeleketheni ezincane, futhi uyongena emingeneleni emincane, bese ufika ubumba umfula, bese wehla udabula ngoMuzi. Uyokwehla ngqo udabula emigwaqeni kanjalo, futhi ohlangothini ngalunye kumi imithi yokuphila eyothela—noma ishintshe isithelo sayo njalo—njalo ezinsukwini ezingamashumi amathathu. O, uMuzi onje pho.

245 Futhi khumbulani, uNkulunkulu, uMdali, owadala amazulu nomhlaba, useNkazimulweni khona manje elungisa lowoMuzi. UAbrahama wayebheke Wona. Washiya ikhaya lakhe; wehlukanisa yonke into eyayithandeka kuye futhi ebheka . . . Ngani na? Wayengumprofethi. Futhi ngokuba ngumprofethi, wayexhumene noMoya nengxenye kaMoya. Futhi iNto ethize yamtshela phakathi kwakhe, "Kukhona uMuzi," wayeseqala ukuWubheka. Wathi, "Ngingumhambi, umfokazi. Ngibheka uMuzi oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu." Wayazi ukuthi uMuzi wawundawo ndawo. O, he! Futhi ngikholwa ukuthi khona ezinkundleni lapho AyeWubheke khona, khona lapho ePalastine, yilapho Oyovuka khona, ngokuba UseNtabeni iZiyoni. Yilapho Eyoba khona.

246 Bukani lapho Eyokwenabela khona uyongena o—olwandle, usuka olwandle uya olwandle. Cabangani ngalowoMuzi ongamamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu uhlezi phandle lapho ezintabeni zeNkosi. O, lokho kuyoba yisimangaliso!

247 Nengonyama newundlu kuyoquba ndawonye. Ingonyama iyodla utshani njengenkabi. Nebhere liyoba mnene, nempisi iyothanjiswa. Kuyoba yisikhathi esinjani pho! Akukho okuyolimaza noma kubhubhise; yonke into iyoba sekuthuleni nasothandweni. Ukuguga akusayikubakhona; ukugula akusayikubakhona, akusekho kufa.

248 Bafo, lena akusiyo indaba ethize kaSanta Claus, enye into ethize eyinganekwane, ilotshwe eZwini. Futhi alikaze

iZwi lehluleke. Nokucabanga ngaso impela isithembiso se... Hhayi emuva osukwini lweBhayibheli, kodwa ngalolusuku, usuku uNkulunkulu—namhlanje. Akukho nokukodwa okuncane impela okuke kwehluleka kweZwi laKhe. O, ngiqonde kulowoMuzi. NgiyaWuthanda, aniwuthandi nina na?

249 Qhabo! Manje, Mfowethu, Dadewethu, selithi ingamashumi amabili emva kwelesishiyagalolunye. Ngiyazi nginabanye abangani lapha abavela ezansi le eKentucky. Ngiyazi nginabangani lapha abavela ezingxenyeni ezehlukene zezwe. Uma nifuna ukuhlala ubusuku bonke, ngizonikhokhela ikamelo lenu. Nginitshelile, nibe nedina linilindele futhi kukhokhelwe indawo yenu ehhotela labahamba ngezimoto uma benifuna ukuhlala. Futhi into kuphela enizofanele niyenze ngukuba nimbone emuva lapho, futhi impela ngizokwenza. Ngizokwenza noma yini engingayenza ukuba nginisize. Ngiyanithanda.

250 Angiqonde khona ukuthi ukuphendula lemibuzo mhlawumbe ngezinye izikhathi kuphambene. Uma ungakukholwa, lokho kulunge ngokuphelele. Ngifuna ningithande ngokufanayo nje, ngoba uNkulunkulu uyazi nginenza ngaleyondlela. Ngiphendula kuphela lemibuzo ngakho konke ukwazi kwami—ngingahle ukuba ngibe nephutha kweminye yayo, mngani, kodwa ubungesilo iphutha langamabomu. Ukuba benginemibuzo cishe eyisithupha noma eyisishiyagalombili, ukuze ngikwazi nje ukuhlala ngqo nayo futhi nje ngiwuchaze phansi ngqo, kodwa mina, esikhundleni sokuyigijima yonke manje...Nginembalwa yayo mayelana nomshado nesahlukaniso. Ngibe nje ne—ngicabange ukuthi bengizophendula embalwa yayo. Angibange ngisayithola eminye ebekwe lapha, ngiyicosha, kodwa ngineminye imibuzo esemqoka kakhulu lapha, imibuzo esemqoka kakhulu. Ngifuna ukuniphendulela yona uma ngingaphumelela.

251 Manje, uma nihlala ngakhona lapha nisondele, bizani uBilly, ngoLwesithathu; ngiyokwazi ngaleyonkathi ukuthi ngabe ngiyobuya yini. Ngizokhuleka ngaleliviki. Kodwa nginenqwaba yezingxoxiswano zangasese, o, inqwaba ethi ayibe *ngako*. Futhi nginecishe ithi ayibe *ngako* eArizona ukuyenza ngolunye lwalezizinsuku uma ngingaphumelela. Futhi ngabantu abagula ngempela. Abanye babo banezinkinga, futhi abazi nje ukuthi bazokwenzenjani—abayeni nonkosikazi benezinkinga.

252 Neminye yalena lapha idingeke ukuba iphendulwe ibe yizingxoxiswano zangasese, ngoba bengingenakuyifunda izwakale ngqo, okushiwo ngabantu phakathi lapha mayelana nodaba lwabo lomshado nezinto ezinjalo. Futhi bengisanda kuba noBilly ukuba nje abuyele emuva bese ethola ukuthi bangobani, futhi—futhi ababize, bese ebatshela ukuthi sizovele nje sibabeke engxoxiswaneni, ukuze ngikhulume ngayo. Eminye enzima kakhulu, futhi yimibuzo efanele iphendulwe.

253 Ngilapha ukuzama ukunisiza, ngoba ngiyanithanda. Ningabantwana bami engibazale kuKristu. Nginibiza ngabami nonke. Nginibiza ngabami kulobubusuku; nginibiza ngabami ngaso sonke isikhathi; ngihlala nginibiza njalo ngabami nalokho—njengomfowethu nodadewethu. Ningabantwana bami; ngi—nginguyihlo eVangelini, hhayi ubaba njengoba bekungaba ngumpristi, ngi—nginguyihlo eVangelini njengoba uPawulu asho lapho. Nginizale kuKristu, futhi manje, ngi—nginendisela kuKristu; lokho ngukunethembisela kuKristu njengentombi emhlophe. Ningangibhekiseli phansi! Ningangibhekiseli phansi! Hlalani niyintombi emhlophe.

254 "Ngizokwenza kanjani, Mfowethu Branham na?" Hlalani neZwi ngqo; hlalani nihlanzekile futhi nimsulwa; ningazihlanganisi ngalutho nezinto zezwe. Uma uthando lwalo lusenhliziyweni yenu, uthi, "O, Jesu, ngicela ususe lokho kimi. Angifuni ukuba njalo."

Manje angiqondile ukuthi ube ngomunye umuntu nje o—osho lokhu. Ngi—ngiqonde ukuba yikholwa langokoqobo. Kholwa nguJesu Kristu futhi uMphilele nsuku zonke. Ungenzi-bubi.

255 Manje, inqwaba yezikhathi ngikhuluma ngenkolelo yobuCalvin. Manje, ungacabangi ukuthi lokho kuyakudedela ukhululeke ukwenza noma yini ofuna ukuyenza. Umfo ngolunye usuku . . . Ngathi, "Uyile enkonzweni na?"

Wathi, "Ngiye kozingela."

Unkosikazi womuntu ufika kimi, futhi wayevela elondolo yomata ngeSonto. Ngase ngithi, "Awuyanga ngani enkonzweni na?"

Wathi, "Ngenze iwashingi yami."

Ngathi, "Ubungafanele ukwenze lokho."

"Awu," wathi, "Angisuye umgcini-mthetho ngokweqile omdala."

Ngathi, "Kodwa bengicabanga ukuthi ubungumKristu." Niyabo? Ngathi, "Ubuwazi ukuthi ubeka isikhubekiso endleleni yomuny'umuntu." Niyabo? Ngathi, "Ku . . . "

"Awu, ahh, ngi—ngikholwa yi*lokhu*. Angidingi ukuba ngenze lezozinto. Angisuye umgcini-mthetho ngokweqile."

256 Awu, buka Mfowethu, Dadewethu, buka lapha. UPawulu wathi, "Uma ukudla inyama kubeka isikhubekiso endleleni yomzalwane wami, angisobe ngisayidla inyama inqobo nje uma izwe lisamile." Futhi ngicabanga ukuthi bekungangcono kakhulu . . .

257 Manje, uthi, "Mfowethu Branham, uyazingela. Awukaze uzingele ngeSonto na?" Ake ngikutshele okuthize. Hhayi—angizimbambathi emhlane ngalokhu, kodwa ngi . . . Angisuye umSabatha manje, ngikholwa ukuthi uMoya oNgcwele

uyiSabatha lethu. Ngiyakukholwa lokho, kodwa ngikholwa ukuthi sifanele sikuhloniphe lokho kuvuka njengesikhumbuzo. Leso yisikhumbuzo engi . . . Uma uhlonipha noma yiluphi usuku, hlonipha lokho kuvuka.

258 Manje, akukho-mthetho ekugcineni noma yiluphi usuku oluthize, ngoba ungena eSabatheni, ukuthula, uma ungena kuYe. Nginawo lowombuzo phakathi lapha ukuba ngiwuphendule masinya impela empeleni, uma iNkosi ithanda, mayelana nokuthi yini usuku lweSabatha na? Ngizoluchaza, uNkulunkulu ethanda.

Futhi manje qaphelani, khumbulani lokhu. Niyabo? Ngenkathi ngisengumfanyana, khona phezulu lapha lapho uEichs ayakhe khona emgwaqeni, ngangithi angibe neminyaka eyishumi nane ubudala; ngangicuphela ukuba ngiziphilise. Into kuphela engangisiza ngayo ukuba sithole isinkwa endlini yakithi kwakungukubamba amaqaqa, izilwane eziququdayo amamaskrats, izinyamazane ama opozamu.

Ngiyathanda ukucupha, futhi ngangidingeka ngikwenze. Ngangiya esikoleni nginuka njengeqaqa, futhi nga—nganginepheya elilodwa lezingubo, futhi yilokho kuphela engangikugqoka. Yilokho kuphela enganginakho. Umama wayezikhumula bese eziwasha, ngibuye ngizigqoke; futhi manje, ngangiya kanjalo-ke esikoleni, umfanyana. Kodwa ngangimi phezulu lapho ngobunye ubusuku; ngathi, "Nginezicupho zibekwe phezulu lapho ngakwa Wathen, phezulu ngaphezu kwalapho." Ngangisuka njalo ekuseni cishe ngele 2 nqo nesiketekete ukuba ngisebenze lezizicupho, bese ngibuya kusenesikhathi ukuze ngiye esikoleni. Ngangibamba unogwaja; ngangithola usheleni nozuka ngawo. Ngangithola ibhokisi lamagobolondo ngaleyo, mhlawumbe lokho kubulala onogwaja abathathu noma abane. Esasingenakho ukuba senze amabheskidi nonogwaja—ngani, isobho lokokudla kwakusihlwa, ngangithengisa omunye, mhlawumbe ngithole eyenele ukuba ngithenge isinkwa, noma okunye ukudla, noma ufulawa ukwenza isobho ngawo. Angazi noma naningaphila kanjalo noma qha.

259 Ngangibeka izindobo zezinhlanzi amatrawuthi emfuleni; ngehle, bese ngithola lezozinhlanzi, bese ngizithengisa ngosheleni iphawondi. Ngibeke izindobo zami zezinhlanzi amatrawuthi. Ngangingenasikebhe; ngangihlamba ngiphume ngogodo. Ngingene emfuleni—futhi kusabanda—ngibeke ibhakede lami lezicupho phandle lapha ogodweni noku—gwedla ngigwedle ngiphume kanjalo, umzimba wami onqunu emfuleni, bese ngigijimisa le . . . Nganginentambo ngakulelicala, ngibophele izinhlanzi zami. Labobhabhula abadala bengishaya ngezigwedlo emlenzeni ngilokhu ngihamba kanjalo, bese ngibeka isicupho sami e . . .

260 Kodwa bukani, ubusuku obuningi ngiphumele kulowomfula ngeleshumi nanye nqo bese ngithintitha zonke izicucu zesicupho ngizisuse kulolodobo. Uma ngingenakubamba ezenele ngezinsuku eziyisithupha, ngangingayifuni efika ngolwesikhombisa. Ngime lapho emvuleni.

261 Ubusuku obubodwa ngingazibona nje ngisamile, ngincike . . . Ngangiyisoni; kodwa ngangimile, ngencike esigxotsheni kanje, umnyango. O, imvula yayiphophoza, sekuthi impela akube ngeleshumi nanye. Ngathi, "Ngizoba leyithi kulobubusuku, kodwa ngiyahamba bese ngivumbula zonke lezozicupho. Angeke ngiyibambe ngeSabatha." Ngathi, "Angeke—angeke ngicuphe labonoxhaka." UNkulunkulu wakuhlonipha lokho.

262 Ngiyakhumbula ngesikhathi ngenkathi ngangifuna njalo, njalo, yonke impilo yami ngangifuna ukuba ngumzingeli. Umkhulu wami wayenguye. Niyazi, ugogo wami uphuma ezabelweni; wayehola impesheni. Ngiyayithanda nje impilo yokuphumela ngaphandle.

263 Futhi ngiyakhumbula ngangihlala njalo ngifuna . . . Nga—ngangifuna nje yonke impilo yami . . . Ngacabanga ukuthi uma ngangingake ngize ngibe nemali eyenele ngize ngikwazi ukuba nesibhamu esikhulu i .30-30 . . . Uma ngangingake ngize ngikwenze, bese-ke ngithola isixha sezicupho. Ngiyoya ezintabeni; ngiyoyeka konke okwezwe kuzihambele. Ngacabanga, "Mhlawumbbe ngesinye isikhathi uma ngizothatha isibhamu sami i.22 bese ngifunda ukuba ngumnembi, omunye umzingeli ngesinye isikhathi uyofuna sihambisane. Uma ngithola ukuba ngumnembi, uyongivumela ngihambisane naye ukuba ngimvikele; ngiyohamba ngiyozingela." Ngiyabuka, kulenga ezindongeni zami, nezibhamu ezinkulu nezedlula zonke imali engazithenga silenga lapho, ngize ngiboleke abantu izibhamu ezinkulu ukuba bayozingela.

264 Ungivumela ngiyongena ezintabeni futhi ngishumayele, nabanye babaphelekezeli abedlula bonke okhona ezweni ungiyisa ekuzingeleni, mahhala. "Umusa omangalisayo, umsindo omnandi kangaka."

265 Ngenkathi ngi . . . Ngisho nakulokhu ukusa, umzingeli omdala wezinyamazane amadiye lapha ndawondawo ene .35 Remington—bengingasidingi ngempela isibhamu esikhulu—kodwa wangigaxa, wathi useguge kakhulu ukuba angazingela, "Ngifuna ukukunika isibhamu sami esikhulu." Ngacabanga ngalokho ngisengumfanyana, kanjani, uma ngangiyoke ngicabange ukuthi ngiyoba nesibhamu esikhulu kanjalo, o, he, kwakuyoba njani. Futhi manje, ngiyacabanga nje, kulenga laphaya odongeni lwami, izibhamu ezinkulu ezinhle, izindawo ukuyozingela.

266 Ngiyakhumbula ngiphuma, nabafana babethenga ikhoni isitsha sika ayisikrimu. Futhi ngezinye izikhathi abanye babo babenozuka abeqile futhi bangithengele esisodwa. He, ngangingakwazi ukubuye ngibathengele esisodwa. Ngacabanga, "Uma ngi . . . "

267 Futhi ngezinye izikhathi babevame ukuthenga lokho okudala, esasikubiza nge "mudlark inyama egayiwe yaphekwa yaxutshwa no anyanisi." Angazi noma niyakhumbula noma qha, kodwa abanye benu bantu abadala . . . Uyithola ngozuka, yonke inqwaba yo anyanisi nayo. O, ngiyazithanda lezozinto. Umntwanyana sasingena . . . Isinkwa sommbila nje notiligi—niyazi ukuthi kunjani—ukudla.

268 Manje, omunye wayengithengela enye yalezozinyama ezigayiwe zaphekwa zaxutshwa no anyanisi, futhi mfana, ngangikhotha iminwe yami lapho engangiyibambe khona. Kwaku—kwaku—inambitheka kamnandi kabi. Futhi ngacabanga, "Mfana, leyandoda, ukuba kuphela bengingayithengela inyama ihembega." Futhi manje, ngingathengela ibandla ukudla kwabo kwakusihlwa.

269 Ngiyazikhumbula zonke lezozinto, futhi kwavelaphi na? Umusa kaNkulunkulu, akukho engakwenzayo.

270 Ngiyakhumbula ngehla ngomgwaqo lapha ngase ngikhuluma nomunye. Ubaba wami—nonke niyakwazi—wayephuza; wayenza ugologo. Nalokho—akekho owayenendaba nami. Ngangehla ngomgwaqo futhi ngizame ukukhuluma nendoda; ngisahlangana nawo indoda namhlanje. Ngizame ukukhuluma nomuntu, uma engekho omunye umuntu engingakhuluma naye, babema, "Ya, e-hhe." Niyabo? NganginguBranham.

271 Ngakho, ngangiphatheka kabi kabi ngempela, futhi ngijike, bese ngisuka ngihambe. Ngacabanga, "Anginacala lalokho. Angenzanga lokho okwenziwa ngubaba wami. Angikaze nhlobo ngiphuze empilweni yami. Kungani ngimele lokho na?" Futhi ngangitshela unkosikazi lapha kungekudala, "Ngize ngacishe ngadingeka ukuthi ngihlale ngaphandle kwedolobha." UNkulunkulu ubemuhle kimi.

272 Ngacabanga laphaya lapho atshela khona uNathani ehlezi lapho ngesinye isikhathi. UNathani . . . uDavide wathi, "Kulungile kimi ukuba ngihlale endlini yemisedari nomphongolo kaNkulunkulu wami uphansi kwethende phandle lapho umboziwe." U . . .

UNathani, umprofethi, wathi, "Davide, yenza konke okusenhliziyweni yakho, ngoba uNkulunkulu unawe." Umprofethi wenza iphutha, hhayi ngamabomu.

Ngalobo busuku iNkosi ifika kumprofethi, yathi, "Hamba utshele inceku yami uDavide, 'Ngamthatha ekwaluseni izimvu, elusa lezozimvu ezimbalwa phandle lapho; futhi ngimnika

igama njengomkhulu osemhlabeni. (Akazange Athi wamnika igama elikhulu kunawo onke, Umnika nje igama njengabakhulu owayesemhlabeni.) Ngikwenzele zonke lezizinto, Davide. Nginqume izitha zakho nomaphi lapho uye khona. Bengiseduze kwakho. Angikaze ngehluleke ngawe, futhi Angiyikwehluleka ngawe. Kodwa ngeke ngakuvumela ukuba wakhe umuzi.'"

273 Ngacabanga ngalokho, ngendawo manje lapho uNkulunkulu engisize khona futhi wangazisa indoda amakhulu, wangivumela ngajikeleza umhlaba. Nabantu abavela emhlabeni jikelele beshayela ukuza bakhulekelwe, nabantu abagulayo, futhi—befuna imizuzu embalwa nawe, lapho nje iminyaka embalwa edlule babengajikeli ngisho—babejikisa ikhanda labo ukuba bangibone esitaladini. Futhi manje, usomabhizinisi uphumelela ngabantu engibaletha edolobheni futhi ngibe nabo lapha, ngokudla kwabo nezikweletu zabo zasehhotela labahamba ngezimoto, nezinto ezinjalo, kube ne—beya emahhotela abahamba ngezimoto nangakhona edolobheni nezinto ezinjalo.

274 Abantu aba. . . Abantu babengangithandi nhlobo; akukho-muntu owayenokungisebenzisa. Futhi manje, ngosizo lukaNkulunkulu, ngikholwa ukuthi ngiqondisa uMlobokazi kaJesu Kristu. O. "Umusa omangalisayo, umsindo omnandi kangaka."

275 Kwavelaphi na? Imfundo yami na? Anginayo. Kwavelaphi na? Isithunzi sami na? Anginaso. Ngabe kwavela ekwazini kwami isayense yezenkolo na? Angazi nayinye. Kweza kuphi na? Umusa kaNkulunkulu owangisindisa.

> Ngumusa owafundisa inhliziyo yami ukwesaba,
> Ngumusa owakhulula ukwesaba kwami;
> Wabonakala ngokujabula kakhulu lowomusa,
> Ihora engaqala ukukholwa ngalo.
>
> Ezingozini eziningi, izinkathazo, nezihibe,
> Sengivele ngedlulile;
> Ngumusa oze wangifikisa lapha,
> Ngumusa oyongiyisa ekhaya.
>
> Nalapho siyobe sesibe lapho kulowoMuzi iminyaka eyizinkulungwane eziyishumi,
> Okhanya ukwedlula ilanga;
> Asiyikuba nezinsuku ezinciphayo ukucula udumo lwaKhe,
> Kunanga-mhla siqalayo.

O, ngimthanda kangaka uJesu, leloGama elihle elangisindisayo ngenkathi ngiyi—yisoni, owangiphilisa ngenkathi ngigula, onginika isithembiso sekhaya kulowoMuzi. Nginekhaya kuleloDwala. Akukho okunye okunendaba manje kodwa ukuthola ukuhlanganisa bonke abantwana bakaNkulunkulu ndawonye futhi ngithi, "Asihambeni." Ihora,

iphakathi nobusuku liyagadla; isikhathi sesedlule kunoma sicabanga. Asikhuleke.

276 Nkosi Jesu, ukuvala kosuku oluphelele. . . Njengoba besingama esiqongweni sentaba bese sibukela ilanga, lapho imishwe ebomvu yenyuka inqamula ezintabeni ezinkulu zasentshonalanga ngaleya, lapho iso elikhulu lizivala lona, izinyoni ziqala ukwenza indlela yazo eya esidlekeni, sekuza ubusuku. Sibone olunye usuku olukhulu lokoMoya lapho uMoya oNgcwele kade usisiza ukuba siphendule lemibuzo. Manje, siya esidlekeni sethu, Nkosi. Sinakekele; ungavumeli lutho lugadle kithi, Nkosi. Sigcine ezinyokeni zasebusuku nobubi. Kwangathi uNkulunkulu angaba seduze kwethu ngazo zonke izikhathi, esivikela futhi esisiza.

277 Ngiyakhuleka, Baba wasezulwini, ukuthi Uzobusisa wonke obesemhlanganweni, labo abangaphumelelanga, wonke ozwa amateyipu. Kwangathi imibuzo ingeqine kakhulu kakhulu. Futhi uma ngenze iphutha, Nkosi, Uyayazi inhliziyo yami; bengingakuqondile. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, uma kukhona okungalungile, ukuthi Awusoze, soze ukuvumele kuqhubeke; kwangathi iteyipu ingama. Ungangivumeli ngidukise noma ubani, Nkosi. Mangibe yinceku yaKho yeqiniso, ngokuba leso yisifiso sami sonke senhliziyo. Noma ngabe ngiyaphila noma ngifa, noma ngabe ngiyalibala kumbe noma ngabe ngiyaqhubeka, noma ngabe ngiyalala kumbe noma ngabe ngivukile uma Efika, akunandaba kimi, Baba, intando yaKho mayenziwe. “Ngokuba ngiyazi ukuthi uMhlengi wami ukhona, futhi ngezinsuku zokugcina Uyoma phezu kwalomhlaba. Futhi noma emva kokuba izibungu zesikhumba sezibhubhise lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu.” Lowo kwakungumprofethi uJobe ngenkathi ebone ukufika kweNkosi.

278 Futhi, Nkosi, namhlanje njengezinceku zaKho, sibheka phambili futhi sibona ukufika kwaKho. Ngakho akunandaba kithi, Nkosi, ukuthi nini, kanjani, kuphi. Sifuna kuphela ukuthokozisa Wena. Sisezandleni zaKho. Sigcine, Nkosi, kuze kuphume ilanga. Siphe khona, siyobe-ke sonke sesimashela phezulu eZiyoni lapho lowoMuzi lapho iWundlu lingukuKhanya khona.

279 Abantwana bami abancane abathandekayo lapha, Nkosi, engibazalele Wena ngezibopho zeBhayibheli, bayisithelo saleliZwi. Bayangithanda, nami ngiyabathanda. Futhi ngiyazi ukuthi Usithanda sonke. Siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzosikhulelisa kakhulu ngeZwi laKho ukuze sibone kuphela Yena. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi singagcwala kakhulu iZwi laKhe ukuze uMoya ukwazi ukusisebenzisa noma yikuphi noma kuyiphi indawo ukubonakalisa noma yiliphi iZwi Alethembisile. Siphe lokho sonke. Lapha phezu kwalezizethameli lapha lezi . . .

280 UMfowethu Jackson uyabuya manje, emuva le phansi kuyongena eNingizimu Afrika. Hamba naye nomkakhe; ube nabo, Nkosi. Bahole ohambweni lwabo.

281 Nanku umbhalo kaMfowethu Lee Vayle, ebhala phansi onke amagama engiwashoyo, ezama ukwenza incwadi. O, Nkulunkulu, siza uMfowethu Vayle noDadewethu Vayle.

282 Nampa lababafowethu abavela ezansi e—eArkansas, ne—nezelamani zakwaMartin, na—na—nabo bonke laba abanye abafowethu. Ngikhulekela ukuthi Uzoba nabo bonke.

283 Yiba noMfowethu Neville, uMfowethu Capps, uMfowethu Ruddell, uMfowethu Jackson, bonke. O, Nkulunkulu, kunabaningi. Bavele eGeorgia, eAlabama, nasesifundazweni sonke nasemhlabeni jikelele. Sicabanga ngeculo:

> O, bavela eMpumalanga naseNtshonalanga;
> Bavela emazweni akude;
> Ukudla idili neNkosi yethu,
> Ukudla njengezimenywa zaYo, (Uzimemele ukuba zihlanganyele naYe.)
> Zibusisiwe lezizihambi.
> Bebheka ubuso baKhe obungcwele,
> Bavutha uthando lwaphezulu;
> Abahlanganyeli ababusisiwe bomusa waKhe,
> Ukuba bakhanye njengamagugu emqheleni waKhe.

284 O, Nkulunkulu, kwangathi singakhanya kakhulu njengamagugu emqheleni waKhe, abanye bakwazi ukubona futhi balangazelele ukuMkhonza. Siphe khona, Nkosi. Bavikele emgwaqeni. Busisa wonke umuntu.

285 Futhi Baba, ngesikhathi esikhonjiweyo . . . Ngiyinceku yakho. Uma nifuna ngiqhube lena ngeviki elizayo noma ukuthatha lezizingxoxiswano, yembula kimi, Nkosi, futhi mangazi phakathi kwamanje nangoLwesithathu ukuze siqonde. Siphe khona, Baba, ukuze abantu beze. Futhi ngikhuleka lesisibusiso ukuthi Uzosisiza futhi—futhi uhlangabezane nathi futhi lapha ngesikhathi somhlangano olandelayo.

286 Yiba noMfowethu Neville nalamadoda aletha iZwi lehlele le eTexas, naphandle phakathi e Arkansas, nezindawo ezehlukene; yiba nabo nje, Baba. UMfowethu Pearry Green nalo lonke iqembu lapho, ne—yiba nabo bonke nje, Nkosi; bangabantwana baKho abancane. Ndawo zonke emhlabeni jikelele balindele ukufika kwaKho. Sisize, Baba siyakhuleka, njengoba sizinikela kuWe. EGameni likaJesu sisebenzise. Amen.

287 Ngiyalithanda leloculo, *BaVela EMpumalanga naseNtshonalanga*. Bangaki olaziyo lelo na? Angazi njengoba ngilazi, kodwa ngicabanga ukuthi ngazi ivesi. Ungahle ulicoshe, Dadewethu. Angazi noma bangalithola yini.

O, bavela eMpumalanga naseNtshonalanga;
Bavela ezweni elikude,
Ukudla idili neNkosi yethu,
Ukudla njengezimenywa zaYo,
Zibusisiwe lezizihambi.
O, bebheka ubuso baYo obungcwele,
Bavutha uthando lwaphezulu;
Abahlanganyeli ababusisiwe bomusa waYo,
Ukuba bakhanye njengamagugu emqheleni waYo.

O, uJesu uyeza masinya;
Izivivinyo zethu khona-ke ziyophela.
O, singathini uma iNkosi yethu ingafika ngalomzuzu
Kulabo abakhululekile esonweni.
O, khona bekuyonilethela injabulo,
Noma ukudabuka nokukhulu ukuphela ithemba na?
Nxa iNkosi yethu eNkazimulweni iza,
Siyohlangana naYo phezulu emoyeni. (Niyakuthanda lokho na? Asilizame futhi.)

O, bayovela eMpumalanga naseNtshonalanga;
O, bavela ezweni elikude,
Ukudla idili neNkosi yethu,
Ukudla njengezimenywa zaYo,
Zibusisiwe lezizihambi.
Bebheka ubuso baYo obungcwele,
Bavutha uthando lwaphezulu;
O, abahlanganyeli ababusisiwe bomusa waYo,
Ukuba bakhanye njengamagugu emqheleni waYo.

O, uJesu uyeza masinyane;
Izivivinyo zethu khona-ke ziyophela.
O, singathini uma iNkosi yethu ingafika ngalomzuzu
Kulabo abakhululekile esonweni.
O, khona-ke bekuyonilethela injabulo,
Noma ukudabuka nokukhulu ukuphela ithemba na?
Nxa iNkosi yethu eNkazimulweni iza,
Siyohlangana naYo phezulu emoyeni. (Bangaki abafuna Ukuhlangana naYo phezulu lapho na? O, he!)

O, uJesu uyeza masinyane; (Vala amehlo akho nje bese uzibona uzwa ukukhala kwecilongo.)
Izinkathazo zethu khona-ke ziyophela.

O, singathini uma iNkosi yethu ingafika ngalomzuzu
Kulabo abakhululekile esonweni.
O, khona-ke bekuyonilethela injabulo,
Noma ukudabuka nokukhulu ukuphela ithemba na?
Nxa iNkosi yethu eNkazimulweni iza,
Siyohlangana naYo phezulu emoyeni. (Niyakuthanda lokho na?)

288 Pat, yima isibindi! Kuzosa kuwe ngokunye kwalokhu ukusa. Angibonanga nje ukuthi kuye ngaphi, kodwa kubukeke kukuhle. Amen! Unesikhathi eside, Mfowethu, kuyofika. Futhi njengesinkwa phezu kwamanzi kuyobuyela kuwe ngolunye usuku. Kunjalo. Kulungile.

O, niyaMthanda na?

Ukholo lwami lubheka phezulu kuWe,
Wena Wundlu laseKalvari,
O, Msindisi waphezulu!
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa zonke izono zami,
Ungangivumeli nanini ngiduke ngisuke eceleni kwaKho.

Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama kwempilo,
Nezinsizi zanda macala onke kimi,
Yiba Wena nguMholi wami,
Yala ubumnyama bube yimini,
Sula ukwesaba kokudabuka,
O, makuthi mina kusukela namhlanje ngibe ngowaKho ngakho konke! (Anikuthandi lokho na?)

Ukholo lwami lubheka phezulu kuWe,
Wena Wundlu laseKalvari,
O, Msindisi waphezulu!
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa sonke isono sami;
Ungangivumeli nanini ngiduke ngisuke kuWe.

Libusisiwe igoda elibophayo (O, he!)
Izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu;
Inhlanganyelo yomqondo ofanayo
Injengalokho ngaphezulu.

Phambi kwesihlalo sobukhosi sikaBaba wethu
Sithulula umkhuleko wethu ovuthayo;
Ukwesaba kwethu, amathemba ethu, izinhloso zethu kunye,
Izinduduzo zethu neminako yethu.

Kodwa nxa sehlukana ingxenye,
Kusinika ubuhlungu bangaphakathi;
Kodwa siyolokhu sixhumene enhliziyweni,
Futhi sethemba ukubuye sibonane.

289 Dadewethu Wilson, niyakhumbula cishe eminyakeni engamashumi amathathu-nantathu noma amashumi amathathu-nanhlanu eyedlule emhlanganweni owawusendlini eyayincane sibambane ngezandla na? Bengazi ukuthi uyakukhumbula lokho. O, ake selule izandla manje bese ubamba omunye ngesandla.

Libusisiwe igoda elibophayo
Izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu;
Inhlanganyelo yomqondo ofanayo
Injengalokho ngaphezulu.

Phambi kwesihlalo sobukhosi sikaBaba wethu
Sithulula umkhuleko wethu ovuthayo;
Ukwesaba kwethu, amathemba ethu, izinhloso
zethu kunye,
Izindunduzo zethu neminako yethu.

Nxa sehlukana ingxenye,
Kusinika ubuhlungu bangaphakathi;
Kodwa siyolokhu sixhumene enhliziyweni,
Futhi sethemba ukubuye sibonane.

Niyathandana na? Bantwanyana, thandanani.

Size sibonane, size sibonane,
Size sibonane ezinyaweni zikaJesu;
Size sibonane, size sibonane,
UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi.

290 NiyaMthanda na? Akamangalisi na? Niyathandana na? Yelula isandla macala onke, usho okuthize komunye. Uthi, "UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Akubusise, dadewethu."

291 Basilalele kulobubusuku ngaphesheya komfula ngaleya, Dadewethu Wilson. Sengiyambona uMfowethu Seward omdala ehamba kwiphansi, eshaya ihlombe. Ngibone umzalwane wethu lapha emuva lapho nentshebe ebusweni bakhe uphakamisa izandla zakhe, edumisa uNkulunkulu; ngicabange ngoMfowethu Ryan, ukuthi wayehlala kanjani khona ngalapho etabernakele elidala nentshebe yakhe iyinde kanjalo. Ulalele kulobubusuku emasangweni aseNkazimulweni, ongcwele omdala othandekayo. Akamangalisi na?

Hamba neGama likaJesu,
Mntwana wokudabuka nowosizi;
Liyakukunikeza injabulo nentokomalo,
O, lithathe noma uyaphi.

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu,
Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Manje, hamba neGama likaJesu. (Wenzeleni na?)
Njengesihlangu kubo bonke onoxhaka. (Kwenzekani na?)
Uma izilingo zikuzungeza,
Phefumula lelogama elingcwele ngomkhuleko.

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba no . . .

O, Jesu, basize ngiyakhuleka . . .?. . . Baphilise, Nkosi, kuJesu . . .?. . . okwakho lokhu futhi . . .?. . .

Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Intombazanyana yakho na? Yinhle.

292 Okwezingxoxiswano: uBilly uthe akubonanwe naye phakathi kwamanje nangoLwesithathu okwezingxoxiswano noma kusukela ngoLwesithathu kuqhubeke kuze kube ngoMgqibelo okwezingxoxiswano ezizayo, noma ngabe . . . Uma singenayo imihlangano emva koLwesithathu, uhlole kuye, nina eninezingxoxiswano. Abanye benu, akazi ukuthi anganithola kanjani. Ngakho uzo . . . Wonke lowo ofuna izingxoxiswano manje, hlolani kuBilly.

293 NiyaMthanda na? Kulungile. Manje, size sibonane, uNkulunkulu anibusise. Sifuna ukukhothamisa amakhanda ethu; futhi ngizocela owami olungileyo, umngani othembekile, oyowela izilwandle manje, ukuya ezansi le eAfrika, lapho engake ngenza umsebenzi wokuba yisithunywa senkolo lapho ngeGama leNkosi, uMfowethu Sidney Jackson, yena nomkakhe . . . Sijabule kakhulu ukuba babenathi okwalezizinkonzo ezimbalwa ezedlule. UNkulunkulu umbusise kanjani pho. Futhi ngizocela uMfowethu Sidney Jackson uma ezokhulula lezizethameli ngomkhuleko. Mfowethu Jackson, uma uthanda.

